

G

Uguuko Lwakho Lwezezimali

AMANDLA OKUPHUMULA

Q

GARY KEESEE

U K O

Mngane othandekayo kuKristu,

Kungumthandazo wethu ukuthi uthole lomthombo wokufundisa ube yisibusiso futhi nesikhuthazo kuwe. Sicela uziphe ukhululekile ukwabelana ngalolu Iwazi nabangani bakho, umndeni kanye namalunga ebandla lakho. Futhi, ungaya ku-FLNFree.com ukuze ulande amakhophi engeziwe kanye nezimfundo zamahhala ngolimi lwakho.

UNKULUNKULU uyakuthanda futhi Yena unecebo elimangalisayo ngempilo yakho. Ukufunda indlela uMbuso kaNKULUNKULU owawusebenza ngayo kwatshintsha ukuphila kwethu kwaba ngcono, futhi sithemba ukuthi kuzokwenza okufanayo nakuwe.

Ngothando kuKristu,

UGary noDrenda Keesee



P.S. Khumbula ukuya kuwebsite yethu yokulanda mahhala ku-FLNFree.com ukuze ulande izimfundiso ezingeziwe zamahhala ngolimi lwakho!

Uguuko Lwakho Lwezezimali

AMANDLA OKUPHUMULA

Q

GARY KEESEE

U K O

Your Financial Revolution,

The Power of Rest. Zulu. By Gary Keesee

© Gary Keesee, 2023

Originally published in English

ISBN: 978-1-945930-03-4

Faith Life Now

P.O. Box 779

New Albany, OH 43054, USA

You can reach Faith Life Now Ministries on the Internet at

FaithLifeNow.com

Uguquko Lwakho IweZezimali

Amandla Okuphumula. Zulu. Ngu Gary Keesee

© Gary Keesee, 2023

Eyahichilelwa okokuqala ngesiNgisi

ISBN: 978-1-945930-03-4

Faith Life Now

P.O. Box 779

New Albany, OH 43054, USA

Ungaxhumana ne- Faith Life Now Ministries ku inthanethi ku

FaithLifeNow.com

Ngifuna ukunikezela le ncwadi kumkami, uDrenda, njengoba kuye kwaba isikhuthazo sakhe, uthando lwakhe ngezinto zikaNkulunkulu, nothando lwakhe ngomndeni wakhe kanye nami okuye kwangikhuthaza yonke le minyaka. Ndawonye, siye sabonisa ukuthi amaphupho ayafezeka ngempela!

Gary Keesee

OKUQUKETHWE

ISINGENISO.....	5
ISAHLUKO 1: Ukuphumula - Okuyisisekelo.....	13
ISAHLUKO 2: Amalungelo Angokomthetho.....	31
ISAHLUKO 3: Umbuso Uyimpendulo Yakho.....	55
ISAHLUKO 4: Ngithole Isihluthulelo Esibalulekile SoMbuso!.....	79
ISAHLUKO 5: Ukundiza Kungcono Kunokuhamba Ngezinyawo.....	95
ISAHLUKO 6: Kunokwengeziwe Ekuphileni Kunokukhokha Izikweletu!.....	119
ISAHLUKO 7: Lokhu Akunakwenzeka!.....	135
ISAHLUKO 8: Isabelo Esiphindwe Kabili.....	149
ISAHLUKO 9: Okungaphezu Kokwanele!.....	165
ISAHLUKO 10: Imfihlakalo Yesabelo Esiphindwe Kabili.....	193

ISINGENISO

Usuku esasuka ngalo endlini yasepullazini lwalumuncu. Sasihlale kuleyondlu yasepullazini endala, encane, ewohlokile cishe iminyaka eyisishiyagalolunye, futhi manje ngangithwele umthwalo wokugcina wamabhokisi ngiwuyisa evenini yethu. Ngangilibangise ekhaya lethu elisha esasizakhele lona, endaweni eyi-7,700 *square foot*, ikhaya laseGeorgian elalihleli kumhlaba ongama-eka angu 55 epulazini elihle lase-Ohio, elingama-eka angama-20 amahlathi namaxhaphozi. Kwakuyiphupho okwakungaba nzima ukulicabanga eminyakeni embalwa ngaphambili.

Nakuba sasiphuma endlini yasepullazini, ngangiyithanda leyo ndlu endala. Yebo, ngisho namafasitela awo aphukile, nesilulu sayo esingaphansi kwesakhiwo sendlu esingcolile, nokuhlaselwa kwezinyosi okuqhubeckayo esasikubekezelela lapho sihlala khona. Ziningi-ke izinkumbulo ezafika engqondweni. Izingane zami ezimbili kweziyisihlanu zazalelwa lapho ekamelweni lomndeni.

Saba nezikhathi eziningi ezinhle lapho kodwa futhi nezikhathi eziningi zokucindezeleka ngokwezimali nokuphelelwa ithemba. Kwakunezinto eziningi okwakumelwe sizifunde. Nakuba kunzima ukukucabanga manje, lapho sithuthela kuleyo ndlu endala yasema-pulazini eminyakeni eyisishiyagalolunye ngaphambili, sasingakwazi

ukukhokha imali engange-\$300 ngenyanga yokuqasha. Zombili izimoto zethu zazindala kakhulu, zinamakhilomitha ayizinkulungwane ezingamakhulu kuzo, nokho zazisenamacala azo okubanjelwa imali ebolekiwego. Ngaleso sikhathi, kwakubonakala sengathi sikweleta wonke umuntu imali. Sasinamakhadi okuthenga ngesikweleti ayishumi adliwe kakhulu futhi esakhanselwa; nezikweletu ezimbili zenkampani yezezimali; Yebo, nezinkokhelo zethu ezimbili zeziomoto; Ababolekisi bemali abe-IRS; namashumi ezinkulungwane esasizikweleta izihlobo zethu; futhi uhlu luyaqhubeke. Sasiphila impilo yokuziphilisa nzima ngokwezimali, sithengisa yonke into esasinayo ngezinye izikhathi ukuze sithenge igilosa. Izinto esasinazo zazindala futhi ziphukile sasizithenge zindala kakhulu.

Isimo sethu sezimali esibi ngaleso sikhathi sasinethemba elincane lekusasa eliqhakazile. Eqinisweni, angizange ngilibone ithemba elikhulu lokuthi izinto zingashintsha. Ngangiwuthanda umndeni wami, ngingonkosikazi omuhle, kodwa ngangibadonsela esihogweni sezimali!

Ngangisebenzisa ama-*antidepressant*, ngibhekana nokuhlaselwa uvalo, futhi ukuphila kwami kwansuku zonke kwakudliwa ngokwesaba. Ake sithi bengingeyena umuntu ongajabula kakhulu ukuba naye. Bengithengisa umshwalense wempilo, ngiphila ngamakhomishini, futhi bengingayi ndawo ngokushesha, ngaphandle kokudlulela kwalasha wezezimali. Kancane kancane, sasilokhu siya ngokuya singena ezikweletini kwaze kwaba yilapho sezingasekho izinketho zezikweletu ezisele. Kungalesi sikhathi lapho ngishayekhe khona ngokomzwelo. Uvalo nokwesaba kwangehlela. Ngangesaba ngisho nokushiya indlu yami, okuyinto engalungele ukuthengiswa ngokwekhomishini.

Umkami wayecabanga ukuthi uzolahlekelwa umyen'i wakhe,

futhi ukwesaba ukukhulisa izingane ezine esasinabo ngaleso sikhathi sisodwa kwakumhlupha. Kodwa ukholelwa ngokuqinile emandleni omthandazo futhi akazange angilahle. Ndawonye, sathandaza sasesiqala ukuthola izimiso zoMbuso kaNkulunkulu. Lapho siqala ukufuna izimpendulo kanye nezimiso zikaNkulunkulu, ithemba laqala ukukhuphuka ezinhliziyweni zethu njengoba sasibona isiman-galiso ngemva kwesinye lapho sisebenzisa lokho uNkulunkulu ayesibonisa kona.

Isikhathi esichazayo senzeka ngobunye ubusuku lapho uNkulunkulu engibonisa ukuthi kwakufanele ngiqale inkampani yami emkhakheni wezezimali ngisize abantu baphume ezikweletini futhi ngibafundise izimiso Yena ayengibonisa zona. Ngaleso sikhathi, ukuqala inkampani ekhombisa abantu indlela yokuphuma ezikweletini kwakubonakala ixakile njengoba sasisenezikweletu eziningi ngokwethu. Sakhuleka ngalokhu, kodwa iNkosi yasitshela ukuthi njengoba siphuma kukho futhi siqala ukufundisa izimiso Zakhe, siyothola inkululeko yethu nathi. Ukuqala inkampani bekuwuhambo lokukholwa kwazise besingazi ukuthi kwenziwa kanjani lokho, kodwa sabekezela kukho. Inkampani yakhula, futhi imali eyayiletha yakhipha umkhaya wethu ngokuphelele ezikweletini eminyakeni emibili nengxenye. Ngizokhuluma okwengeziwe ngenkampani yethu esahlukweni esilandelayo, kodwa okwamanje, yazi nje ukuthi izimpilo zethu zashintsha kakhulu! Ayikho indlela engingachaza ngayo ukuthi sasizizwa kanjani lapho sesikhululekile, ukuthi kwakunjani ukungena endaweni ethengisa izimoto futhi ukhokhe ukheshi wemoto entsha. Kwakunjani ukuklama, ukwakha, nokukhokhela ikhaya lethu elisha. Esasikujabulela kwakungaphezu kwanoma yini esasingayicabanga.

Yebo, indlu yasepulazini yayinezinkumbulo ezimbawwa.

Njengoba ngiyothatha ibhokisi lokugcina endlini, ngadlula umkami lapho emi endlini yokudlela encane. Wangibheka ngamehlo akhe ehlengenezela izinyembezi.

LAPHO SIQALA UKUFUNA

IZIMPENDULO KANYE NEZIMISO

ZIKANKULUNKULU, ITHEMBA

LAQALA UKUKHUPHUKA

EZINHLIZIWENI ZETHU

NJENGOBA SASIBONA

ISIMANGALISO NGEMVA

KWESINYE LAPHO SISEBENZISA

LOKHO UNKULUNKULU

AYESIBONISA KONA.

Kwakungezona izinyembezi ezidabukisayo; kwakuyizinyembezi zenjabulo futhi nezinyembezi zomzwelo, lapho ekhumbula konke uNkulunkulu ayesifundise khona lapho. Ngalwisa izinyembezi zami futhi lapho ngibheka okokugcina ngase-makamelweni, ngikhumbula ngemizwa exubile ngakho konke okwenzeka lapho. Sasivala isahluko esithile

ekuphileni kwethu futhi siya ensimini entsha. Yini eyayip-hambi kwethu manje? Uhambo lwalusisuse ekucindezelekeni, singenathemba, saya kwelekusasa eligcwele ithemba. Njengoba ngihamba phandle nebhokisi lokugcina, ngama ngabheka emuva endlini ngimamatheka. “Cha, ngeke ngikukhumbule. Senginayo indawo engcono manje.”

Kwakujabulisa ngempela ukuthuthela ekhaya lethu elisha. Kodwa into engcono kakhulu ngohambo lwethu ukuthi ekugcineni kwaba nokuphumula! Ngangikwazi ukucabanga ngekusasa lami futhi hhayi nje ngokukhokha izikweletu. Eminyakeni edlule, ukuphila ekuphumuleni Kwakhe kube yiphupho eliphelele! Ukukhokhelwa kwezimoto zethu kuwukuphumula. Ukungabi nezikweletu kuwukuphumula. Ukuba nekhaya lami lamaphupho

kuma-eka angu 55 omhlaba elikhokhelwayo kuwukuphumula. Ukubona ukumamatheka ebusweni bomkami lapho ehamba ukuyathenga akudingayo futhi kungadingeki ukhathazeka ngemali ukuphumula. Ngaphezu kokuba nakho konke esikudingayo, ukuba nemali eyanele ukuze sikwazi ukunikeza amakhulu ezinkulungwane zamadola kwabanye futhi sisekele iVangeli kuwukuphumula. Kodwa cishe ushintsho olukhulu ekuphileni kwami kwakungekhona ukuvuka nsuku zonke ngibhekane nokucindezeleka nokwesaba okwakuzungeze ukuphila kwami kuyo yonke leyo minyaka yokuqala. Ukukwazi ukuphinde uphuphe ngezinto ezinhle esikhundleni sokuphupha uphila isonto eliodwa nje kuwukuphumula.

Yebo, ngosuku engangipakisha ngalo amabhokisi okugcina ayengena evenini ukuze sithathe uhambo oluya ekhaya lethu elisha kwakumuncu. Kodwa ngithembe, ubumnandi bokunye esabuthola no-Drenda kwayinqoba kakhulu imicabango emuncu yokushiya lezo zinkumbulo ngemva kangangokuthi sazizwa njengezingane ezimbili ezsencane ezesesikoleni futhi, sihleka futhi siphupha ndawonye.

Ngiyazi ukuthi ucabangani. Ngifisa sengathi ngabe nginalokho. Ngifisa sengathi ngingathola lokho okuhlangenwe nakho futhi nighleke, ngiphuphe, futhi ngikwazi ukugxila kokuthile ngaphandle nje kokukhokha izikweletu. Nakuba ungase ukuthole kunzima ukukholelwa kuleli phuzu encwadini, ngiyakuqinisekisa ukuthi lokho mina no-Drenda esakutholayo kungatholakala ngokunjalo

**LOKHO MINA NO-
DRENDA ESAKUTHOLAYO
KUNGATHOLAKALA
NGOKUNJALO KUWENA
NJENGOBA KWAKUNJALO
NAKITHI.**

kuwena njengoba kwakunjalo nakithi. Umthandazo wami uthi njengoba sabelana ngendaba yethu, uzokhuthazwa ukuthi usebenzise imithetho futhi nezimiso zikaNkulunkulu empilweni yakho nawe.

Akunzima kangako; umane udinga ukuthola amandla okuphumula!

Zanini kimi nina nonke enikhatheloye nenisindwayo, mina ngizakuniphumuza. Bekani ijoka lami phezu kwenu, nifunde kimi, ngokuba ngimnene, ngithobile ngenhliziyo, khona imiphefumulo yenu iyakufumana impumuzo. Ngokuba ijoka lami lihle, nomthwalo wami ulula.

— NgokukaMathewu 11:28-30

ISAHLUKO 1

UKUPHUMULA – OKUYISISEKELO

UKUPHUMULA - ukubekwa noma ukusekelwa ukuze uhlale endaweni ethile, isibonelo noma isikhathi sokuphumula noma ukuyeka ukwenza umsebenzi onzima noma ocindezelayo. (ku-*Google.*)

Ingabe ukhathele na? Ingabe uyakhungatheka izinsuku eziningi futhi ungalokothi ubanjwe? Ingabe isidingo sakho semali siyindlela ekhokhela izinqumo zakho zokuthi usebenza kuphi noma usebenza kanjani noma usebenza isikhathi esingakanani? Ingabe kubonakala sengathi awusoze wakwazi ukuphuma ezikweletini? Ingabe kubonakala sengathi uphila umjaho wamagundane? Uma kunguwe lona, awuwedwa.

Wake walibona isondo le-*hamster*? Nginesiqiniseko sokuthi ukhona, kodwa uma kungenjalo, lokhu kuyisondo elifakwa ehhokweni le-*hamster*. I-*hamster* ingagibela kulelosondo bese igijiima, igijime njalo, igijime ize ikhathale ngokuphelele. Kodwa yinye kuphela inkinga ngalelo sondo. Kungakhathaliseki ukuthi leyo *hamster* igijiima ngokushesha okungakanani noma okwesikhathi

eside kangakanani, lapho eselungle njalo ekhathele futhi ehla, usendaweni efanayo ncamashi eyeqale kuyo. Akukho okushintshile. Angasula izithukuthuku ebusweni bakhe obunoboya obuncane ngo-muzwa wokwaneliseka. Kodwa akukho lutho olufeziwe ukuze azuze isikhundla sakhe ekuphileni; usavalelw ehhokweni kungekho nkululeko. Lokhu kuhlanganisa phose abantu abanangi, uma kungelona iningi labantu, kanye nempilo yabo yezezimali. Basebenza kanzima isonto lonke futhi bazizwebekhathele bashintshe okwesikhatshana ngempelasonto, kodwa uma kufika uMsombuluko ekuseni, bazithola besendaweni efanayo ncamashi njengoba bebekhona ngesonto eledlule. Konke abakwenzile ukusinda elinye isonto elilodwa nje.

Lesi kwakuyisithombe sempilo yami iminyaka yonke eyisishi-yagalolunye. Ngangisebenza amahora angu-15 kuya kwangu-18 ngosuku, ngangikhuthele, futhi ngangisebenza kanzima, kodwa ngemva kokukhokha okweshumi kwami, izikweletu zami, nezintela, kwakungasekho lutho olusele. Ngokuvamile, ngangisilela kulokho engangikudinga futhi kancane kancane ngaqala umkhuba wokuboleka ukuze ngiphile. Lapho ukucindezeleka ngokwezimali kwanda, ngangigijima kakhulu, kodwa lutho. Lapho ngima futhi ngahlulele intuthuko yami, ngangihlehlela emuva.

Lokhu, ngokunjalo, kwaholela emiphumeleni enzima engokomzwelo. Ukudumazeka futhi nokwesaba engangilwa nakho nsuku zonke kwawuthinta kancane kancane umqondo wami nomzimba wami wenyama. Ukuhlaselwa luvalo, ukwesaba okukhulu, nokukhubazeka kwaqala ukubusa umzimba wami kancane kancane. Odokotela abakwazanga ukuthola ukuthi yini engalungile ngami. Ukwesaba kwakudla imicabango yami kakhulu kangangokuba ngangingazi ukuthi ngizophila yini noma ngife.

Ukuphila ngaphandle kwama-*pawnshop* nokuboleka imali ezihlot-sheni kwaqhubeka cishe iminyaka eyisishiyagalolunye! Ngaleso sikhathi, yayingasekho enye into engangingayibambisa ukuze ngeboleke imali, futhi ngangingasela isithunzi ngisho nakancane esasisele kimi. Ngangiphelele. Ubungasiphuca isithunzi sami ngothuli, kanye nanoma iyiphi injabulo eyayisele ekuphileni.

Abakweletwayo babelele ukuzongimangalela, futhi yilapho kwenzeka. Njengoba ukuphelelwa ithemba kwasekugoqele wonke umphefumulo wami, Iwangena ucingo. Ucingo Iwangena njengezinye izingcingo zasekuseni: “Mnu. Keesee, njengoba wazi, ukweleta ikhasimende lethu u-X inani elithile lemali. Ucabanga ukuthi ungayikhokhela nini kithi? Awu, Mnu. Keesee, usho lokho ngokufanayo kuzikhathi ezintathu ezedlule lapho ngikushayela ucingo. Uma ungenayo imali kithi ezinsukwini ezintathu, ikhasimende lami lizobe likuvulela icala lesi sikweletu. Uyaqonda na, Mnu. Keesee? Izinsuku ezintathu. Sala kahle.”

Ucingo Iwangishaya njengethani lezitini. Hhayi ukuthi bengivele ngingazi ukuthi isimo sethu sezimali sibi kangakanani. Ngangingenamali. Yonke into enganginayo yayiphukile. Isiqandisi sami sasingenalutho. Umndeni wami omuhle wawulala eziko ukuze ufudumale njengoba yayingekho imali yokushisa uwoyela. Ngangingenandawo engangizosindela kuyo. Abangane bami nomndeni babekhathele ukungikhokhelela indleko zami. Ngididekile, ngenyuka kancane ngezitebhisi ngiya ekamelweni lami lokulala ngacambalala embhedeni. Ngalila, ngakhala kuNkosi ngicela usizo.

Ngicabanga ukuthi ngamangala ngokuthi iNkosi yakhulumha ngokushesha kanjani kimi. Kwakungelona izwi elizwakalayo kodwa izwi elavele laphuma emoyeni wami langena emqondweni wami ngamandla. Into yokuqala eyashiwo iNkosi kimi ukuthi ubishi

engangikuso sasingahlanganise lutho Naye. Ngicabanga ukuthi Yena wakusho lokho ngoba ngangididekile kancane ukuthi kungani Yena, ngokubona kwami, engazange asisize. Sasiya ebandleni elikhulu, sasipha lapho sasikhona, futhi sasikhokha okweshumi kwethu isikhathi esiningi. Kunalokho, Yena wathi isizathu sokuba ngibe kulobu bishi yingoba ngangingakaze ngifunde ukuthi uMbuso Wakhe wawusebenza kanjani. Wangitshela ukuthi uMbuso Wakhe awusebenzi ngendlela indawo yasemhlabeni esebenza ngayo ngokuphathelene nemali, futhi kwakuyodingeka ngifunde inhlelo zoMbuso Wakhe zokuphatha izimali uma ngifuna ukukhululeka.

Ngikhumbula ngigijima ngehlela ezansi ngabamba uDrenda ngimtshela ukuthi iNkosi isanda kukhulumu nami nokuthi impendulo kwakuwuMbuso Wayo. Yebo, sasididekile kancane, njengoba sasicabanga ukuthi siyaqonda ukuthi uyini uMbuso Wakhe. Phela, njengoba ngishilo, sasiya ebandleni elikhulu, sobabili sasimthanda uNkulunkulu, futhi sazi ukuthi sisendleleni eya ezulwini. Kodwa njengoba sase sizothola, kuncane ngempela esasikwazi ngoMbuso Wakhe nangendlela owawusebenza ngayo.

Ngajabula ngokuthi uNkulunkulu wayekhulume nami futhi nokuthi waye yembule impendulo—uMbuso Wakhe. Okwakusho lokho kwakusazokuqonda, kodwa ngakhuthazwa. Iqiniso laliwukuthi ngangingazi ukuthi uNkulunkulu wayesho ukuthini ngegama elithi *umbuso*. Ngangizothola ukuthi kulelo gama elilodwa ngempela kwakuyimpendulo mina noDrenda esasiyilangazelela futhi esasiyifuna.

Mina noDrenda sabambana ngezandla ngalolo suku sathandaza. Okokuqala, saphenduka kuNkulunkulu ngokungaziniki isikhathi sokufunda Izwi lakhe ngempela nendlela uMbuso Wakhe owawusebenza ngayo ngokuphathelene nezezimali. Okwesibili, ngaphenduka

kuyena umkami, njengenhloko yomndeni, ngokusifaka kulolu bishi. Sobabili sathandaza futhi savumelana ngokuthi sasizimisele ukufunda indlela uMbuso osebenza ngayo futhi siphile ukuphila okuhlukile kunalokhu ebekuphile iminyaka eyisishiyagalolunye edlule.

Indlela engcono kakhulu yokuchaza okwenzeka ngokulan-delayo ukubuka iswishi yokukhanya. Ngena egumbini elimnyama bese uvele uphenye iswishi. UkuKhanya! Uyabona. Kwaba njalo lapho uNkulunkulu eqala ukusifundisa ngoMbuso Wakhe. Kwaba sengathi othile uvule iswishi yokukhanya, futhi sasikwazi ukubona izinto esingakaze sizibone ngaphambili. Saqala ukuqonda ukuthi uMbuso kaNkulunkulu uwuhulumeni onemithetho ongashintshi. Saqaphela ukuthi singayifunda leyo mithetho futhi sisebenzise amandla nokuhlakanipha kukaNkulunkulu ukuze sidale ingcebo esiyidingayo.

Sasijabule kakhulu kodwa nokho sisadidekile kakhulu. Kwakukhona izindaba ezinhle kakhulu ezenzeka lapho uNkulunkulu eqala ukusifundisa indlela uMbuso Wakhe owawusebenza ngayo. Ngeke ngiphathe eziningi zalezo zindaba zakuqala lapha njengoba zifakwe encwadini yokuqala yalolu chungechunge, *Uguquko Lwakho Lwezezimali: Amandla Okwethembeka*. Ungathola ikhophi ku-garykeesee.com noma ku-Amazon.com. Udinga futhi ukuthola incwadi yami ethi, *Faith Hunt*, ekubuyisela ekuqaleni lapho uNkulunkulu eqala ukungifundisa ukuvuna ukudla ngokuzingela kwami izinyamazane. Kodwa ukwenza indaba le ende ibe mfushane, ake ngikunike isibonelo esisodwa lapha.

Njengoba ngike ngasho kini, sasilokhu sijule ezikweletini singenayo indlela yokuphuma. Izixhumanisi ze-IRS, ama-pawnshop, amakhadi esikweletu angu-10 akhishwe futhi akhanselwa, kanye nezimalimboleko zezinkampani ezi-3 zezezimali ngenzalo

engu-28%. Sasikweleta udokotela wethu wamazinyo, abemishini yokuhlanza izingubo, abazali bethu nabangane bethu. Ungasho noma yini, sasibakweleta. Ngokwemvelo, lalingekho ithemba. Ibhizinisi lami lokuthengisa ngokwezimali lalingahambi kahle, nakuba ngangisebenza kanzima. Kodwa manje ngemvasibona uMbuso wenza izinto ezimangalisayo (futhi, funda izindaba ezisezincwadini ezimbili okukhulunywe ngazo ngenhla), sakuthazwa ukuthi uMbuso wawuyimpendulo yethu. Sasingazi ukuthi kanjani, kodwa sasiqiniseka ukuthi sisendleleni efanele.

Khona-ke ngobunye ubusuku uNkulunkulu wanginika iphupho futhi wangibonisa kulelo phupho ukuthi kwakufanele ngishiye inkampani yami yamanje enganginayo iminyaka eyisihiyagalolunye edlule futhi ngiqale eyami inkampani—manje thola lokhu—ukuze ngisize abantu baphume ezikweletini! Ngiyazi; ukuhlanya, akunjalo? Ngisho ukuthi, ukube ngangazi ukuthi ngingaphuma kanjani esikweletini, ngabe ngikwenzile eminyakeni edlule. Kodwa yilokho impela Yena akwenzile. Ngithuke kancane empeleni. Ngangingazi ukuthi ngingayiqala kanjani inkampani yami noma ukuthi yini ehirelekile. Kodwa inkampani yokusiza abantu ukuphuma ezikweletini? Heyi, bengisadinga umuntu ozongitshela ukuthi ngenze kanjani lokho!

Ngenkathi ngiqala ukuthandaza ngalokhu, ngaba nolwazi olush-intsha- impilo noMoya oNgcwele mayelana nokuthi lokhu kwakungenzeka kanjani. Kwenzeke kwenye yezingcingo zekhasimende lami zebhizinisi lami lomshwalense. O, ngikhohliwe ukukutshela ukuthi bengisemonini yezinsizakalo zezezimali ngithengisa umshwalense nezibambiso ngenkathi kwenzeke konke lokhu. Ngiyazi, kufana nomuntu osebenza ngamapayipi amanzi onompompi ovuzayo kodwa onakekela inkinga yawo wonke umuntu khepha enganaki

eyakhe. Nakuba ngangihluleka kancane kancane esimweni sami sezinsizakalo zezezimali, ulwazi engangiluthole ngokujwayelekile kulowo mkhakha phakathi kweminyaka eyisishiyagalolunye edlule manje lwalubaluleke kakhulu kulokho uNkulunkulu ayezongibonisa kona.

Ngithe ngizihlalele nekhasimende lami kanye nonkosikazi walo etafuleni labo lasekhishini, sadlula esethulweni esijwayelekile, esathatha isithombe sokuthi bakuphi ngokwezimali ngokubuza imibuzo eyahlukene bese sigcwalisa lokhu esikubiza nge-*data sheet*. Lolulwazi luyasetshenziswa ngokuyinhloko ukunquma ukuthi ungakanani umshwalense wempilo okufanele babe nawo. Njengoba siqhubeka nohlu lwezikweletu zabo, bobabili bacasuka futhi inkosikazi yaqala ukukhala lapho bechaza indlela ababezizwa bephelelwe ithemba ngayo bobabili. Bobabili babesebenza imisebenzi yesikhathi esigcwele futhi babentula njalo nyanga zonke.

Manje, ngemva kokuphila ngaleylo ndlela iminyaka eyisishiyagalolunye ngokwami, futhi njengoba uNkulunkulu eqala ukufundisa mina noDrenda ngoMbuso, ungacabanga ukuthi ngazizwa kanjani ngabo. Njengami noDrenda, babengamaKristu kodwa bengazi ukuthi uMbuso wawusebenza kanjani. Ngaleso sikhathi, ngangingakwazi ngempela ukuchaza okuningi ngoMbuso ngaphandle kwezinye zezinto zokuqala uNkulunkulu ayesesibonise zona kakade, engabelana nabo, futhi, yebo, ngabelana nabo ezinye zezindaba ezimangalisayo esasizibone zenzeka esimeni sethu.

Ngokusobala, ngangibona ukuthi umshuwalense wokuphila wawungeyona inkinga yabo enkulu. Ngachitha isikhathi esithile ngichaza lokho uNkulunkulu ayengifundisa kona ngokuphathelene noMbuso, kodwa ngangilangazelela okuthile engangingakwenza ukuze nginikeze nezimpendulo zangempela ezingokwezimali mayelana nesimo sabo.

Ehhovisi ngalobo busuku, njengoba ngangiqedisa umsebenzi wami wosuku futhi nighlela inqwaba yami evamile yamafayela nemiyalezo okwakudingeka ngiyibuyisele, ngokungazelelwe ngaba nomcabango. Kuthiwani uma ngibheka ngale kodaba lomsh-walense wempilo futhi ngibheka isikhathi eside isithombe sabo sezezimali? Ingabe kukhona engangingakwenza? Kuthiwani uma ngiqala ukufuna imali? Engiqonde ukusho ukuthi uma ngingathola izindlela ezishibhile zokwenza izinto abebevele bezenza? Umgomo wami wawuzoba lula, ngithole izindlela ezishibhile zokwenza izinto abebevele bezenza bese ngisebenzisa noma iyiphi imali engiyitholile ekungeneni kwemali nasesikweletuni sabo. Kuzwakale njengesi-phakamiso esilula, kodwa empeleni bengingazi okuningi nganoma yimuphi omunye umkhakha wezezimali ngaphandle komshwalense wempilo. Futhi ngidinga ukukutshela ukuthi lokhu kwakungaphambi kwezinsuku ze-Intanethi. Ucwaningo okwakuzodingeka ngilwenze lwaluzokwenziwa ngendlela yakudala—ngocingo namakhasi aphuzi.

Ngasebenza kulokhu isonto lonke njengoba ngangihlelelwe ukuhlangana naleli khasimende futhi ngesonto elilandelayo. Kwangimangaza ukuthi ingakanani imali engangingayikhulula ngenyanga njengoba ngizinike isikhathi sokumba ngempela indawo ngayinye yezimali. Ngesikhathi ngiqeda, le mali yayih-langanisa amakhulu amadola ngenyanga. Ngesibali sami sezimali, ngahlanganisa zonke izikweletu zabo ngase ngisebenzisa imali ekhululiwe ezinkokhelweni zabo ezivamile zanyanga zonke. Lapho ngishaya inkinobho yokubala, ngavele ngagqolozela impendulo esibukweni—iminyaka engu-6.2. Impendulo yeminyaka engu-6.2 yayiyisamba sesikhathi esasizosithatha ukuze ihasimende lami likhokhe sonke isikweletu salo, kuhlanganise nendlu yalo

yokubolekwa, ngaphandle kokushintsha iholo lakhe. Yebo, ufundla lokho kuhle, ngaphandle kokushintsha imali yakhe yenyanga. Ngashaqeka futhi ngaqiniseka ukuthi ngenze iphutha, ngakho ngenza izibalo ngokuphindaphindiwe ngaze ngaqiniseka ukuthi nginempendulo efanele. Kungenzeka yini lokhu? Kungani bonke bengawkazi lokhu?

Ngokushesha ngabamba amafayela ambalwa wamanye amakhasimende enganginawo ngase ngiskena ngokushesha ngawo futhi ngathola imiphumela efanayo. Ngamunye wabo angaba ngaphandle kwesikweletu eminyakeni emi-5 kuya kweyisi-7, okuhlanganisa nesikweletu sakhe sendlu, ngaphandle kokushintsha iholo lakhe lenyanga. Kwase kuhwalala ehhovisi lapho ngiqeda ukubala, kodwa njengoba ngibuyela ekhaya ngangijabule. Uma engikutholile kuyiqiniso, futhi zonke izibalo zami zibonisa ukuthi kwakuyiqiniso, khona-ke lokhu kwakukhulu, kakhulu ngempela.

Bengifisa ukwazi ukuthi ikhasimende lami lingakuthatha kanjani lolu hlobo lolwazi. Ngokuqokwa kwami okuzayo, ngingqume ukuthayipha izinombolo ngenze isethulo esilula sekhasi elilodwa. Inhloso yami kwakuwukubanikeza ithemba nje. Kwakungekho lutho kimi, njengoba ngangazi ukuthi ukuthengiswa komshuwalense wokuphila kwakungenakwenzeka. Kodwa ngangazi nokuthi bazofuna ukuzwa lokho engangikutholile. Ngesonto elilandelayo ngaphinde ngabuyekeza izibalo zami futhi ngaqiniseka ukuthi ngangiqinisile.

Njengoba ngingqongqoza emnyango, ngezwa ngilangazelela umhlangano wethu. Ngathi niglihala etafuleni labo lasekhishini, ngabatshela engangikwenzile isonto lonke ngezinombolo zabo. Ngabachazela kancane kancane izinombolo engangizibhalile, ngabachazela ukuthi ngathola kanjani imali ekhululiwe, kanye

nanoma yiliphi igama lenkampani nenombolo engaba idingeka ukwenza lokho engangibabonisile. Ngabona ukuthi babejabula lapho imali ekhululiwe yayilokhu ikhula. Kodwa lapho ngifika esiphethweni sokungabi nasikweletu ngokuphelele eminyakeni engu-6.2, kuhlanganise nekhaya labo, ngemali yabo yeholo yamanje, bobabili baqala ukukhala, kulokhu ngenjabulo. Bahlezi behlengezela izinyembezi belokhu besho nje indlela abathuke ngayo ngemiphumela. Bagxuma bangigona, saba nesikhathi esimnandi sokugubha ngalobobusuku.

Masikhulume iqiniso: Ingabe i-IRS izokutshela ukuthi ungay-ikhokha kanjani intela encane? Ingabe umuntu wasebhange uzokutshela ukuthi ungakugwema kanjani ukukhokha inzalo? Cha, lonke uhlelo lwenzelwe ukuthatha imali yakho, hhatyi ukuyivikela. Ngangazi ukuthi engangikutholile kwakudingeka kufundiswe yonke iminden yase-America! Ngalobo busuku baba nomthelela omkhulu kimi, futhi ngangifuna ukwenza into efanayo kuwo wonke amakhasimende engangihlangana nawo.

Ngakho, sihlome ngalolo lwazi kanye nokuqinisekisa kwephupho uNkulunkulu angiphe lona, mina noDrenda sayishiya inkampani yomshwalense wempilo engangisebenza kuyo futhi sethula inkampani yethu, ngenza lokho engangikwenzele lelo khasimende. Kuleyo minyaka yokuqala, sasibiza inkampani yethu ngokuthi, “*Faith-Full Family Finances.*” Igama lalisho ngokucacile ukuthi konke thina esasimayelana ngakho—uma ubuqonda uMbuso nokholo, ezezimali zakho beziyogcwala. Ngiyavuma ukuthi bekungelona igama elihle kakhulu lenkampani—zama ukulisho izikhathi eziyishumi zilandelana—kodwa lalisebenza. Kamuva salishintsha igama laba i-Forward Financial Group, okuseyiyo nanamuhla futhi namanje isathuthuka.

Ukukhulumu iqiniso, ngokwami, izimali. Sasisenazo zonke lezo zikweletu okufanele sizikhokhe, kodwa sasazi ukuthi sesiwutholile umkhondo esasizowulandela. Njengoba siqala nenkampani yethu entsha, sasijabule futhi sinovalo ngasikhathi sinye. Kuningi okwakufanele sikufunde mayelana nokusungula nokusebenzisa inkampani, kodwa isithiyo esikhulu ebésibhekene naso kwaku-wukwenza kanjani noma iyiphi imali ngokukwenza lokhu. Inselele yethu kwaba ukuthi sizizwa singakwazi hhayi, futhi sasingafuni ukukhokhisa abantu imali ukuze sibasize baphume ezikweletini. Lesi kwakuyisithiyo esikhulu esasichitha isikhathi eside sithandaza phezu kwaso futhi sibheka izinketho. Ngaphandle kokungena emininingwaneni, iNkosi yasibonisa isu elimangalisayo lokumisa inkampani futhi siyimise ukuze yenze imali ngaphandle kokuk-hokhisa ikhasimende imali.

Okulandelayo, kwakudingeka sithole indlela yokusheshisa izibalo ezinde enzenziwa ngezandla engangizenza ngolwazi lwamakhasimende ami. Ngangazi ukuthi kwakuzodingeka ngizibhalele uhlelo nge-*computer* ukuze ngenze lokho esikwenzayo, kodwa ngangingazi lutho ngama-*computer* noma ukuthi ngingamthola kanjani umuntu onekhono lokwenza lokho. Futhi, uNkulunkulu wenza umsebenzi omangalisayo. Ngathola ucingo oluvela kumuntu owayekude nasekhaya owayezwile ngathi. Wayefuna ukubona ukuthi senzani, njengekhasimende. Wakuthanda esasikwenza, futhi njengoba sisaxoxa, ngathola ukuthi wayengumklami wezinhlelo zama-*computer* futhi enenkampani yakhe eseceleni. Ngakhulumu nayo ngesidingo sethu, futhi washo ngentshiseko ukuthi ufunu ukusisiza kulokho esikwenzayo. Ngamtshela ukuthi sisaqala inkampani yethu futhi asikabi nayo imali yokukhokhela umsebenzi ayesinike wona, nakuba umsebenzi wakhe wawunikeza ngesaphulelo esikhulu.

Wayelokho esafuna ukwenza umsebenzi wathi ngingamkhokhela noma yinini imali ingenayo. Ngakho yilokho esakwenza.

abantu babelithanda ibhizinisi lethu. Phela, kungani kungenjalo? Kwakumahhala, futhi abantu babet'handa ukuthola imali nokuphuma ezikweletini. Ibhizinisi laphakama ngendlela enkulu, futhi sakwazi ukukhululeka ezikweletini eminyakeni emibili nengxene. Ngokushesha sase sinabameleli abangaphezu kuka-300 ababelane ngohlelo lwethu ezweni lonke. Ngaphandle kokukwazi ukukhokha ukhesi ezimotweni zethu, saqhubeka nokwakha nokukhokhela ikhaya lamaphupho ethu. Inkampani yethu yakhula futhi isisize ukuba sinikeze amakhulu ezinkulungwane zamadola ukuze sisekele iVangeli nabantu eminyakeni edlule.

“Uhlelo lwezikweletu,” njengoba silubiza kanjalo, lusakh-iqizwa nanamuha mahhala, eminyakeni engama-30 kamuva. Inkampani yakhula emsebenzini wayo njengoba iminyaka iqhubeka. Siqhubekile sagxila ekutshaleni imali yomhlalaphansi ngemuva kokuwohloka kwezimali kwango-2001, kwase kuba nokuphahlazeka kuka-2008 lapho izigidi zabantu zalahlekelwa u-50% kuya ku-80% wemali ebebeyilondolozile yomhlalaphansi. Sicwaninge izindlela eziphephile zokutshala imali futhi sethula leyo ngxene yebhizinisi lethu ngo-2001. Ngiyaziqhenya ukusho ukuthi emalini engaphezu kwezigidi eziyikhulu esiphethe amakhasimende ethu njengamanje, akekho noyedwa owallahlekelwa ngisho nesenti elilodwa ekutshaleni kwawo eminyakeni eyi-16 edlule yeziphithip-hithi zezimali ezweni lakithi nasemhlabeni wonke. Futhi njeng-ohlelo lwethu, akukho kukhokha mali, ayikho imali yokuphatha noma imali yomthengisi ehilelekile ekuqaleni noma ngonyaka kumakhasimende ethu atshala imali. Uma ukhathele ukugembula ngemali yakho yomhlalaphansi, ungafinyelela *i-Forward Financial*

Group kokuthi 1-(800)-815-0818 noma i-Forwardfinancialgroup.com ukuze uthole ulwazi olwengeziwe.

Kuyamangalisa akunjalo? Umbono owodwa olula ovela kuMoya Ongcwele washintsha izimpilo zethu unomphela! Yebo, kwadingeka siyihambe lindlela, kodwa uNkulunkulu wasibonisa lapho okufanele sihambe khona. “Wazizwa kanjani, Gary, ukungabi nasikweletu?”

Ukuthula! Ukuphumula!

Cabanga ngakho. Sasuka ekubeni senkingeni enkulu yezimali saya ekungabini naso isikweleti, sikhokhela ukhesi izimoto zethu, umuzi wethu, nakho konke esasikudinga. Kwaphela iminyaka eyisishi-yagalolunye ngicindezelekile kakhulu umzuzu nomzuzu wansuku zonke. Angibanga nakuphumula. Kwakungakhatalekile ukuthi kwakuwluphi usuku lwesonto, noma ngabe bekuyikhefu. Ngangingenakho ukuthula. Izinkinga zami zezimali zazingilandela yonke indawo engangiya kuyo. Ngabekazelela ukuhlazeka nokululazeka ngenxa yesimo sethu sezimali. Ukwesaba kwaba umngane wami oqhubekayo, ukuhlaselwa luvalo kanye nama-*antidepressant* abayindlela yokuphila ekuphakameni kokuph-elelwa ithemba kwami.

Ngazo zonke izinguquko zezimali, kanye nokuba nezinto esizid-ingayo ekuphileni endaweni, ungase ulingeke ukuba ucabange ukuthi ngokwako izimali zethu siqu zaba ukunqoba. Yebo,

UMBONO OWODWA OLULA OVELA KUMOYA ONGCWELE WASHINTSHA IZIMPILO ZETHU UNOMPHELA! YEBO, KWADINGEKA SIYIHAMBE LINDLELA, KODWA UNKULUNKULU WASIBONISA LAPHO OKUFANELE SIHAMBE KHONA.

ekugcineni ukuba nezinto esasizidinga kwaba ukunqoba okukhulu, kodwa injabulo yangempela yayiwukubona uMbuso kaNkulunkulu usebenza. Njengoba mina noDrenda sasibona umsebenzi woMbuso ngokuphindaphindiwe, sasivame ukuthi, “Ukubonile na lokho?” Njengokushintsha kweswishi ikhanyisa, yonke into isobala ekukhanyeni; uyabona. Ukwazi ukubona ngemva kokuba uyimpumputhe futhi uphila ngaphandle kwezimpendulo kuyisen-zakalo esimangalisayo. Ukuthola ingcebo yethu yeqiniso, uMbuso kaNkulunkulu, kwakumangalisa nje. UkuZama ukukutshela ukuthi kuzwakala kanjani kulula—ngokokuqala ngqá ekuphileni kwami, kwaba nokuphumula!

Izehlakalo zaphela! Esikhathini esidlule, uma isondo lethu liqhuma, laliba inkinga enkulu engokomzwelo. “Sizoyithathaphi imali?” Ingabe ikhona indawo eselete emakhadini? Kodwa namuhla, uma ngesizathu esithile imoto iqhumbe, bengingamane ngibuze umkami, “Ufuna elombala onjani okwamanje?” Akukho sehlakalo, akukho ukwethuka, akukho sikweletu, uvele uphumule. Singahlala esabelweni sethu nakunjongo zethu. Asisaphili impilo yokusinda, sesingaba ngeMPILO!

Ngalokho-ke ngithi kini: Ningakhathazeki ngokuphila kwenu, ukuthi niyakudlani noma niyakuphuzani; kumbe nangomzimba wenu ukuthi niyakwembathani. Ukuphila akukukhulu kunokudla, nomzimba kunesambatho na? Bukani izinyoni zezulu; ukuthi azihlwanyeli, azivuni, azibekeleli ezingolobaneni, kepha nokho uYihlo wasezulwini uyazondla. Nina anibalulekile yini ngaphezu kwazo na?

— NgokukaMathewu 6:25-26

Kule minyaka engu-36 edlule, nighlale phansi nezinkulungwane zabantu ematafuleni abo asekhishini futhi saxoxa ngezezimali zabo ngokwezinga lomuntu siqu. Ngikhulume nezixuku zezinkulungwane emhlabeni wonke, futhi into eyodwa engiyithola yonke indawo lapho ngibheka khona ukuthi wonke umuntu udinga ukuphumula!!!! Wonke umuntu ubheke ngabomvu kumpelasonto, kukhefu, noma kumhlalaphansi—ukuma futhi aphumule.

Ucwaningo oluningi lwakamuva engilufundile lwathola ukuthi cishe amaphesenti angama-70 abantu base-America abayithandi imisebenzi yabo, futhi kulawo ma-70%, ama-20% awabambisene futhi acatshangelwa ukuthi azonda imisebenzi yawo. Kungani bevela entweni abayizondayo? Hlobo luni lokungcindezeleka abaphila ngaphansi kwalo ukuze babhekane nobuhlungu obungaka obungokomzwelo nsuku zonke? Ukulibeka ngembaba, bayizigqila. (Sonke sasinjalo. Sikhulele emhlabeni lapho okuwukuphela kwendlela yokuchuma iwukuba nemali eyanele yokuba nezinketho. Kodwa kubantu abaningi, lokhu akunjalo.) Amaphupho abo okuchuma ayanyamalala kancane kancane kube yimpilo yokusinda njengoba bezithola besemisebenzini engena mpumelo eminyakeni yabo yama-30, 40, kanye nama-50.

Isibalو sakamuva sithi u-69% wabantu base-America abanayo

¹ Niall McCarthy, "Survey: 69% of Americans Have Less Than \$1,000 in Savings," *Forbes*, September 23, 2016, <https://www.forbes.com/sites/niallmccarthy/2016/09/23/survey-69-of-americans-have-less-than-1000-in-savings-infographic/#30d27351ae67>.

**UKUPHILA IMPILO
YOKUCINDEZELEKA
NGOKWEZIMALI...
KWAKUNGELONA ICEBO
LIKANKULUNKULU
KWASEKUQALENI,
FUTHI AKULONA ICEBO
LIKANKULUNKULU
NGAWE NAMUHLA.**

ngisho nenkulungwane yamadola yokulondoloza¹. Ukucindezeleka nokuhlukumezeka ngokomzwelo abantu abaningi abaphila ngaphansi kwaso kusonta umuzwa wabo wokuzazi nokuzethemba. Amaphupho abekelwa izidingo eziphuthumayo futhi ukudumazeka okungenangqondo besekusenzeka. Injabulo isiyaphela.

Ngolunye usuku, ngikhumbula ngixoxa nomfundisi ngezezimali. Wangitshela ukuthi uyayithanda inkonzo futhi uyabathanda abantu, kodwa nsuku zonke wayevuka ejabule aze akhumbule isimo sakhe sezimali. Wangitshela ukuthi kwakufana nefu elikhulu elimnyama elinqamula ukukhanya kwelanga, njengoba imicabango edikibalisayo kwakhaka engqondweni yakhe futhi yambambela esimweni sengqondo sokusinda, ukuphelelwa ithemba ngokwezezimali, futhi nobugqila obungenambono.

Impilo isithathelwe indawo wukubuka abanye benqoba. I-Hollywood yenze izigidigidi ikhombisa izindimbane zabanye abantu abanqobayo esikrinini esikhulu. Abantu abangakwazi ukuzibona benqoba mathupha bathola imizuzu embalwa yokubalekela isidina sabo futhi baphile amaphupho abo ngokubuka abantu abaphelele bephila izimpilo eziphelele kusikrinini esikhulu.

Ezemidlalo njengamanje zidonsa izigidigidi zamadola ngonyaka kubabukeli emhlabeni jikelele. Ku-2017, i-NFL ilethe ngaphezu kwe-7.8 zezigidi zamadola; ku-*Super Bowl*, ilinganiselwa ezigidini eziyizinkulungwane ezingu-15.5; futhi lowo umdlalo owodwa nje!² ³ Abantu bathanda ukujabulisa iqembu abalithandayo ukuthi liphumelele.

Kodwa okufanele sikuqonde ukuthi sonke simiselwe futhi

² Michael David Smith, "Packers' Books Show NFL teams Split \$7.8 Billion in National Revenue," NBC Sports, <http://profootballtalk.nbcspor.../2017/07/12/packers-books-show-nfl-teams-split-7-8-billion-in-national-revenue/>.

³ Joe D'Allegro, "Super Bowl Billions: The Big Business Behind the Biggest Game of the Year," CNBC, January 22, 2017, updated February 2, 2017, <https://www.cnbc.com/2017/01/20/super-bowl-billions-the-big-business-behind-the-big-game.html>.

sadalelwa ukunqoba—ukuba semzabalazweni, ukuba semdlalweni, futhi ekugcineni sinqobe. Ukuphelelwa ithemba ngokwezezimali kuyinto evamile, hhayi okuhlukile, kubantu abaningi—ngakho okuwukuphela kwendlela yokuphunyuka ukuphila impilo sonke esiphupha ngayo siphumisela ngezimpilweni zabanye. Iyini iqhingga lokunqoba *i-lotto?* Kungani uhlelo lwe-TV ethi *Who Wants To Be A Millionaire* ludume kangaka?” Kungani izinhlelo zokuceba ziseyizilingo namuhla? Impendulo ithi? PHUMULA! Wonke umuntu ukhathele ukugijima, wonke umuntu ukhathele ukuvuka nesisindo sokuthola ukuhlinzekwa ukweba amaphupho abo. Kodwa ukuphila impilo yokucindezeleka ngokwezimali akuyona into entsha; eqinisweni, sekunesikhathi eside kukhona umuntu emhlabeni. Nokho, kwakungelona icebo likaNkulunkulu kwasekuqaleni, futhi akulona icebo likaNkulunkulu ngawe namuhla.

ISAHLUKO 2

AMALUNGELO ANGOKOMTHETHO

Engenathemba—kungaleyindlela engangichaza ngayo ukuphila kwethu ngaphambi kokuba siqonde indlela yokuphumula. Iminyaka eyisishiyagalolunye yisikhathi eside sokuphila kuziphithiphithi zezimali kanye nengcindezi. Ngikhumbula izikhathi eziningi ngibuka ipulazi elingama-ekha angu-85 esasiliqasha ngo-\$300 ngenyanga, sasingayikhokhi kahle leyo nkokhelo, eyayishibhile kakhulu, futhi ngizibuza ukuthi ngiyoke ngikwazi yini ukuba ngumnikazi womhlaba ofana nalona.

Umnikazi wayezokwakha inkundla yegalofu kule ndawo futhi wayefuna nje ukuthi kube khona umuntu ozohlala khona, ozogada nje le ndawo baze baqale lomsebenzi, okuyinto ababecabanga ukuthi wawuzoba cishe okweminyaka emithathu kuya kwemihlanu. Indlu endala yasepulazini yeza “njengoba injalo,” futhi babengeke bakhokhe noma yikuphi ukulungiswa ngaleso sikhathi. Sayithatha, futhi ngemva kokupenda nokuhlanza izinto ezingathi sína, indlu endala yaba nenle eyingqayizivela. Uhlelo lwethu kwakuwukuhlala lapho iminyaka emithathu bese siqhubekela phambili, kodwa

ngonyaka wesishiyagalombili silapho, sasingakasondeli ekubeni sibe nalutho.

Ngemva kokuba uNkulunkulu ekhulume nami ngoMbuso, futhi sesiqale ukufunda nokusebenzisa izimiso nemithetho yoMbuso, izinto zaqala ukushintsha. Ekuqaleni njengoba izimali zethu ziqala ukuba ngcono, sasijabula kakhulu ngisho nangokunqoba kokuncane kakhulu. Ngikhumbula ngithenga umshini wokuhlamba izitsha wendlu endala yasepulazini futhi mina noDrenda sasijabule kakhulu, ikakhulukazi yena! Nakuba ngezinye izikhathi ngangisiza ngokuhlamba izitsha, nami ngangimatasa ngebhizinisi. Njengoba wayenezingane ezine ekhaya ngaleso sikhathi, wayehlamba izitsha njalo. Lapho sithenga umshini wokuhlamba izitsha, ngikhumbula ngisho okuthile okunjengokuthi, “Uyakholelwa ukuthi sisanda kukhokha ukhesi ngomshini wokuhlamba izitsha?” Ngiyazi, uyacabanga, “Hawu, yini enkulu kangaka ngokuthenga umshini wokuhlamba izitsha?” Hhayi-ke, ukuze sikubeke kucace lokho, kuzomele ubheke eminye imishini kagesi esekhishini lethu lendlu yasepulazini. Kokubili isitofu sethu nesiqandisi kwakuluhlaza kukakotapheya futhi kwakuneminyaka engu-25 ubudala. Ngakho uma kuqhathaniswa, ukuthenga umshini wokuhlamba izitsha kwaba ukunqoba okukhulu kithi.

Esahlukweni sokugcina, ngabelane ngendlela uNkulunkulu anginika ngayo iphupho kanye nohlelo lokuqala ibhizinisi elalizoba yimpendulo kuziphithiphithi zethu zezezimali. Ungase ucabange, “Ngifisa sengathi uNkulunkulu angangitshela into efana naleyo.” Izindaba ezinhle ukuthi Yena uyafisa ukwenza kanjalo, kodwa kunezinto ezithile okufanele uzazi mayelana nendlela uMbuso osebenza ngayo ngaphambi kokuba ukwazi ukuthola lolo hlobo losizo. Isiqondiso engasithola ngalolo suku ephusheni senzeka ngenxa yalokho uNkulunkulu ayesifundisa kona ngoMbuso Wakhe

futhi sasiwumphumela oqondile wokusebenzisa lokho Yena ayesibonise kona. Nakuba ngikhulume ngoMbuso ngokuningiliziwe encwadini yami yokugcina, ngidinga ukuyibukeza lapha futhi ukuze ngisinike inkundla esingasebenza kuyo.

abantu bayangibuza ukuthi ngiqonde ukuthini ngoMbuso kaNkulunkulu. Ngangingenalo ulwazi ngoMbuso kaNkulunkulu nakuba ngangingumKristu. Ngangazi ukuthi ngizoya ezulwini lapho ngifa, kodwa ngangingawuqondi uMbuso kaNkulunkulu nendlela osebenza ngayo ngempela. Ukuze uqonde lo mqondo, udinga ukuqonda ukuthi igama elithi *umbuso* lisho ukuthini. Ngomqondo ongokoqobo, lisho ukubusa kwenkosi. Umbuso wenkosi usebenza ngezwi lenkosi. Amazwi Akhe aba ngumthetho olawula isizinda Sakhe kanye nempilo yezakhamuzi zakhe. Omunye umqondo ohilela umbuso ukuthi isixuku sabantu abayisigidi asiwenzi umbuso. UMbuso ufaka uhulumeni onemithetho ephoqeleta imithetho yenkosi kuso sonke isakhamuzi esisemthethweni salowo mbuso. Lo mbono wokuthi uNkulunkulu unoMbuso onemithetho emisiwe etholakala kuzo zonke izakhamuzi ezingokomthetho zoMbuso wakhe ubonakala uyize kwabanningi abangamaKristu. AmaKristu amanangi akholelwa ukuthi uNkulunkulu unquma ukuthi imiphi imithandazo ayiphendulayo noma ukuthi ubani abonisa ukukhetha. Bakholelwa ukuthi uma bezila ukudla isikhathi eside noma benza umsebenzi womoya owengeziwe benzela uNkulunkulu, bazothola umusa Kuye. Mngane wami, usuvele unomusa Kuye.

Ngakho-ke aniseyibo abezizwe nezihambi, kodwa izakhamuzi ezikanye nabantu bakaNkulunkulu kanye namalungu abendlu Yakhe.

— Kwabase-Efesu 2:19

Awusona nje isakhamuzi soMbuso wakhe, kodwa futhi uyilungu ezikanye lendlu Yakhe uqobo, indodana noma indodakazi yeNkosi. KwabaseGalathiya 4 kucacisa kahle ukuthi lokhu kusho ukuthini kuwe nakimi.

Kepha ngithi ngesikhathi indlalifa iseyingane, kayihlukile ngalutho encekwini, nakuba iphethe ifa lonke. Yona ingaphansi kwabaphathi nababonisi kuze kube yisikhathi esamiswa nguyise ngaphambili. Kanjalo nathi, lapho siseyizangane, sasisebugqileni ngaphansi kwezifundiso zezimiso zezwe. Kepha lapho sekufikile ukuphelela kwasikhathi, uNkulunkulu wathuma iNdodana yakhe, ezelwe ngowesifazane, izelwe phansi komthetho, ukuze ihlenge abaphansi komthetho, ukuze samukele amalungelo apheleleyo amadodana. Ngokuba ningamadodana, uNkulunkulu uthumile uMoya weNdodana yakhe ezinhliziyweni zethu, uMoya omemezayo ethi: "Aba, Baba." Njalo-ke awuseyiyi inceku, kepha usuyindodana; kepha uma uyindodana, uyindlalifa futhi ngaye uNkulunkulu.

— KwabaseGalathiya 4:1-7

Uyindlalifa yalo lonke ifa njengendodana noma indodakazi, futhi unamalungelo angokomthetho njengesakhamuzi soMbuso Wakhe! Vumela lokho kungene okomzuzu nje—usunayo yonke into. Akukho lutho oludingayo ongenalo kakade. Ngakho yeka ukuncenga nokukhala. Awukwazi ukuncenga into osuvele unayo. UNkulunkulu akenzi icala ngesinqumo secala mayelana nokuthi uzosiza bani noma angeke asize. Noma ubani oyindodana noma indodakazi kaNkulunkulu usenalo kakade usizo Lwakhe.

Ake ngiqhathanise lokhu nokuba yisakhamuzi sase-United States. Uma uyiakhamuzi, khona-ke usuvele usekelwa uhulumeni wase-United States ukuze kulandelwe okushiwu umthetho. Leyo nzudo yahlanganiswa nokuba yisakhamuzi kwakho. Ngakho, awukwazi ukuzila ukudla futhi uthandaze isikhathi eside ngokwanele ukuze uthole usizo Lwakhe; Wakunika yona ngokukhulu-lekile ngalokho uJesu akwenza. Ngakho kujabulele. Ungum-nikazi wayo!

**IMIZWA MIHLE,
FUTHI NGIYATHANDA
UKUZWA UBUKHONA
BUKANKULUNKULU, KODWA
UMA KUSIZA EZINDABENI
EZINGOKOMTHETHO, ASIKHO
ISIDINGO SOKUZIZWA
NGISINDISIWE UKUZE
NGISINDISWE.**

Futhi uNkulunkulu wasivusa kanye noKristu wasihlalisa kanye naye embusweni wezulu kuKristu Jesu, kuze kuthi ezikhathini ezizayo abonakalise ingcebo engenakuqhathaniswa yomusa wakhe, obonakalisa ngobubele bakhe kithina kuKristu Jesu.

— Kwabase-Efesu 2:6-7

Lawo mazwi athi, “*wasihlalisa kanye naye embusweni wezulu*” akhuluma ngesikhundla sakho esingokomthetho eMbusweni kaNkulunkulu. UJesu uhlezi ngakwesokunene sikaYise, kanjalo nani, njengoba ningumzimba kaKristu. Kanjalo niyizindlalifa kanye noJesu kukho konke uNkulunkulu anakho. Ngiyazi ukuthi kuyamangaza ukucabanga ngalokho, kodwa kuyiqiniso.

Unakho konke; wena ungumndeni, futhi lokhu kuyindaba yomndeni! Kodwa ngenxa yokuthi usathane uzame ukufihla konke oyikho khona nakho konke onakho, abantu abanangi, ngisho namaKristu, baphila njengalabo abasaboshwe uhllelo lokusinda isiqalekiso somhlab!

Isihluthulelo esashintshaukuphilakwamikwabalaphongiqaphela ukuthi kwakukhona futhi kukhona uhulumeni onemithetho futhi mina, njengesakhamuzi, nginamalungelo angokomthetho nezinzuze eMbusweni. Imizwa mihle, futhi ngiyathanda ukuzwa ubukhona bukaNkulunkulu, kodwa uma kusiza ezindabeni ezingokomthetho, asikho isidingo sokuzizwa ngisindisiwe ukuze ngisindiswe. Kuyindaba yezomthetho. Akudingeki ngizizwe sengathi ngiyisakhamuzi sase-United States ukuze ngibe yiso. Ngiyazi kakade ukuthi kuyindaba esemthethweni olugculiseka ngokuthi ngazalelwapha. Lapho unokuma okulungile phambi kukaNkulunkulu futhi ukuphila kwakho kusekelwe emthethweni esikhundleni sokuthi uzizwa kanjani, izinto ziyashintsha!

Yilesi sibindi esinaso ekusondeleni kuNkulunkulu: sokuthi uma sicela utho ngokwentando yakhe, uyasizwa. Futhi uma siyazi ukuthi Yena uyasizwa—noma yini esiyicelayo—siyazi ukuthi sinakho esikucelileyo, esikucele Kuye.

— 1 Ngokukajohane 5:14-15

Cabanga ngalo Mbhalo okomzuzu; ingenye yezintandokazi zami. Uma ngicela noma yini ngokwentando Yakhe, ngiyazi ukuthi Yena uyasizwa! Lokhu akubhekiseli kumagagasi omsindo ozwayo ngezindlebe zakho. Lesi isitatimende esongokomthetho. Cabanga ngomahluleli nenkantolo yalo. Uma umahluleli enquma

ukulalela icala, kusho ukuthi usevumile ukuxazulula udaba ngokulandela okushiwo imithetho. Esimweni sethu, njengoba siye sacela ngokuvumelana ngokwemithetho yeNkosi, siyazi kakade ukuthi Yena uzowusebenzisa umthetho Wakhe. Ngakho, siyaqiniseka ngomphumela; ngeke kube khona ukuqagela.

Ngokwesibonelo, i-United States akuwona umbuso ngoba ayinayo inkosi, kodwa isebeza ngemithetho elinganayo futhi etholakala kuzo zonke izakhamizi ezisemthethweni. Ngendlela efanayo, uMbuso kaNkulunkulu nawo uyabuswa ngemithetho, etholakala kuzo zonke izakhamizi ngaphandle kokukhetha. Izindaba esizifunda eBhayibhelini azigcini nje ngokusihlekisa, kodwa zifanekisela leyo mithetho ukuze siyifunde futhi siyisebenzise. UJesu wasebenzisa inkulumo ethi, “umbuso kaNkulunkulu ufana” izikhathi eziningi lapho Yena echazela abantu indlela uMbuso osebenza ngayo. UJesu wayebhekisela emithethweni yoMbuso lapho elandisa imifanekiso, enikeza isithombe esibonakalayo sendlela imithetho eyayisebenza ngayo noma ebonisa ukuthi kungani kwenzeka okuthile. Nalapha futhi, ngesizathu esithile, abantu abaqondi ukuthi uMbuso kaNkulunkulu unemithetho elawula ukusebenza kwawo. Abaningi bacabanga ukuthi uNkulunkulu angenza noma yini Yena afuna ukuyenza noma nini lapho Yena ethanda ngoba Yena unguNkulunkulu. Ngizovuma ukuthi uNkulunkulu unamandla okwenza noma yini afuna ukuyenza; nokho, Yena unqunyelwe imithetho Yakhe uqobo. Ngiyazi ukuthi lokhu kungase kuzwakale kungavamile kuwe, kodwa ukuze ngiveze iphuzu lami, ake sibheke ngokushesha kuNgokukaMarku 6.

UJesu wayesethi kubo: “Ezweni lakubo kuphela, naseziblotsheni zakubo, futhi nasendlini yakubo kukhona umprofethi

ongenadumo. Yena wayengenakwenza nezimangaliso lapho, ngaphandle kokuthi wabeka izandla phezu kwabagulayo abayingcosana, wabaphulukisa. Futhi wamangala ngokunga-kholwa kwabo.

— NgokukaMarku 6:4-6

Njengoba ufunda lo Mbhalo, kufanele ube nezinto ezimbawwa kuwe ezivela ekhiasi ezikunikeza ukuqonda okuthile ngomsebenzi woMbuso.

Yena akakwazanga ukwenza nezimangaliso lapho....

Okokuqala nje, amaKristu amanangi awakaze abone lo Mbhalo futhi angaphikisana nawe ngaphambili ukuthi uma uthi kunezimo eBhayibhelini lapho uJesu engenakuphulukisa khona, uyobe unephutha. Kodwa njengoba ubona, Akakwazanga. Uma usuqonda ukuthi Umbuso usebenza ngemithetho, bese uqala ukubheka ngokujulile le ndaba. Ukuqonda okujwayelekile kwamaKristu amanangi kungaba ukuthi uJesu wakhetha ukungawaphulukisi. Lokho bekuyoba nengqondo ukube ubungakuqondi ukuba semthethweni koMbuso. Ukwazi ukuthi uJesu wayenamandla okuphulukisa kodwa akuzange kwenzeke, ngaphandle kokuqonda Amandla esikhundla angokomthetho, ubuyophetha ngokuthi ukhethe ukungaphulukisi. Kungaba kambe yini enye?

Mhlawumbe uke wezwa othile ethi, “UNkulunkulu ukuvumele lokhu ukuba kwenzeke,” noma “uNkulunkulu wazi kangcono,” noma “uNkulunkulu ukulawule konke,” noma okuthile okuhambisana naleyo migqa lapho othile ekhombisa inkinga noma ubunzima bona noma umngane abhekane nabo. Ngokuqondene noMkristu ovamile,

yilapho beyeka khona. Ukungazi imithetho yoMbuso nokuthi yini empeleni eyavimbela uJesu, ukuphela kwsiphetho abangafnyelela kuso ukuthi kwakuyintando kaNkulunkulu ukungabaphulukisi. Mngane wami, iBhayibheli alisho ukuthi Yena wakhetha ukungaphulukisi. Ithi akakwazanga ukubaphulukisa ngenxa yokuntula kwabo ukholo. Uma usubonile ukuthi okuvimbela ukuphulukiswa kule ndaba kwakungekona ukuntula kukaNkulunkulu isifiso sokwenza njalo, kodwa kunalokho, ukuthi kwakukhona imithetho yozomoya engokozomthetho eyamisa amandla kaNkulunkulu.

Kwezinye izindaba, manje uzobona ukuthi bekunezizathu ezingokomthetho zokuthi kungani amandla kaNkulunkulu enegunya lokuletha intando futhi nesifiso Sakhe esimweni noma cha, njengakulesi. Ngakho-ke, kuphuthuma kakhulu ukuba uthole ukuthi le mithetho yoMbuso isebeza kanjani. Ngolunye usuku lapho ungase udinge ukuthintwa okuvela ezulwini, awufuni ukuba amandla ezulu abe afnyezwe, kodwa kunalokho, ube nenkululeko yokukhiqiza intando kaNkulunkulu ekuphileni kwakho. Futhi yilokho kanye engikubhalele le ncwadi.

Ukuqala uhambo lwakho ngempela, ngingancoma ukuthi ugale ngesiqalo esisha engqondweni yakho futhi uqaphele awukuthi udinga ukulahla izimpendulo zenkolo ezindala ozizwile empilweni yakho yonke mayelana nokuthi kungani uNkulunkulu enza noma engenzi okuthile. Ngeyethemba manje uyazi ukuthi udinga ukwenqaba incazel evamile evame ukunikezwa uma kukhulunywa ngokuthi kungani uJonny osemcane washona esasemncane: “UNkulunkulu wazi kangcono, Nguye olawulayo,” njll. Cha, udinga UKWAZI ukuthi kungani uJesu engenakuphulukisa kanye nemithetho elawula ukugeleza kwamandla kaNkulunkulu endaweni yasem-hlabeni. Udinga ukwazi impendulo yombuzo othi, “Kungani uJesu

engazange aphulukise?” Kubantu abaningi, iqiniso lokuthi ngisho noma ngithi kunempendulo yalowo mbuzo kubangela ukuthi

bacasuke. Kodwa mina ngikutshela kuphela lokho okushiwo yiBhayibheli, futhi angiphinde ngikugcizelele ukuthi KUMELE uyazi impendulo yalowo mbuzo.

**IZITHEMBISO ZAKHE
ZISINIKEZA ISITHEMBISO
SOKUPHULUKISWA,
UKUBUYISELWA, UKWANDA
NGOKWEZIMALI, NOKUNYE
OKUNINGI—HHAYI
NJE UKUBA NEKHONO
LOKUHLUPHEKA NGENXA
YOBUNZIMA NOMA
INHLEKELE.**

Impendulo elula nefushane echaza ukuthi kungani uJesu engenakuphulukisa kuleyo ndaba ukuthi izulu lalingenalo igunya elingokomthetho lokwenza lokho. Lelo gunya linikezwa ngokholo yindoda noma owesifazane osemhlabeni oqinisekile ngokuphelele ngalokho okushiwo izulu. Nakuba sobabili singavuma

ukuthi uJesu wayenamandla futhi nesifiso sokuphulukisa abantu, Yena wayengenakukwazi. UJesu, ngokwakhe wathi ukwehluleka ukuphulukisa kwakungebona ubuthakathaka ohlangothini Lwakhe kodwa kwakungenxa yokuthi abantu babengenalo ukholo. Kubhale phansi lokho! Kukhona isihluthulelo esiyinhloko lapha! Ukukholwa!

Encwadini yami edlule, ngachitha isikhathi esiningi ngichaza ukuthi kuyini ukholo, ukuthi lusebenza kanjani, kungani sidinga ukholo, kungani uNkulunkulu efuna ukholo, ukuthi siluthola kanjani ukholo, nokuthi sazi kanjani uma sisokholweni. Ukusho ukuthi ukuqonda kwakho lo mthetho oyisisekelo woMbuso kubaluleke kakhulu kungaba ukukubukelwa phansi. Kungukuphila nokufa!

Ngisanda kuthola incwajana evela enkonzweni yobuKristu eyaziwayo. Okuqukethwe kuyo kwakujwayelekile kulokho amaKristu amanangi akukholelwayo, ngeshwa. Ake niglihanganyele okunye kwakho lapha.

Iqala ngezwi elikhulu elivelu ku **UDuteronomi 31:6:**

Qinani nime isibindi ningesabi, ningashaywa luvalo ngabo, ngokuba uJehova uNkulunkulu wakho Nguyenahamba nawe. Akayikukuyeka, noma akushiye.

Bese iqhubeka ithi...

“Kungani uNkulunkulu engabuvimbi ubuphekula nokuhlupheka? Kungani evumela abantu ukuba bafe? Imibuzo yandile, futhi iquiniso lendaba ukuthi asizazi zonke izimpendulo. Asazi ukuthi kungani uNkulunkulu evumela izinto ezithile ukuba zenzeke. Esikwaziyo ukuthi uthando lukaNkulunkulu luphelele. Izindlela zakhe zingaphezu kwezindlela zethu. Kufanele sithembele ezithembisweni Zakhe ezingasitsheli ukuthi ngeke asinike okungaphezu kwamandla ethu, kodwa ukuthi noma yini Yena asinika yona, uyoba nathi kuso sonke esinyathelo ngasinye sethu.”

AKULUNGILE, AKULUNGILE, AKULUNGILE!
Eqinisweni, iBhayibheli lisitshela okuhluke ngokuphelele.

Anifikelwanga ukulingwa okungenjengokwabantu; kepha uNkulunkulu uthembekile, ongayikuvuma ukuba nilingwe ngokungaphezu kwamandla enu, kepha oyakuthi kanye nokulingwa anenzele indlela yokuphepha, nize nibe namandla okukuthwala.

— 1 KwabaseKorinte 10:13 (NKJV).

Izithembiso Zakhe zisinikeza isithembiso sokuphulukiswa, ukubuyiselwa, ukwanda ngokwezimali, nokunye okuningi—hhayi nje ukuba nekhono lokuhlupheka ngenxa yobunzima noma inhlakelele. Uthando oluphelele lunikeza izixazululo. Ngingaqhubeka, kodwa lokhu, ngeshwa, yilokho abantu abanangi abakukholelwayo ngoNkulunkulu. Umuntu angacabanga kanjani ukuthi uNkulunkulu, othando lwakhe luphelele, anganika umuntu umdlavuza noma enqabe ukumphulukisa kuyilapho enamandla okukwenza lokho kungaphezu kwami. Lapho bebuzwa ngalokhu, futhi, impendulo yabo evamile ukuthi izindlela Zakhe azizona izindlela zethu. Uyadlala? Asinalo uthando oluphelele futhi ngeke sikwenze lokho kungane yethu! Ngokuphambene, Wenza izindlela Zakhe zicace kakhulu eZwini Lakhe.

Incwadi yezindaba yayisho ukuthi noma yini asinika yona, Uyoba lapho isinyathelo ngasinye lapho sihlupheka ngakho. Ingabe uNkulunkulu uzosinika into embi? Cha. Lapho iBhayibheli lisitshela ukuthi unathi futhi akasoze asishiya, lisho ukuthi uNkulunkulu unathi ukuze asekele izithembiso Zakhe! Mngane wami lemfundiso yokuthi uNkulunkulu uyisitha sethu ayiveli kuNkulunkulu. Alimeli uNkulunkulu engimkhonzayo, futhi ngethemba ukuthi ngeke nikubekezelele lokho. Uma ibandla lakho lifundisa lolu hlobo lwenkohliso, kufanele uhambe ngokushesha!

UNkulunkulu uluthando futhi iZwi lithi uthando alusoze lwaphela. Okuhlulekayo, nokho, Amandla ongokomthetho kaNkulunkulu, amandla Akhe okungenela endaweni yasemhlaben, akhiqizwa ukholo lwethu. Futhi, lena yindaba yezomthetho, hhayi indaba eshaqisa umzimba, inkinga yokuzizwa, nanoma yini enye. Kumane kuyindaba yezomthetho okufanele uyazi. Njengoba umuntu enegunya endaweni yomhlaba, uNkulunkulu

akakwazi ukwenza lokho akufunayo, njengoba ngike ngabelana nani. Ukuvumelana kwakho nezulu, ukholo lwakho, kuyadingeka ukunikeza izulu amandla okuletha amandla kaNkulunkulu kuleso simo futhi akhiqize ukulunga. Mngane, **kufanele** wazi ukuthi kuyini ukukholwa nokuthi kungani kudingeka ukwamukela kuNkulunkulu.

Uma kwenzeka ungayifundanga incwadi yami yangaphambilini (*Uguquko Lwakho Lwezezimali: Amandla Okwethembeka*), ake ngibuyekeze kafushane nje ukuthi kuyini ukukholwa. Nakuba ungase ucabange ukuthi cishe wonke umKristu osebenzisa igama elithi ukholo uzokwazi ukuthi kuyini, uzobe unephutha. Kudingeka sibe nesifundo somlando esincane ukuze sikwazi ukuqonda umqondo obalulekile woMbuso mayelana negunya elingokomthetho.

Ake sibheke **KwabaseRoma 4:18-21:**

Owathi kungekho themba u-Abrahama wakholwa nget-hemba, ukuze abe nguyise wezizwe eziningi, njengalokho okwashiwo ukuthi: "Yoba njalo inzalo yakho." Engabanga buthakathaka ekukholweni kwakhe, wabona iqiniso lokuthi umzimba wakhe obusufa—eneminyaka engaba ngeyikhulu—nesizalo sikaSara sasifile. Nokho akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa waqina ekukholweni kwakhe, enika uNkulunkulu udumo, eqinisekile ngokuphelele ukuthi lokho akwethembisile uNkulunkulu unamandla nokukwenza.

U-Abrahama waziwa njengoyise wokholo lwethu. Wayeqinisekile ngokuphelele ukuthi uNkulunkulu unamandla okwenza lokho ayekuthembisile. Oqinisekile ngokuphelele, ngokuvumelana noNkulunkulu, kubizwa ngokuthi ukholo. Ngaphandle kwaleso

sivumelwano, uNkulunkulu akanakuhamba endaweni yasem-hlabeni. Ngakho ungase ubuze, “Kungani uNkulunkulu engadinga noma ubani nokumvimbela ekwenzeni noma yini ayikhethayo? UnguNkulunkulu.” Ukuze siphendule lowo mbuzo, kudingeka sibheke ngokushesha emuva ekuqaleni, esikhathini sika-Adamu.

Wameniza waba mncinyane kunezingelosi; wambeka umqhele wenkazimulo nodumo, izinto zonke wazibeka phansi kwezinyawo zakhe. Ngokuba ekubekeni izinto zonke phansi kwakhe, uNkulunkulu akashiyanga lutho olungabekwanga phansi kwakhe. Kepha kalokhu asikaziboni izinto zonke zibekiwe phansi kwakhe.

— KumaHeberu 2:7-8

Lo Umbhalo ukhuluma ngo-Adamu no-Eva ekudalweni. Sicela uqaphele ukuthi kwakungekho lutho emhlabeni olwalungekho ngaphansi kombuso wabo ongokomthetho. U-Adamu wabekwa emhlabeni ukuba abuse umhlaba ngegunya elinikelwe egAmenii loMbuso kaNkulunkulu. Wabusa umhlaba wonke.

UNkulunkulu wathi: “Masenze abantu ngomfanekiso wethu, basifuze, futhi babuse phezu kwezinhlanzi zolwandle, nezinyoni zezulu, nezinkomo, nomhlaba wonke, nezilwanyana ezinwabuzelayo. emhlabeni.”

— UGenesise 1:26

Ngakho futhi, siyabona ukuthi u-Adamu wabusa umhlaba ngegunya aliphathisiwe futhi bambeka umqhele wenkazimulo (ukugcotshwa noma amandla) nodumo (isikhundla segunya). Kwakungekho lutho olwalungekho ngaphansi kombuso wakhe.

Eqinisweni, uma ufunda ukulandisa kwendalo, u-Adamu empeleni waqamba izilwane, njengoba wayengaphezu kwawo wonke umhlaba. Njengoba sonke sazi, u-Adamu walahlekelwa igunya lakhe lokubusa kungenxa kaSathane, owakhohlisa u-Eva futhi walinga u-Adamu ukuba avukele umbuso kaNkulunkulu, okuyinto ayenzayo. UPawulu ubhala ku-2 KwabaseKorinte 4:4 ukuthi uSathane, ngokuvukela umbuso kuka-Adamu, waba unkulunkulu walelizwe. Akazange athi ungunkulunkulu, kodwa kunalokho, waba unkulunkulu walelizwe, okusho ukuthi wayenegunya elingokomthetho elingokomoya lapha. Nakuba umuntu ayesaphila emhlabeni, ngokomoya, wayefile kuNkulunkulu. Umoya womuntu, owadalelwu ukuba uhambe ebunyeni noMoya kaNkulunkulu, manje wawusuhlukanisiwe Naye. Umuntu waqala ukuhamba ngokwemizwa yakhe, ingqondo, intando, nemizwelo yakhe.

USathane wasemenyusela entabeni ende, wambonisa imibuso yonke yezwe ngomzuzwanyana. USathane wathi kuye: “Amandla onke lana ngokunika wena kanye nenkazimulo yawo; ngokuba inikiwe mina, futhi ngiyinika noma ubani ngokuthand kwami ukumnika. Ngakho-ke, wena uma ukhuleka phambi kwami, konke kuzakuba ngokwakho.”

— NgokukaLuka 4:5-7

Uzoqaphela ukuthi uSathane uthi isikhundla anaso phezu kwendawo yasemhlabeni “**sinikezwe**” yena. Yebo, siyazi ukuthi lowo owamnika sona nguye owayenaso ngokomthetho ekuqaleni, okwakungu-Adamu. Lokhu kubalulekile. Ukube, eqinisweni, uSathane wayezamile ukungena endaweni yasemhlabeni ngokungemthetho, wayeyoxoshwa ngaso leso sikhathi nangenkani.

Uma ungacabanga ngephoyisa elibiza abanye abasekelayo, uzoba nombono omuhle wokuthi kungani ngithi uSathane ubezoxoshwa. Ibheji eligqokwa yiphoyisa lisikisela ukuthi wonke amaphoyisa namandla kahulumeni ase-United States akhona ukuze asekele amazwi akhe.

Umqhele u-Adamu ayewugqokile (isikhundla ayenaso), ebusa esikhundleni sombuso kaNkulunkulu, waletha wonke amandla kaNkulunkulu ukuba amsekele. Ngenxa yesikhundla sika-Adamu endaweni yasemhlabeni, uSathane wayengenagunya nakancane endaweni yasemhlabeni. Wayebuswa u-Adamu no-Eva. Okuwuk-uphela kwendlela kaSathane engokomthetho yokuthola igunya emhlabeni yayiyodinga ukuba u-Adamu akhumule umqhele wakhe, okuyinto uSathane ayengenalo igunya lokumphoqeleta ukuba akwenze. USathane wayazi ukuphela komuntu lokho owayeng-asusa lowomqhele ekhanda lika-Adamu kwakungu-Adamu uqobo lwakhe. Yingakho uSathane kwadingeka asebenzise isu lakhe lokuk-hohlisa. Kwakuyini lokho kukhohlisa? USathane wasikisela ukuthi uNkulunkulu akathembekile futhi akanandaba nabo. Wenza u-Eva waqiniseka ukuthi kwakunenzozo ukungamlaleli uNkulunkulu futhi nokuthi imithetho kaNkulunkulu yayivimba yena no-Adamu kokuthile okuzuzisayo.

USathane kwadingeka ukuba enze u-Adamu no-Eva ukuba bakholwe noma bazivumelanise naye esikhundleni sikaNkulunkulu.

Ngamagama alula, lokhu kuwukholo. Ukholo lungachazwa njengokuthi “eqinisekile ngokuphelele” ngalokho uNkulunkulu akushoyo. U-Adamu no-Eva balishiya iZwi likaNkulunkulu

njengelingathembekile nokho bavumelana nalokho uSathane ayekushilo. Bese benza ngokuvumelana nenkolelo yabo eyachitha ilungelo labo ukuma eMbusweni kaNkulunkulu futhi kwanikeza uSathane isizinda esingokomthetho ezindabeni zabantu. Umphumela? U-Adamu, owayenegunya phezu kwendawo yasemhlabeni, wamxosha ngokomoya uNkulunkulu lapho ezihlanganisa noSathane! U-Adamu washiya umqhele wakhe, indawo yakhe yegunya, ukuze alandele uSathane. Ngokwenza kanjalo, waxosha uNkulunkulu empilweni yakhe. Abantu abaningi bebengathi, “Cha, bekungeke kwenzeke; U-Adamu wayengenakuxosha uNkulunkulu endaweni yasemhlabeni!” Kodwa ngokuqondene nezindaba zabantu, wakwenza ngempela. Ake ngikufakazele lokho kuwe. Ake sibheke **UGenesise 3:17-19** njalo. Ngemva kokona kuka-Adamu, uNkulunkulu waya kuye wathi,

Uqalekisiwe umhlabathi ngenxa yakho; uyakudla kuwo ngokukhathazeka zonke izinsuku zokuhamba kwakho. Uyakukuvezela ameva namakhaksi, wena udle imifino yasendle. Ngesithukuthuku sobuso bakho uyakudla isinkwa sakho, uze ubuyele emhlabathini.

Phawula ukuthi lithi, “*Uqalekisiwe umhlabathi [umhlabu] ngenxa yakho.*”

Ukuqalekiswa kusho ukungabi khona kobukhona bukaNkulunkulu nesibusiso. Kwakungu-Adamu, owayenegunya phezu komhlaba, owanqamula igunya likaNkulunkulu elingokomthetho endaweni yasemhlabeni. Empeleni, uNkulunkulu uthi, “Heyi, Adamu, ngenxa yakho, izandla zami ziboshiwe. Mina angikwazi ukukusiza.” Ube esetshela u-Adamu ukuthi ukusinda kwakhe manje

sekuzoba kuwe, ngomsebenzi onzima nangomsebenzi obuhlungu. Lokhu ngikubiza ngokuthi “uhlelo lwestiqalekiso emhlaben” lokusinda. Yilapho sonke esakhulela khona—embusweni wokusinda nokwesaba. Safunda ukukhathazeka, futhi ukwesaba kuye kwabusa imicabango yethu kusukela sazalwa. Ngifuna ukuphinde ngibuyele kulo Mbhalo kancanyana ukuze ngiqhubeke nokudingida uhlelo lwestiqalekiso emhlaben, kodwa okwamanje, ngifuna ukuqiniseka ukuthi uyaqonda ukuthi uSathane ungene kanjani endaweni yasemhlaben. Futhi, kwadingeka athole owesilisa noma owesifazane endaweni yasemhlaben oyayene gunya elingokomthetho elinikezwe uNkulunkulu endaweni yasemhlaben ukuze limvulele umnyango. U-Adamu wayenaleso leso sihluthulelo, futhi uSathane wakwazi ukukhohlisa u-Adamu ukuba avule lowomnyango. Manje, ake sibheke KumaHeberu 2:7-8 njalo.

Wameniza waba mncinyane kunezingelosi; wambeka umqhele wenkazimulo nodumo, izinto zonke wazibeka phansi kwezinyawo zakhe. Ngokuba ekubekeni izinto zonke phansi kwakhe, uNkulunkulu akashiyanga lutho olungabekwanga phansi kwakhe. Kepha kalokhu asikaziboni izinto zonke zibekiwe phansi kwakhe.

— KumaHeberu 2:7-8

Qaphela ukuthi lo Mbhalo uthi uNkulunkulu akashiyanga lutho OLUNGAbekwanga phansi kwakhe. Nakuba lo Mbhalo ukhulumu ngesenzakalo sakudala, usebenzisa igama elithi *olunga* enkathini yamanje ukuchaza isimo somuntu samanje emhlaben. Nakuba umuntu walahlekelwa igunya lakhe elingokomoya endaweni yasemhlaben ngenxa yesono sika-Adamu, umuntu akazange alahlekelwe

umsebenzi wakhe ongokomthetho emhlabeni ngokwawo, ngeleyo ndlela ukusetshenziswa kwegama *olunga*. Ngokuba kulokhu kuma okungokomthetho umuntu anakho emhlabeni, futhi ngenxa yenqaba engokomthetho kaSathane engokomoya kubantu, uNkulunkulu akanakuvele aqhamuke endawweni yasem-hlabeni futhi ephule iZwi Lakhe uqobo noma uSathane angasho ukuthi ukhohlakele.

UNkulunkulu kufanele athole owesilisa noma owesifazane endaweni yasemhlabeni ozovumelana Naye, okuvula umnyango ongokomoya wokuba uMbuso kaNkulunkulu ube namandla okubusa okungokomthetho lapha. Njengoba nje uSathane kwadingeka asebenze ngomlindisango, u-Adamu, uNkulunkulu manje kufanele asebenze ngamadoda futhi nowesifazane, abalindisango bomhlaba, ukuze banikeze Amandla wesikhundla oMbuso lapha. Ukuba nenhliziyo nengqondo yakho iqinisekile ngokuph-eleleyo ngalokho okushiwo yizulu kubizwa ngokuthi ukholo. Ukuholwa kumele kube khona ukuze uMbuso kaNkulunkulu ube namandla wesikhundla lapha. Ngeke ngithathe isikhathi lapha ukuchaza ukuthi ungathola kanjani ukholo noma ukwazi kanjani ukuthi ukhona ekukholweni. Konke lokhu kufakwe encwadini yami yokuqala kulolu chungechunge. Ngenhloso yale ngxoxo, ngifuna nje ukuqiniseka ukuthi uyazi ukuthi kuyini ukukholwa nokuthi kungani kudingeka ukuze izulu lihambe lapha emhlabeni.

Manje, ngithemba ukuthi ninokuqonda kangcono ukuthi kungani uJesu “engenakukwazi” ukwenza izimangaliso eziningi edolobheni Lakubo—abantu balapho babengenalo ukholo. Ngakho, izulu lalingenalo igunya elingokomthetho. Ake ngiqedele lengxoxo ngoMbhalo omkhulu ozocacisa engikushoyo.

Wonke umuntu uzwile ngo KwabaseRoma 10:10:

NNgokuba umuntu ukholwa ngenhliziyio kube ngukulunga, futhi ngomlomo wakho uyavuma kube ngukusindiswa.

Lo Mbhalo uyingxenye yalokho amaKristu akubiza ngokuthi indlela yamaRoma, ingxenye ye Mbhalo emine esibonisa indlela yokusindiswa. Kodwa ingabe uke ngempela wema futhi wacabanga ngenqubo eku KwabaseRoma 10:10 iyakubonisa nawe? Kungenhliziyio yakho ukuthi ukholwe noma ungene esivumelwaneni nezulu. Inhliziyio yakho nokuvumelana nezulu kwenza kube semthethweni ukuthi izulu lihlasele umhlaba. Lombhalo uthi uma ukholwa izulu, uyalungisiswa. Ubulungisa ukuphatha umthetho. Ngakho-ke ukukholelwa enhliziyweni yakho kukunika ilungelo elingokomthetho phambi kwezulu nomhlaba ukuze ube nalokho elikushoyo izulu ngoba kunikeza izulu ukuba semthethweni endaweni yasemhlabeni. Kodwa qaphela ukuthi akukho okwenzekayo okwamanje. Kunengxenye yesibili yalo Mbhalo: “...futhi ngomlomo wakho uyavuma kube ngukusindiswa.” Uyabona, nakuba inhliziyio yakho ingavumelana nezulu, okwenza kube semthethweni ukuba izulu lihlasele umhlaba, akwenzeki lutho kuze kube wena, owesilisa noma owesifazane onegunya phezu kwendawo yasemhlabeni, ukukhiphela lokho endaweni yasemhlabeni. Kungani? Ngoba unesikhundla samandla lapha; izulu alikwenzi ngaphandle kwakho!

Ngiqinisile ngithi kini: Konke eniyakukubopha emhlabeni koba kuboshiwe nasezulwini, nakho konke eniyakukukhulula emhlabeni koba kukhululiwe nasezulwini.

— NgokukaMathewu 18:18

Empeleni, lokhu kusho lokhu engisanda kukhuluma ngakho. Noma yini oyoyibopha emhlabeni, izulu liyokusekela, futhi noma yini oyikhulula emhlabeni, izulu liyokusekela. Izulu alinakukwenza ngaphandle kwakho. Izulu likulindile futhi alikwazi ukunyakaza ngaphandle uma owesilisa noma owesifazane onokholo noma esivumelwaneni nezulu ekhulula lelo gunya endaweni yasemhlabeni.

Ukuqonda indlela yokukhulula igunya namandla ezulu endaweni yasemhlabeni kwenza wonke umehluko. Kwenzekile empilweni yami futhi kwenzeka ku-imeyili elandelayo engiyitholile.

“Sawubona! Mina nomyeni wami sifuna ukwabelana nawe ngendaba yethu emangalisayo ‘yokuzingela ukholo’! Ngo-2011, sasihlala ‘endlini yethu yamaphupho,’ kodwa sasiphila ngemali yokuholelwa ukuze sikhokhe futhi ngezinye izikhathi sisebenzisa amakhadi ethu okuthenga ngesikweletu ukuze sikhokhele igilosa futhi [sifudumeze] indlu yethu. Besiphila impilo yokusinda nje kodwa singachumi. Ngangingumholi wokudumisa ebandleni lethu, kodwa ukholo lwethu lwalungahlangene nezezimali zethu. Ngibone uhlelo lwenu oluthi *Fixing the Money Thing* ku *Daystar*, olwadonsa ukunaka kwami, futhi [mina] nga-oda incwadi ethi, *Fixing the Money Thing*, kanye namaCD ne *Financial Revolution*. Sasiwalalela njalo wonke la maCD futhi sifundelana incwadi.

“Bisingazi ukuthi asikho okholweni! Sasazi ukuthi ukuze sigcine le ndlu yamaphupho, sasidinga izimpendulo ezithile mayelana nendlela imali esebezena ngayo eMbusweni. Sahlwanyela imbewu ka-\$200 ku-*Faith Life Ministries* (okungase njalo [kube] u-\$2,000. Leyo kwakuyimali eningi kithi ngaleso sikhathi!) futhi savumelana noNkulunkulu ukuze asibonise indawo emakethe engangingayenza ekhaya.

“UNkulunkulu usinike umqondo webhizinisi wokukhulisa imidlwane yakwa *Goldendoodle* ekhaya lethu. Sathenga imidlwane emi-2 ye-*Goldendoodle*, u-Bella noGracie, sabakhulisa ukuze zizale imidlwane ye-*Goldendoodle*, futhi sabambisana noNkulunkulu. Besazi ukuthi asikwazi ukwenza imidlwane!! Sazalanisa ama-*doodle* ethu angu-2, kwathi ngo-2014, saba nemidlwane engu-13 esasizoyithengisa ngentengo yemakethe engu-\$1200 iyinye. Kulo nyaka, 2015, sibe nemidlwane engama-63, YONKE inempilo. Kusukela ekuthengiseni imidlwane yethu, sesikhululekile kuzo zonke izikweletu zethu ngaphandle kwekhaya lethu. Futhi manje sase sinesikhwama sezimo eziphuthumayo esixhaswe ngokugcwеле.

“Samangala lapho umama esibusa ukuthi singathanda yini ukuthi ama-*Goldendoodle* akhe amabili azalwe ngoba wayesethatha umhlalaphansi! UNkulunkulu wasibusisa ngamanye ama-doodle angu-2 mahhala! Futhi ngenyanga kaNtulikazi, umyen i wami wakhushulelw esikhundleni sokuba unsumpa esikoleni samabanga aphakeme sendawo!! Ngonyaka owodwa, iholo lethu laphindeka kabi lafinyelela ezibalweni eziyisi-6 eziphezulu!! UKUZINGELA NGOKUKHOLWA KUYASEBENZA!! Sathinta imithetho yoMbuso kaNkulunkulu. Manje, sihlwanyela kuzo zonke izinhlobo zomsebenzi woMbuso futhi siya ebandleni lakho ku-inthanethi njalo ngeSonto ekuseni ngaphambi kokuba sihole indumiso ebandleni lethu lendawo! Siyabonga ngokusifundisa indlela uMbuso osebenza ngayo!”

—UKarla

Lo mbhangqwana ofanayo ungithumele i-imeyili yokulandeleta kuleli sonto.

“Jabulela iphasika! Uvukile! Besifuna ukwabelana ngesibuyekezo soMfundisi wethu waku-inthanethi uGary! Sicela umazise ukuthi

sigubhe ukuzalwa kukajesu eJerusalema kulo nyaka (sikhokhele ngokhesi). Sabusisa futhi ngokuba nendodana yethu eyeve eshumini nambili uCarter ebhapathizwa eMfuleni iJordani, futhi sakhonza ne *Hillsong Australia* oLwandle LwaseGalile kusihlwa! Hewu!!! Siyabonga kakhulu ukuthi siyilungisile into yemali!

Sesinemidlwane engu-121 manje. Kwadingeka sinyuse intengo yomdlwane ibe ngu-\$2,300 ngoba uhlulu lwethu lokulinda lwalulude kakhulu! Dumisani uNkulunkulu.”

—UKarla

Lesi isibonelo esiphelele salokho uMbuso oyokwenza ekuphileni kwakho. Ngishayele u-Karla ucingo kuleli sonto ngemuva kokuthola le-imeyili, futhi yena wayejabule KAKHULU!!! Uthe bazokhokhelwa umuzi wabo kulo nyaka. Uma ubheka i-imeyili yokuqala ayithumele, ngaleso sikhathi wathi okulandelayo (okucashunwe ku-imeyili engenhla):

“Sasiphila ngemali yokuholelwu ukuze sikhokhe futhi ngezinye izikhathi sisebenzisa amakhadi ethu okuthenga ngesikweletu ukuze sikhokhele igilosa futhi [sifudumeze] indlu yethu. Besiphila impilo yokusinda nje kodwa singachumi.”

Manje, eminyakeni embalwa kamuva, bazoyikhokhela yonke? UMbuso!

ISAHLUKO 3

UMBUSO UYIMPENDULO

YAKHO

Manje njengoba usunokuqonda okuyisisekelo sokuthi uMbuso usebenza kanjani ngemithetho nezimiso ezingaguuki, ngifuna ukuqala ngigxile emithethweni empeleni enomthelela kwezezimali zakho futhi, ekugcineni, ukuphumula kwakho.

Kodwa ngaphambi kokuba siye lapho, ngifuna ukuchaza ukuthi kungani ngiqambe le ncwadi ngokuthi *Amandla Okuphumula* nokuthi ngiqonde ukuthini ngegama elithi *ukuphumula* kumongo wezezimali noMbuso. Ngokumangazayo, angizange ngisungule lo mqondo ngokuphumula okupathelene nezimali, uNkulunkulu wakwenza.

Kwase kupheleliswa izulu nomhlaba kanye nombuthano wakho wonke. UNkulunkulu waqedu ngosuku lwersikhombisa imisebenzi yakhe abeyenzile; waphumula ngosuku lwersikhombisa emisebenzini yakhe yonke abeyenzile. UNkulunkulu wabusisa usuku lwersikhombisa, walungcwelisa, ngokuba

*ngalolo suku waphumula emisebenzini yonke abeyidalile
uNkulunkulu, wayenza.*

— UGenesise 2:1-3

Okokuqala, ake ngikucacise lokhu: UNkulunkulu akazange aphumulengosukulwesikhombisangobawayekhathele. UNkulunkulu akakhathali. Waphumula ngoba, njengoba umbhalo usho, konke kwase kuphelele futhi Yena waqedo. Wadala umuntu ekupheleni kosuku lwesthupha lokudala ukuze aphile ngosuku lwesthombisa. Usuku lwesthombisa lwalungenamcabango wokwesaba, ukucabanga ngokusinda, ukugula, futhi nomsebenzi obuhlungu noma izithukuthuku zokuthola ukuhlinzekwa. Kunalokho, imicabango ka-Adamu yayiyoba kuNkulunkulu, umkakhe, isabelo nenjongo yakhe kuphela. Konke ayekudinga ukuze asekele isabelo sakhe nokuphila kwalungiselelwa futhi kwatholakala; Icebo likaNkulunkulu laliph-ele. Abantu namuhla baphupha benalokhu u-Adamu ayenakho, ukuphila ngaphandle kokukhathazeka, benekhono lokugxila ezifisweni zabo nasebudlewaneni ngaphandle kokukhathazeka ngokuhlinzekwa. Ngeshwa, lapho u-Adamu ehlubuka, walahlekelwa yilungiselelo likaNkulunkulu, futhi umuntu uye waphoqeleka ukuba agijime (ukukhandleka okubuhlungu futhi nezithukuthuku) elandela izinto zokuphila kusukela ngaleso sikhathi.

Ngokuba konke lokhu abezizwe bagijima belandela zonke lezizinto; futhi uYihlo osezulwini uyazi ukuthi niyakudinga konke lokhu. Kodwa funani kuqala umbuso kaNkulunkulu nokulunga kwakhe, khona konke lokhu kuyakwenezelwa nina.

— NgokukaMathewu 6:32-33

Isisindo sokuthola ukuhlinzekwa siwumthwalo osindayo futhi sisonta umbono womuntu ngempilo. Ukuyengeka ngengcebo, ukukhululeka nokukhandleka okubuhlungu futhi nezimfuno zezithukuthuku zokusinda, yilokho abantu abaphupha ngakho. Ukuba usozigidi kunencazelo kuphela ngekhono lakho elicatshangwayo lokunciphisa ingcindezi nesisindo sokuthola ukuhlinzekwa, kusivumela ukuthi sigxile kunjongo nakusabelo. *I-lottery* idume kakhulu ngoba inikeza ukuhlinzekwa ngaphandle kokusebenza futhi nokuphunyuka ohlelweni lwezezimali lwestiqalekiso sasemhlabeni. Amasu okuceba-ngokushesha agcwele ngazo zonke izinhlobo futhi zihlasela njalo ama-imeyili ethu futhi nokuthunyelwe kuma-*Facebook*. Ngakho esimweni sezimali zethu, sidinga ukuphendula umbuzo: Ingabe ikhona indlela yokubuyela emuva kulolo suku lwestikhombisa lapho yonke into iphelele futhi ihlangene futhi itholakala? Impendulo ingu YEBO omkhulu! Ukuthi lokho kwenzeka kanjani futhi nokuqonda imithetho yoMbuso ezoveza lolo hlobo lomphumela kuyinjongo yale ncwadi. Ngiyazi okuhlangenwe nakho kwakho ngempilo noma ibandla kanye namaKristu bangase baphikise ukuthi engikushoyo akukwazi ukuba yiqiniso, njengoba amaKristu amaningi amukele imfundiso yenkolo “yobumpofu bungcwele.” Kodwa ngiyakuqinisekisa ukuthi zonke izimpendulo ozidingayo ukuze uphumelele futhi uhlale esabelweni, ezikuvumela ukuba uthole injongo yakho, ziseMbusweni.

**ZONKE IZIMPENDULO
OZIDINGAYO UKUZE
UPHUMELELE FUTHI
UHLALE ESABELWENI,
EZIKUVUMELA UKUBA
UTHOLE INJONGO YAKHO,
ZISEMBUSWENI.**

Nibusisiwe nina bampofu, ngokuba umbuso kaNkulunkulu ungowenu.

— NgokukaLuka 6:20

Impendulo yokuba mpofu uMbuso! Lona nguMbhalo wokuqala uNkulunkulu angiholele kuwo lapho Yena eqala ukungifundisa umthetho woMbuso wezezimali. Yebo, ukuze ubambe lo mqondo, kuzomele wazi ukuthi kusho ukuthini umqondo wombuso, esengikushilo kakade. Futhi ngicabanga ukuthi kufanele ube nokuqonda okucacile kwalokho okwenzeka eNsimini ngenkathi u-Adamu ona. Ngakho-ke ake ngithathe isikhashana ukuze ngibuyekeze ngokushesha.

Ekuqaleni, u-Adamu no-Eva abazange bakhathazeke ngalutho; akukho ukugula futhi akukho zinkinga zokuhlinzekwa ezazibadla imicabango yabo usuku nosuku. Usuku ngalunye okwakudingeka bacabange ngakho kwakuyisabelo sabo, okwakuwukuthanda uNkulunkulu, ukuthanda omunye nomunye, nokunakekela umhlaba neNsimu uNkulunkulu ayebanike yona. Uvalo lwalungekho nhlobo ezimpilweni zabo. Kodwa lapho u-Adamu evukela umbuso, yonke into yaguquka nakanjani. Njengoba ngishilo, uSathane waba unkulunkulu walelizwe, umuntu wanqunywa kuNkulunkulu, futhi uNkulunkulu wanqunywa ukuba abe namandla esikhundla angokomthetho phezu komuntu. U-Adamu washaqeka waba ngokoqobo okusha kokuthi ukuphila kusebenza kanjani. Njalo, nawa futhi amazwi uNkulunkulu awaletha ku-Adamu ngemva kokona.

Uqalekisiwe umhlabathi ngenxa yakho; uyakudla kuwo ngokukhathazeke zonke izinsuku zokuhamba kwakho. Uyakukuvezela ameva namakhakhasi, wena udle imifino

yasendle. Ngesithukuthuku sobuso bakho uyakudla isinkwa sakho, uze ubuyele emhlabathini.

— UGenesise 3:17-19

Ukukhandleka okubuhlungu, izithukuthuku, ukwesaba, ukukhathazeka, kanye nengqondo yokusinda manje yikhona okwakudla imicabangoka-Adamu no-Eva. Injongo yabo, okwakuyisu uNkulunkulu ayenalo ngabo, manje isilahlekile ejahweni nasempini yokusinda. Isabelo sika-Adamu esimangalisayo, injongo yakhe, manje isisithwe izinkathazo zokuphila nesidingo sokuhlinzekwa. Ulahlekelwa umbono wokuthi unguubani. Ukuphela kwenjongo ayibonayo manje iwukuba aphile, okudinga ukukhandleka njalo nezithukuthuku. Akukho okuningi okuguqukile kusukela ngalolo suku kuze kube manje.

Namuhla, njengomfundisi, ngithola ukuthi umbuzo omkhulu abantu abangibuza wona uwukuthi, “Yini okufanele ngikwenze ngempiyo yami?” Isizathu sokuthi babuze yingoba endaweni yasem-hlabeni kusukela ku-Adamu, ukufuna ukuhlinzekwa kuwumgomu okukalwa ngawo konke okunye. Izinqumo zivame ukwenziwa ngesisekelo semali hhayi inhloso. Imali nesidingo sayo kunga-phoqa abantu ukuthi bavumele ukwenza imisebenzi abayizondayo. Eqinisweni, abantu abanangi abazi ukuthi bangobani ngempela. Phawula lokhu phansi, “Uze umazi uNkulunkulu, awusoze wazi umklamo Wakhe ngempiyo yakho. Nguye okudalile.”

abantu balambele kakhulu ukuthola ukuthi bangobani. Ezweni babonakala beyinombolo nje, kodwa kuNkulunkulu bakheth-ekile futhi indalo eyingqayizivele enamakhono futhi namandla okungekho omunye umuntu onawo. Kodwa ngenxa yokuthi abamazi uNkulunkulu futhi, kanjalo, abazazi bona, babheka ukubaluleka

kwabo kuzo zonke izindawo ezingafanele. Bavumela isiko ukuthi linqume ukubaluleka kwabo ngokwamukela lokho okushiwo isiko. Kodwa isithombe esivezwa ngabezindaba kanye nesibuko sesiko konke kuyithunzi eliguqukayo. Ngesikhathi lapho ucabanga ukuthi unyathela ngendlela yalokhu elikubiza ngokwamukeleka, uzothola ukuthi sekuguqukile futhi usuvele usemuva.

Ngikhumbula ngiseParis futhi ngihamba ngisehla emgwaweni ngino Drenda. I-Paris, ngeqiniso, yaziwa ngemfashini; futhi izimfashini zalowo nyaka zonke zazimpunga nezimnyama. Wonke amafasitela esitolo ayegcwele okumpunga nokumnyama kuphela. Lapho ngibheka ezansi komgwaqo, kuzo nhlangothi zombili, ngabona amakhulu abantu ababehamba khona. Ngethuka lapho ngibona ichashaza lombala owodwa. Wonke umuntu, ngaphandle kokukhetha, wayegqoke ezimpunga nezimnyama. Kwakukhona amakhulu namakhulu abantu bonke bebukeka ngokufanayo. Ugcine nini lapho othile ekutshela ukuthi umbala awuthandayo umpsunga? Kodwa ngalolo suku, uquqaba lwaluqinisekile ukuthi intandokazi yalo yayimpunga noma emnyama.

Ngenxa yokuthi ukucindezelu kokuthola ukuhlinzekwa kakhulu kakhulu futhi kusonta ukuthi singobani kunoma yini esicabanga ukuthi izosisiza ukuba siyithole futhi yamukelwe, mina noDrenda sasungula isisho osekuyiminyaka sisishumayela: “Uma ungalungisi le indaba yemali, awusoze wathola ikusasa lakho!” Ukuba yisigqila sokuphila kunikeza isikhathi esincane sokuphenya noma ukudala izinketho eziningi. Iqiniso liwukuthi, njengoba ngabelane nani, isikhathi esiningi abantu benza izinqumo zabo mayelana nomgomu wokuthola noma wokuqongelela ukuhlinzeka. Bashiya ukuthanda kwabo iholo kanye nombono wabo wokuhlinzeka. Iqiniso liwukuthi sicindezeleke kakhulu ngokuphila kwethu

kwengqondo-yokukhandleka okubuhlungu nezithukuthuku kangangokuthi siye sayeka ukuphupha. Ukwesaba kubamba amaphupho ethu kusigqilaza, futhi ukuntuleka kokuhlinzekwa kubamba amaphupho ethu eboshiwe kokungenakwenzeka.

Ngikhumbula lapho iphupho lami kwakuwukuba nemali nje eyanele uphethiloli ukubuyela ekhaya, ingasaphathwa into ebaluleke kakhulu eshintsha ukuphila. Ngalezo zinsuku, kwakungekho mibono emihle endleleni yami. Ukukhokha nje imali yokuqasha yenya zonke kwakuthatha wonke umcabango engangingaba nawo. Ngizovuma ukuthi kunzima ukucabanga okungaphezu kokusinda lapho ucindezelekile ngokudla noma ubhekene nezinkinga zezimali eziphuthumayo.

Lapho u-Adamu enikeza uMbuso, izwe elisha lonke eliwukufa, ukwesaba, ukusinda, lovalo kwabusa ukuphila kwakhe. Ngiyanqiniseka ukuthi sonke siyazi ukuthi ukwesaba kuzwakala kanjani. Ngikhumbula izindaba ezingenakubalwa ekuphileni kwami siqu yovalo, amahloni, nokwesaba njengoba ngangihlupheka eminyakeni eyisishiyagalolunye yesiphithiphithi sezezimali, ekugcineni ngibhekana nokuhlaselwa uvalo, futhi ngiphila ngemithi ama *antidepressant*. Ukuphila ohlelweni oluyisiqalekiso esemhlabeni lokusinda kusiqequeshe sonke ukuba sibe nombono ongemuhle ngokuphila. Abanye babhekana nakho kangcono kunabanye, kodwa ngaphandle kukaKristu, lesi simo sengqondo esibi sihlala sisitshela ukuthi asilungle ngokwanele.

Wake wezwa othile ethi, “Ungawakhipi amathemba akho”? Lapho ngikhula, umangikengajatshulisa okuthile ubabaayecabanga ukuthi kuwubuwula, wayethi, “Ngelinye ilanga uzokhula.” Ngenxa yalokho, ngokuvamile angizange ngizivumele ukuba ngiphuphe nganoma yini ngaphandle kwalokho okwakuzimisele ukudingwa

ubaba. Ngikholwa wukuthi ubaba walinyazwa ukukhulela ekhaya elinotshwala, futhi yilokhu okwakumele akwenze esakhula.

Uma sikhuluma iqiniso, sonke besilokhu siyizinkathazo ezingochwepheshe kusukela sazalwa. Ukwesaba kuwulimi oluvamile endaweni yasemhlaben. Uma ungama ucabange ngakho, igama elithi *cha* ligxilile kithi kusukela ekuzalweni kwethu. “*Cha, awukwazi ukuba nakho lokho.*” “*Cha, buyisela lokho.*” “*Cha, awukwazi ukuya lapho.*” “*Cha, awukwazi ukukukhokhela lokho.*” Ekugcineni, sivele siyeke ukuthi “*Yebo*” kunoma yini ngaphandle kokubaleka ngezikkhathi ezithile emsebenzini othuntubeza ingqondo yethu ezimweni zethu zangempela, njengokudla okweqile ukudla kwethu okunethezekile esikuthandayo.

Olunye ucwaningo lulinganisela ukuthi ingane evamile izwa igama elithi *cha* noma *musa* izikhathi ezingaphezu kuka-148,000 lapho ikhula, uma iqhathaniswa nezinkulungwane ezimbalwa zemiyalezo ethi *yebo*⁴.

Ngisanda kubamba ingqungquethela yethu yeminyaka yonke Yokuhlizekwa, futhi endaweni yesikhulumi ngibeke i-Ferrari ka-2017, imoto ezothakazelelwa ngokuqinisekile. Umnikazi wemoto ungena ebandleni lami futhi ukhokhe imali yemoto, eyayiphose ibize ku-\$400,000. Lapho bengena bonke ababekhona, bababaza bagqolozele imoto, bonke beyibuka, befuna ukubhekisisa. Kodwa nakuba bonke babeyithanda le moto, iphuzu engangiliveza ngokuyibeka enkundleni kwakungelona ukukhuthaza ukuphila kwemigomo yezinto ezibonakalayo, kodwa, kunalokho, ukuba-fundisa isifundo. Abantu babuthana bonke emotweni, bonke bethi bangathanda ukuyishayela.

Ngangazi ukuthi ukuqequeswa kuka “*cha*” ababekutholile ohlelwani lwesiqalekiso somhlaba lokukhandleka okubuhlungu

nezithukuthuku wawumemeza unganakile, “CHA, awusoze waba nemoto enjalo! Cha, awusoze wakwazi ukukukhokhela lokho; musa ukucabanga ngisho ngayo.” Ngenxa yokuqequesha kuka“CHA” abaye baba nakho, sonke siye saba nakho, iningi labo alikaze licabange nokuba ne-Ferrari ngoba abantu abangenangqondo abakwazanga ukuyibona noma ukuyithola. Nokho, uma ngiqhubeka nokushintsha izimoto njalo ngehora ngalinye, kusukela kwezibizayo kwehle kuya kwezishibhe kakhulu, ekugcineni, bengizoba nemoto enkundleni abazocabanga bese bethi, “Ngiyayithanda leyo moto; Kufanele ngithole eyodwa.”

Wawuyini umehluko? Konke kwakumayelana nendlela ababezibona ngayo, ikhono labo, kanye nezindleko zemoto. Yebo, kungenzeka ukuthi kwakukhona abambalwa ababezitshela ukuthi, “Leya moto izoba ngeyami ngelinye ilanga,” noma mhlawumbe kwakunabantu ababenemali ababeyibheka ngenye indlela imoto. Kodwa nginesiqiniseko sokuthi kubantu abanangi, ukuba nemoto enjalo kwakungekho ngisho nasendaweni yabo yokucabanga. Usozigidi owakhokhela imoto ukheshi empeleni unengxenye yeshumi nambili yakwaFerraris. Ngokombono wakhe, iyimoto enhle nje. Lapho ebona imoto, wacabanga ukuthi ingeyakhe futhi wenza inquobo yokuyi-oda e-Italy, futhi base beyithumela emzini wakhe e-U.S. Akubanga nzima kuye ukwenza ngokuvumelana nombono wakhe ngoba wayenakho ukuhlinzekwa. Nasi isihlu-thulelo esibalulekile sokuphumula—ukuhlinzekwa (*provision*) kungumbono-onobungcweti (*pro-vision*)

Isihluthulelo Esikhulu:

Ukuhlinzekwa Kungumbo-onobungcweti

Ngaphandle kokuhlinzekwa akukho mbono; kakhona ukusinda kuperha. Uhlelo lwesiqalekiso somhlaba lobumpofu lwebe amaphupho ethu nekusasa lethu. Ngiyazi ukuthi iFerrari ibingum-fanekiso oqinile kodwa waveza iphuzu lami. Abantu ababekhona abazange bavume ngisho ukuba bona baphuphe benemoto enjena ngoba bebeyibuka njengento engeke yatholakala. Uma bengavuma ngisho nomzuzwana nje bazivumele ukuba baphuphe ngokuba ngabanini, ukuqeleshwa kwabo ohlelweni lwesiqalekiso somhlaba bekuyobamemeza, “Yeka ukumoshwa kwemali!” Kodwa kuthiwani uma ubunemali engu-\$25 zezigidigidi ebhangalakho ku-akhawunti yakho (ngikhulumiphuzu nje)? Leyo moto ingabonakala ishibhile kangangokuthi ubungayithenga ukuze uyisebenzise ngezimpela-sonto. Konke kuyindaba yombono wakho ngezinto, futhi njengoba iZwi likaNkulunkulu lithi zonke izithembiso zikaNkulunkulu zingu, “Yebo” futhi no“Ameni (makube njalo),” umbono wakho udinga ukuguquka ukuze ucabange ngendlela uNkulunkulu acabanga ngayo.

Ngokuba noma izithembiso zikaNkulunkulu ziziningi kangakanani, kuyena zingu “Yebo” kuKristu. Ngakho-ke ngaye zingu-“Ameni” futhi, kudunyiswe uNkulunkulu ngathi.

— 2 KwabaseKorinte 1:20

Ngokwesichazamazwi, incazeloyombono iwukuthi: isimo sengqondo esithile noma indlela yokucabanga ngento ethile; iphuzu

lokubuka ulutho, isimo sengqondo, uhlaka lokuqhathanisa, noma incazelo. Ngokuyisisekelo, umbono ngempela nje indlela ocabanga ngayo ngento ethile.

Nawu umqondo engifuna ucabange ngawo. U-Adamu wayey-inkosana ngaphambi kokuba anikezele kuSathane. Ngakho uma wawumbona ngemva kwalokho kuwa, wawuyobona indoda empofu enomkhaya owonakele (uKayini, indodana yakhe, wabulala umfowabo, u-Abela), futhi ubungeke ngempela umnikeze ithuba lokuba noma ubani. Kodwa obungakubonanga ukuthi wayenobukhosи emithanjeni yakhe. Nakuba ungambonanga ekuleso sikhundla, empeleni wayedalelwе ukuba aphathe futhi abuse ekuphileni. Leli qiniso elifanayo liyasebenza nakuwe njalo. Awukwazi ukumane uzibheke ngokusekelwe yilapho uhlala khona, lokho onakho, nezimo zakho zamanje, futhi wahlulele amandla akho. Kufanele ubheke amandla akho owadalile.

Ngiyakhumbula ngenkathi ngibhekene nezimo ezinzima, futhi ngangibhekene nezinkinga ezinkulu ezazibonakala zinkulu kunami. Ngabhekana nezinqumo ezithile ezazizothatha imali eningi kakhulu kunaleyo enganginayo. Ngazizwa ngikwazi lokho uNkulunkulu athi ngikwenze, kodwa ngazizwa ngibuthaka nje ukuba ngigxumele kukho. INkosi yanginika iphupho ngaleso sikhathi. Ngangigibebe ihashi phezu kwentaba. Nganginen-kemba esandleni sami. Ngaphansi kwentaba kwakukhona amakhulu, uma kungezona izinkulungwane, zamabutho ayizitha zami egibebe amahhashi nezinkemba zawo ziphakanyiselwe kimi. Ngangingedwa

**UMBONO WAKHO UDINGA
UKUGUQUKA UKUZE
UCABANGE NGENDLELA
UNKULUNKULU
ACABANGA NGAYO.**

kuleso sigodi futhi ngokuqinisekile ngangimbalwa kakhulu. Izwi ephusheni lami lasho la amazwi, “Ungazibukeli phansi, Gary!” Ngaleso sikhathi, ngaphakamisa inkemba yami ngaqala ukugijimisa ihashi lami ngehla intaba ngibheke kusitha okwathi manje, ebona ukuhlasela kwami, naso sasesihlasela sikhuphukela kimi entaben iiphakamise inkemba yaso. Njengoba ngangigabadelo ngibheke kuso, ngamemeza kakhulu, “*THOR*”

Lapho ngiphaphama, ngabona ukuthi kwakuyiNkosi eyayikhuluma nami futhi ingikhuthaza, kodwa ngangingazi ukuthi igama elithi *Thor* lisho ukuthini. Nginowesilisa ebandleni lami oseluse ebandleni iminyaka engu-30 futhi esefunde izilimi eziningi. Ngambusa ukuthi uyayazi yini ukuthi isho ukuthini wangitshela ukuthi uzoyihlola. Wangishayela ucingo ngakusasa wathi u *Thor* usho indodana yokuduma. Ngabonga ngamangala ukuthi iNkosi yayingitshelani. Kuzitha zami, ngizwakala njengokuduma kwezulu! Ngaphandle kokuthi ngitshele usathane ukuthi ngibuthakathaka kangakanani, lapho ngikhuluma, kuzwakala njengokuduma kwezulu (amandla) kuye.

Bengishumayela kumhlangano wethu wokuqala ku-Ingqungq-uthela Yokuhlinzeka ngo-2010 futhi bengixoxa le ndaba. Lapho ngidlulisela le ndaba, ngaphetha ngalokho iNkosi eyangitshela khona ephusheni, “Lapho isitha sikubona uza, Gary, uzwakala njengokuduma kwezulu. Ngaleso sikhathi ngathi, “Kuzwakala njengokuduma kwezulu,” umsindo wokuduma kwezulu wagcwala indawo yonke. Kwakungekho mvula, akuzange kube khona nokuduma kwezulu ngaphambili, futhi yilowo msindo wodwa wokuduma owazwakala ngalobo busuku bonke. Abantu ababelapho ngalobo busuku babethukile. Kodwa akekho owayejabule kakhulu ngalesikhathi ngendlela engangijabule ngayo, njengoba ngangazi

ukuthi kwakuyiNkosi ebeka u “AMENI” Wakhe kulokho engangi-kusho njengoba kwakusebenza kubo bonke abantwana Bakhe. Kodwa-ke, amakhamera we-TV ayehamba ngalobo busuku, futhi uma ungathanda ukubona lowo mcimbi ungaya kulesi sixhumanisi: <https://youtu.be/rtx1XYJGIAg>.

Ngakho nanku umqondo okudingeka uwuqonde.

Izigqila aziphuphi amaphupho amakhulu!

Izigqila ziphupha ngani? Ukuma, yilokho. Baphupha nge hora lesi-5:00 njengoba belokhu bebuka amawashi abo engxenjeni yesibili yosuku, befuna ukuma bashiye umsebenzini. Baphupha ngokuvakasha, baphupha ngokuthatha umhlalaphansi, baphupha ngokuba nemali ukuze bame ukusebenza. Izigqila ziphupha ngokuma, hhatyi ukudala umsebenzi owengeziwe! Umngqondo noma umbono wobugqila awusunguli noma awudali umsebenzi; wona ubheka indlela yokuphuma emsebenzini. Isigqila sesivele sikhungathekile futhi asiboni ukuthi okungenzeka kudlula eduze kwaso nsuku zonke.

Ukuze ube yinhloko hhatyi umsila, ingqondo yakho kufanele ishindsight isuke ekubeni yisigqila ibe umnikazi futhi nomdali. Kufanele uqale ukuphupha njalo. Udinga ukudlula kulokho ocabanga ukuthi uyikho, ngoba nakuba ungase ubonakale ubuthakathaka emehlwani akho, ku satane uzwakala njengokuduma kwezulu. Unegazi lasebukhosini emithanjeni yakho, futhi udinga nje ukucabanga nokwenza njengalo.

Nginomngane ongusozigidi. Unemizi eminingi emihle, yonke ephezu kolwandle noma emachibini. Ngolunye usuku njengoba ngimvakashele, sasihamba sehla esikhumulweni wemikhumbi

sihamba phakathi kwemikhumbi. Njengoba sidlula ngayinye ngayinye yazo, wayengitshela umnikazi wayo. Ngizokunikeza isibonelo sokuthi ingxoxo le yayizwakala kanjani, kodwa ngizaqamba nje amagama, njengoba wona kanye ngingawakhumbuli. Ngakho ingxoxo yomngane wami yayizwakala kanje: "Lo umkhumbi ngoka-Billy Smith, ongumnikazi we-*Ohio Medical Services*. Lo umkhumbi olandelayo uphethwe nguJohn Rogers, ongumnikazi wenkampani yabameli u*Rogers and Rogers*. Lo umkhumbi olandelayo ngokaRalph Tidewell, ongumnikazi waleso sitolo esihle sezicathulo ku-*High Street*." Njengoba sehla ochungechungeni lwemikhumbi, futhi ngemva kokudlula cishe engaba ngu-20 kuwo, ngabona ukuthi ngamunye wawungewomuntu onebhizinisi. Awukho nowodwa umkhumbi obungeka-Joe wakho ojwayelekile osebenza kusukela ngehola lesishiyagalolunye kuya kwezinhlalu njengesisebenzi endaweni ka-ayisikhilimu. Manje, angimelene nokusebenza endaweni uthengisa ama-ayisikhilimu futhi angimelene nokuba yisisebenzi, isikhathi esiningi noma kunjalo. Ngikunikeza nje isibonelo sezinhlobo zabantu abanomnotho.

Ngicela nikunakisisé lokhu engikushoyo. Akukhona ngemali abanayo; kumayelana nesimo sengqondo abanaso. Ungenzi izinto ngendlela engafanele. Abantu abaningi bangathi, "Ngifisa sengathi ngabe nginemali enjalo." Okufanele ngabe bakusho ukuthi "Ngifisa sengathi bengicabanga njengoba benza!" Banombono ohlukile wempilo kanye nabo ngokwabo.

Imindenieminingi ayifinyeleli emalini abayitholayo engathathwa njengeholo elichichimayo. Ucwaningo lwamanje luthi ama-51% abasebenzi base America benza imali engaphansi kuka-\$30,000 ngonyaka⁵. Ingxene engaphezu kwengxene yesizwe sakithi yenza ngaphansi kuka-\$30,000 ngonyaka?! Uma uneminyaka

engamashumi amabili futhi usaqala nje noma usesikhundleni ngoba ufuna ngempela ukuba lapho, futhi imali ingekho yona ephezulu ohlwini lwakho kulungile, kodwa ngiyazi ukuthi lokho akulona iqiniso kwabangaphezu kwengxene yesizwe sethu. Ngiyazi ukuthi badinga imali eyengeziwe. Ngithembe, ngibe sezinkulungwaneni nezinkulungwane zaminden eminyakeni yami engaphezu kwangu-36 ngisebenza embonini yezinsizakalo zezezimali, futhi ngizibonele mathupha.

ukuthi konke sekuphelele. Akukho ukuntula; Unikeze umuntu konke okudingekayo. Nokho uma abanye bebuza ukuhlakanipha Kwakhe ngokubatshela Wathi: **“Nokho ngabe kungabikho obampofu kuwe, ngokuba uJehova uyakukubusisa nokukubusisa ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona ukuba libe yifa lakho ukuba ulidle.”** Uqhubeke wathi uyakukubusisa njengokwethembisa kwakhe utsheleke izizwe eziningi, kepha ungatsheleki lutho kuzo. Futhi siyabona lapha ukuthi uhlelo lokuqalekisa umhlabo lokukhandleka okubuhlungu nezithukuthuku lwensiwa ize ngomthetho omusha wokuphila owasikhapha esiqalekisweni somthetho wesono nokufa.

Njengangosuku lweSabatha, kwakungafanele bakhandleke kabuhlungu futhi nezithukuthuku unyaka wonke; ngakho babengavunyelwa ukuhlwanyela izitshalo zabo. Kodwa-ke izinto zaba yisicefe. Babengagcini nje ngokuthethelela noma yisiphi isikweletu umuntu ayebakweleta, kodwa futhi babengavunyelwe ukuhlwanyela izitshalo zabo. Kuleli qophelo, omunye angase athi, “Hhayi, ngingaphila ngolunye usuku nalokho okusefrijini, kodwa ukuphila unyaka wonke ngaphandle kokusebenza kunzima kakhulu.”

Ngakho-ke lapha njalo, isithunzi sisitshela ukuthi sithelele izikweletu zethu. Ubatshele ukuthi ngeke basebenzise isikweletu ngoba bazoba nenqwaba yokuthi kube yibo abbolekisa ngemali hhati obolekayo. Isikweletu siwuhlelo olusekelwe ekungeneni, kodwa uNkulunkulu uzobahlinzeka ngokuphelele ngakho isikweletu asisadingeki. Isithunzi sithi, “Awuyikutshala izitshalo zakho,” sibhekisa endleleni entsha yokuphila ngaphandle kwesimiso sokuqalekisa umhlabo. Manje, konke lokhu kutholakala kuJesu Kristu.

Kodwa linda, kuningi—isithombe esikhulu kunazo zonke esisazobonisa abantu bakaNkulunkulu lokho okuzayo. Wawubizwa ngokuthi uNyaka weJubili.

ISAHLUKO 7

LOKHU AKUNAKWENZEKA!

Osuzokufunda kuyamangaza. Cha, ake ngikubeke kabusha lokho. Empeleni uzocabanga ukuthi akunakwenzeka nhlobo. Ngikhulumu ngoNyaka weJubili, isithombe esikhulu kunazo zonke salokho uJesu afuna ukukwenza ezimalini zakho ezibhalwe eTestamenteni Elidala, nokho bambalwa abantu abaziyo noma abaqondayo ukuthi uthini. Sesike sakhulumu ngosuku lweSabatha nangonyaka weSabatha, kokubili okuyithunzi lalokho esinakho kuKristu, kodwa manje sifika emcimbini omkhulu, uNyaka weJubili.

Igama nje lizwakala njengomkholo, akunjalo? Nokho, emkhakheni wezezimali, abantu abanangi—futhi uma ngithi abantu abanangi, ngokudabukisayo, lokhu kusho ukuthi amaKristu amanangi, nawo—awanakho okuningi ongakugubha. Njengoba ngike ngabelana, ngisebenze emkhakheni wezezimali iminyaka engu-36 manje. Ngibe nezinkampani eziningi ngaleso sikhathi futhi ngasebenza namashumi, uma kungewona amakhulu, ezinkulungwane zabantu ngezimali zabo siqu ngaleso sikhathi. Ngakho ngiyazi ukuthi yini ekhona phandle le. Futhi ngiyazi ukuthi yini ngokuvamile okungemuva kwemoto entsha ecwebezelayo noma

ikhaya elihle elikhulu. Ngokuvamile kuba izikweletu eziningi kanye nengcindezi. Heyi, aangikugxeki ukuba nemoto enhle noma nekhaya elikhulu. Kubiza imali eningi nje namuhla ukuphila.

Futhi uhlelo lwesiqalekiso somhlaba luwuhlelo lokusinda oluvame ukuhluleka ukukhulula abantu. Ngithembe, kuzo zonke izinkulungwane nezinkulungwane zabantu engihlangane nabo, iningi lalingebona abantu ababi. Babenza konke okusemandleni abo bebobwa, futhi babengazi ngoMbuso kaNkulunkulu noma lokhu engihlanganyela nakho kule ncwadi. Yebo, uyazi ukuthi mina noDrenda sasiphila impilo yokucindezeleka ngokwezimali iminyaka eyisishiyagalolunye nanzima kwaze kwaba yilapho sifunda ngokuphumula kweSabatha. Ngemva kokuphila ngaleyelo ndlela isikhathi eside kangaka, wena awuboni ukuthi kungakanani ukukhubazeka okubekezelelayo futhi ucabanga ukuthi kuyinto evamile.

Eminyakeni embalwa edlule, uNkulunkulu usebenzelana nami mayelana nokucabanga kwami okuncane futhi wangenza ngazi ukuthi kufanele ngijabulele iJubili, idili, kodwa angizange. Yebo, ngangingaseno isikweletu; yebo, ngangizibonile izinto eziman-galisayo zenzeka; futhi yebo, ngangijabule futhi nganelisekile. Kodwa ngase ngiyekile ukuphupha futhi uNkulunkulu wayekwazi, futhi wayefuna ukuba ngiluleke, ukuze ngiqhubekе ngidala futhi ngiphuphe. Ngase ngiyisidala, ngijabule kodwa ngiyisidala.

Njengoba ngishilo, nginenkampani yezinsizakalo zezezimali, futhi ngangimenywa minyaka yonke, ngomunye wabathengisi bami, emcimbini wokugubha impumelelo yangonyaka odlule. Ababekhona ngokuvamile babebalelwа ku-250 abahlang-anyeli abaphezulu nabaphathi. Bekuwuhambo olukhokhelwe zonke-izindleko zawo njalo kuyiwa kwezinye izindawo ezinhle kakhulu, kodwa kwabambalwa abaphezulu, kube nokuqashelwa

okukhethekile nokunikezwa osheke bebhonasi. Ngenxa yokuthi ngangimatasa ngalusa ibandla elikhulu, ngenza imisakazo ku-TV, futhi ngiphethe inkampani lami, ngangihlale nginomuzwa wokuthi ngangingenaso isikhathi sokwenza umsebenzi odingekayo ukuze ngifinyelele izinga eliphezulu lokuqashelwa.

Kodwa ngomunye unyaka, lapho ngihleli emhlanganweni futhi ngibuka ozakwethu abaphezulu abayi-10 beqashelwa futhi bethola amasheke abo ebonasi ka-\$100,000, ngasengizidla ngizithonisisa. Ngasengicabanga, “Ima kancane! Nami kufanele ngibe phezulu kuleso siteji ngiqashelwe ngokunjalo. Ngingumntwana kaNkulunkulu futhi uMoya oNgcwele unguMeluleki wami. Kufanele ngibe lapho ngisabelana nabo futhi ngibonise ubuhle bukaNkulunkulu!” Ngakho-ke mina noDrenda sanquma khona lapho ukuthi sizobe sesikhuphukela kuleso siteji ngonyaka olandelayo. Kanjani? Sasingazi.

Eminyakeni eyi-10 eyndlule, bengilokhu ngenza cishe-\$3,000,000 kuya kwezi-\$4,000,000 zamadola ngale nkampani eyodwa, kodwa ukukhiqizwa okudingekayo ukuze ufinyelele kwabayi-10 abaphezulu kungaba ngu-\$11,000,000 yamadola. Ngangingazi ukuthi ngizofinyelela kanjani kulelo zinga futhi ngingaqiniseki ukuthi kungenzeka ngezinhlelo zami. Into engangiyifundile nokho ukuthi ngangingeke ngikwazi ukukwenza ngamandla ami. Ngakho mina noDrenda sathandaza futhi sazibekela umgomowethu, sihlwanyela imbewu yezimali, sikhulula ukholo lwethu, futhi sikubiza ngokuthi sekwenziwe.

Ukwenza indaba ende ibe mfushane, ngoMasingana wonyaka olandelayo, njengoba unyaka omusha wawusanda kuqala, uNkulunkulu wangibonisa indlela yokufinyelela umgomowami ngephupho. Wangibonisa lokho kanye okwakudingeka ngikwenze;

futhi inqobo nje uma ngenza lokho ayengibonise kona, ngangiyof-inyelela kukho. Uyazi ukuthi senza lowo mgomo wezigidi ezingu-11

**WENA AWUBONI
UKUTHI KUNGAKANANI
UKUKHUBAZEKA
OKUBEKEZELELAYO
FUTHI UCABANGA
UKUTHI KUYINTO
EVAMILE.**

zamadola ngalowo nyaka ngokuthengisa okukodwa! Yeka ukuthi kwakujabulisa kanjani ukuba kulesositeji emhlanganweni olandelayo kanye nabaphezulu abangu-10 enkampanini futhi uthole u\$100,000 ibhonasi. Uyafuna ukwazi ukuthi lokho kwakujabulisa kangakanani lokho? Bekulidili elikhulu lelo. Akukhona nje ukuthi safinyelela umgommo wethu ngebhonasi, kodwa

futhi iholo lethu lalikhuphuke ngamakhulu ezinkulungwane zamadola ngalowo nyaka. Kuzwakala njengedili kimi!

Ngakho-ke uma ngiqala ukukhuluma ngomcimbi othile weTestamente Elidala njengoNyaka weJubili, unganqeni ucabange ukuthi lokhu kuyinto eyisicefe ngoba akunjalo. Khumbula, impilo ihamba kangcono ngedili, ngakho-ke ake sibheke umcimbi/ idili elikhulu u-Israyeli ayigubha futhi sifunde ukuthi ungaba kanjani neyakho.

Unyaka weJubili

Uyakuzibalela amasabatha ayisikhombisa eminyaka— iminyaka eyisikhombisa iphindwe kasikhombisa—ukuze amasabatha ayisikhombisa eminyaka kube iminyaka engamashumi amane nesishiyagalolunye. Uyakuthuma izwi lecilongo liyakukhala yonke indawo ngolweshumi lwenyanga yesikhombisa; ngoSuku Lokubuyisana niyakuthuma izwi

lecelongo ezwensi lonke lakini. Niyakuwungcwelisa umnyaka wamashumi ayisihlanu, nimemezele inkululeko ezwensi lonke kubo bonke abakhileyo kulo, kuyakuba yiJubili kini; nibuyelete kube yilowo nalowo efeni lakhe, nibuyelete kube yilowo nalowo kwabomndeni wakhe. Lo mnyaka wamashumi ayisihlanu uyakuba yiJubili kini; aniyikulima, ningavuni amakhikhi-zela awo, ningakhi ngawo ezomvini engatheniwe; Ngokuba uyiJubili, uyakuba ngcwele kini; nidle kuphela izithelo zaho zasensimini. Ngalo mnyaka weJubili niyakubuyela kube yilowo nalowo efeni lakhe.

— ULevitikusi 25:8-13

Njengoba ngiqlala ukuxoxa ngoNyaka weJubili, ake ngibeke isisekelo okufanele ngabe senisibonile. Unyaka weJubili wawuba njalo emva kweminyaka engamatshumi amahlanu; kwenzeka ngemva konyaka weSabatha, unyaka wamashumi amane nesishiyagalolunye. Ngicabanga ukuthi usungabona inkinga enkulu evelayo, akunjalo? Ngonyaka weSabatha, ama-Israyeli ayengavunyelwe ukutshala izitshalo zaho. Unyaka weJubili owalandela lowonyaka wawunesidingo esifanayo sokungatshali izitshalo. Ngakho empeleni, u-Israyeli akazange abe nesivuno iminyaka emibili ilandelana kwadingeka alinde phakathi nonyaka wesithathu ukuze lezo zitshalo zivuthwe futhi zivunwe ngaphambi kokuba bagcwalise ukudla kwabo. Lokhu kungaba inkinga enkulu kunoma ubani owayejabulela ukudla okumnandi noma owayeziphilisa ngokuthengisa okusanhlamu. Lapho uMose enikeza iziqondiso eziphathelene noNyaka weJubili, ungase ucabange ukudideka okumelwe ukuba kwakubangela. Yebo, umcabango wokuba nekhefu leminyaka emithathu wawuwumbono omuhle, kodwa othile kwakufanele

awukhokhele. Into yokuqala abambuza yona uMose lapho bezwa ngakho ukuthi, “Kungenzeka kanjani lokho na?”

Uma nibuza ukuthi: “Siyakudlani ngomnyaka wesikhombisa bheka asiyikulima futhi asiyikuvuna ukudla kwethu?” Khona ngiyakuyala isibusiso sami sehlele phezu kwenu ngomnyaka wesithupha, uze utheli ukudla kweminyaka emithathu. Niyakulima ngomnyaka wesishiyagalombili, nidle izithelo zikanyasa, uze ufike umnyaka wesishiyagalolunye, kungene izithelo zawo, niyakudla unyasa.

— ULevitikusi 25:20-22

UNkulunkulu wabaphendula ngempendulo emangalisayo esizochitha isikhathi esiningi siyihlola kungxenye esele yale ncwadi. Yena wathi Yena wayezothumela isibusiso esinjalo ngonyaka wesithupha kangangokuthi sasiyothela ngokwanele ukuba siqhubeke iminyaka emithathu kuze kufike ukuvuna okusha ngemva koNyaka weJubili. Kukhona ukufana lapha mayelana nezinsuku zokudala. IBhayibheli lithi uNkulunkulu wayesefezile ngosuku lwesithupha lokudala futhi waphumula. Nakuba Yena waphumula, Wayengakhathali. Kunalokho, Wayesefezile. Konke okwakudingwa umuntu kwadalwa futhi kwatholakala kuye.

Manje uNkulunkulu wayebonisa u-Israyeli isithombe sokungaphezu kokwanele, okuyinto ehluke ngokuphelele ohlelweni lwesiqalekiso somhlaba sokukhandleka okubuhlungu nezithukuthuku. Wayefuna ukuthi bambone Yena njengomhlizeki wabo futhi baqonde ukuthi Yena uhlinzeka ngokuhlinzeka okukhulu. Futhi, nakuba lokhu kwakuwumfanekiso kubo wokuhlinzeka kukaNkulunkulu osukwini lwabo, kwaze kwaba yilapho uJesu

efika lapho sibona khona lokho esasisibonisa khona isithunzi. Ngokwemvelo, yayingekho indlela yokuphila kuleyo minyaka emithathu ngaphandle kokuhlwanyela isivuno. Ngokunjalo, ngokwemvelo, ukuphila ngaphansi kwesimiso sokuqalekisa umhlaba, ibingeke ibe khona indlela yokuphumelela ngokwezimali ngaphandle kokuchitha izinsuku nobusuku bakho ujuluka izithukuthuku. Awukwazi ukugijima ngokushesha ngokwanele ukuze ukwenze. Zama ukuthatha ikhefu lemnyaka emithathu emsebenzini wakho wamanje kuyilapho unezibopho ezivelele, futhi ngethembu uzobe uxuba indlela eqinisekile yokungabi namali okwempela. Kodwa uNkulunkulu uzama ukubabonisa isithombe sendlela entsha, lapho Yena anakekela khona abantu Bakhe, njengoba nje u-Adamu wanakekelwa ngakho konke uNkulunkulu ayemlungiselele khona ngesikhathi edala.

Kukhona ezinye izinto ezimbili uNyaka weJubili osikhombisa zona okufanele sizibone. Njalo sibona umhlaba uphumule, kungekho kukhandleka nezithukuthuku kulo nyaka wamashumi amahlau. Uzoqaphela futhi ukuthi wonke umhlaba wawuzobuyiselwa kumnikazi waho wokuqala. Lapho ama-Israyeli ewela uMfula uJordani, isizwe ngasinye nomndeni ngamunye banikezwa umhlaba owawuzoba nawo futhi bakhiqize ukudla nenzozo ababeyidinga ukuze baphile. Empeleni, umhlaba wawuyingcebo yabo. Kuwo babetshala izitshalo bafuye nemfuyo yabo. Ngakho ukubuyisela wonke umhlaba kumnikazi waho wokuqala kwakuwukubuyisela amandla okuchuma.

Nalapha futhi, lokhu kuyisithunzi salokho uJesu asenzela kona. Isithunzi sithi ukuchuma kwakufanele kubuyiselwe kuzakhamuzi zesizwe sakwa-Israyeli. Iqiniso lisho okufanayo kithi, ukuthi ukuchuma kwethu kubuyiselwe nakithi, ukuthi ifa loMbuso kaNkulunkulu lingelethu futhi.

Kukhona into yesithathu uNyaka weJibili osikhombisa yona, futhi leyo iwukuthi zonke izigqila kwakufanele zikhululwe zibuyele eminden'i yakubo. Lokhu kuyinto enkulu. Nalapha futhi, isithunzi sithi awusesona isigqila kodwa usuyindodana noma indodakazi.

**UMA USUFUNDILE
UKUTHI ISABATHA
LISITSHENGISANI
NGEMPELA,
IZINGUQUKO EZINKULU
ZINGENZEKA
EMPILWENI YAKHO
YEZEZIMALI.**

Iqiniso kuKristu lithi awusesona isigqila kodwa usuyindodana noma indodakazi endlini kaNkulunkulu enamalungelo aphelele efeni nasekuchumeni kwendlu.

Ngakho cabanga ngalokho osanda kukufunda. UJesu wasibuyisela lokho okwalahlwa ngu-Adamu. UJesu wasikhulula ebugqilini, wasenza amadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Wasikhulula ohlelweni lwesiqalekiso semhlaben'i sokukhangleka okubuhlungu nezithukuthuku,

evumela uNkulunkulu ukuba abusise umsebenzi wezandla zethu ngendlela enkulu kakhulu. Nakuba uJesu wazikhokhela zonke lezi zinto, kusafanele sazi ukuthi singazisebenzisa kanjani lezi zinzuzu ezimpilweni zethu zangempela lapha endawemi yasemhlaben'i. Yilapho abaningi, amaKristu amaningi aphuthelwa khona. Bengazi ukuthi uMbuso usebenza ngemithetho, bengazi amalungelo abo angokomthetho njengamadodana namadodakazi futhi nezakhamuzi, bakholelwa ukuthi uNkulunkulu enganakile uzikhethela Yena afuna ukumbusisa. Ngakho-ke, abayifundi imithetho yoMbuso, ephethe izihluthulelo zokujabulela ngempela futhi nokwenza lokho iBhayibheli elithi kungokwabo. Ngiyakutshela lokhu, uma usufundile ukuthi iSabatha lisitshengisani ngempela, izinguquko ezinkulu zingenzeka empilweni yakho yezezimali.

Umnumzane othile ebandleni lami waqala ukungizwa ngifundisa ngokwezokholo futhi nendlela uMbuso kaNkulunkulu osebenza ngayo. Umndeni wakhe nezingane zakhe bayifunda ndawonye le mithetho bendawonye njengomndeni. Njengoba kusondela unyaka omusha, banquma ukuthi bazosebenzisa amalungelo abo angokomthetho futhi bakholelwwe ukuthi bazokhokhela izakhiwo ezimbili eziqashisayo ababesanda kuzithola ngalowo nyaka. Uma ngikhumbula kahle, ngicabanga ukuthi isamba esidingekayo ukukhokha womabili amakhaya sasilinganiselwa ku-\$400,000. Ngakho-ke bathandaza futhi bahlwanyela imbewu yezimali ebalulekile kulo mgomo wokuzikhokhela zombili izindlu ngalowo nyaka. Lokhu kwakungelula neze kubo lokhu, kodwa lo mnumzane wayesebenza ensimini lapho kwakungenzeka khona ukuthola amakhasimende anele kanye/noma izinkontileka ezinkulu zamakhasimende ezingaxhasa lokho okungenzeka. Umndeni wonke wakhuleka ndawonye wavuma ukuthi kuzokwenzeka. Isonto ngalinye, lo mndeni wawubukeza umgomo wawo futhi ubukeze leyo Imibhalo eyayinikeza isizathu esingokomthetho sokulindela leso sivuno. Yebo, lomnumzane wayazi ukuthi kufanele enze ingxenye yakhe.

Njengoba unyaka uqhubeka, ngokuqinisekile, izinkontileka ezinkulu ezimbalwa zaba yinto engenzeka, kodwa kuzo zonke izinkampani ezinkulu, izivumelwane zezigidigidi zamadola azifezeki ngokushesha. Cishe phakathi nonyaka, lo mnumzane wafumana futhi wafeza ukuthengiswa okukhulu kwenkampani yakhe, enku lu kangangokuthi yathatha cishe u-40% wayo yonke imikhiqizo yenkompani yakhe yonyaka. Ngalelo sheke yekhomishana, wakwazi ukukhokha esinye sezakhiwo eziqashisayo. Ngasekupheleni konyaka, enye inkampani yaveza ukuthi ngempela bazosayina izinkontileka zenkontileka yezigidi zamadola umngane

wami ayebanikeza yona njalo. Kodwa usuku lokuvalwa kwesivum-elwano saqhubeka sihamba. Amaphepha ayezolungiswa, bese usuku ludluliselwe phambili futhi amaphepha enziwe kabusha, bese kuthi usuku ludluliselwe futhi. Manje kwase kuhlwile lapho umngane wami etshelwa ukuthi ithimba labaphathi ayesebenza nalo selishintshiwe futhi kuzongena ithimba elisha elizobamba izintambo.

Umngane wami wayedidekile; wayazi ukuthi kusho ukuthini lokhu. Ithimba labaphathi abafikayo belingazi ngenkontileka elisalindiwe, okwakuyikuthi, manje kwase kuyize kungenalutho. Kuzomele aluqale phansi lolu hlelo kusukela ekuqaleni neqembu elisha. Ngenkathi ehlangana nethimba elisha labaphathi, babon-akala bethakazelela ukubheka iziphakamiso zenkampani yakhe. Ngemuva kokuyibuyekeza kwasekusepheleni kwenyanga ka ULwezi bathi bafuna ukuqhubeleka phambili nayo. Kodwa futhi, amaphepha abambezeleka futhi abhalwa kabusha kwaze kwaba yizinsuku ezimbili ngaphambi konyaka omusha. Umngane wami wathola ucingo lokuthi bafuna ukuhlangana naye futhi basayine amaphepha, kanti bazobe bekhokha ngokhesi uma ehlangana nabo asayine ngalolo suku. Umngane wami wenza umsebenzi owanele kuleso sivumelwano ukuze afinyelele umgomo wakhe wokuzikhokhela zombili izindlu ngonyaka yena nomndeni wakhe ababebenze ukholo lwabo kuzo.

Kwaba ngokufunda izimiso zoMbuso kuphela okwamvumela noma kwamshukumisela ukuba acabange umgomo ophakeme kangaka, njengoba engakaze athole i-akhawunti enkulukangaka ngaphambili noma enze imali engaka kunoma yimuphi unyaka owandulele okwakuyobonisa ukuthi umgomo wakhe wawungenzeka. Wangitshela ukuthi babenomcimbi omkhulu wokugubha lokho kunqoba!

Enye, “lokho kwenzeka ngempela” indaba yenzeke kwenye yezingane zami. Yebo, zonke izingane zami ziye zabuka uMbuso usebenza ukuphila kwazo konke. Bonke basebenzise izimiso engixoxa ngazo futhi babone uNkulunkulu enza izinto ezimangalisayo. Nakuba benjalo eminyakeni yabo engamashumi amabili, bonke banezimoto zabo ezikhokhelwe ngokuphelele; futhi iningi labo izindlu zabo zikhokhelwe noma zicishe zikhokhelwe ngokuphelele. Indodana yami endala, uTim, yayifuna ukuthenga indlu ngokhesi. Ngakho wahlwanyela imbewu yakhe, ekholelwa kuNkulunkulu ngesivumelwano esihle sendlu ebangeni lakhe lentengo. Futhi uyasebenza kakhulu ekwakheni, ngakho wayengesabi ukuthenga indlu edinga ukulungiswa.

Uchithe isikhathi sakhe ebheka izindlu kodwa engakutholi okufanelana kahle. Kodwa ngolunye usuku, wayehamba ngemoto wayibona le ndlu eyayithengisa ayengakaze ayibone ngaphambili. Kwakuyindlu eyayidliwa yibhange, futhi lapho eyibheka, wayazi ukuthi likhaya elalidinga umsebenzi othile, kodwa lalibonakala liphelele. Washayela umthengisi wezindlu ucingo futhi wamcela ukuthi ahlole inani lomuzi. Akazange akholwe lokho akuzwa ngezindlebe zakhe—37,000 zamadola. “Kodwa kungenzeka kanjani lokho?” wacabanga.

Umthengisi wacwaninga indlu futhi washo indaba emangalisayo. Ngempela indlu yayidliwe yibhange, futhi yayifikwe ohlwini lwamadola angu-110,000 cishe ezinyangeni eziyisithupha ngaphambili. Leyo kwakuyintengo yokudliwa yibhange, kodwa ikhaya lalinayo empeleni lithengiswe ngama-160,000 amadola eminyakeni embalwa ngaphambili. Ngokusobala akekho owayebonise isithakazelo kule ndlu ezinyangeni eziyisithupha ezedlule kusukela lapho ibaliwe. Ibhange libe selilokhu lehlisa inani,

lingazi ukuthi kungani kungekho muntu obonise ukuyithaka-zelela. Kodwa kwathi lapho uTim nomthengisi wakhe wezindlu bemba bejula, babona ukuthi kungani kwakungekho sithakazelo endlini. Yayibhalwe edolobheni elihluke ngokuphelele inekheli elihlukile, ngisho nenombolo yocingo yokubuza ngayo yayingalungile. Ngakho akekho owayazi ukuthi indlu yayilapho! Indlu, esemgwaqweni omncane emaphandleni, emgwaqweni ongasakho ongabonakali izimoto. Intengo ilokhu yehliswa kwaze kwaba usuku u-Tim ayibonile. Amazing. Ngatshela uThim ukuthi indlu yayifhlwe ngenxa yakhe! Wawupenda kusha futhi wenza izinto ezimbalwa endlini futhi waseyithengisa ngo-\$160,000 zamadola.

Indodakazi yami u-Amy uhola inkonzo yokukhonza *e-Faith Life Church*. Yena noJason babedinga ikhaya elikhudlwana njengoba umndeni wabo wawukhula usuka kubantu abane kuya kwabahlanu. Amanani ayengabonakali ehlobo lika-2017 lapha e-Ohio, futhi nezindlu ezazisohlwini ngokuvamile zazithengiswa lingakapheli ngisho isonto. Ithemba labo lokuthola ikhaya elali-likhulu ngokwanele elinenani ku-\$250,000 ukuya ngaphansi kwe-\$300,000, elinomhlaba eka angu-5 kuya kwayi-10, kanye nohlu lwezfiso lwamanzi angatholakala kule ndawo alutholakalanga. Amapulazi endaweni eku-1 acre ayebiza ngaphezu kwama-\$200,000 ngalelo hlobo. Ngemva kokugijima bebuka imizi eminingi, bayeka ukubheka bathandaza. Behlwanyela imbewu yokuqondisa, batshela iNkosi, "Simataso kakhulu ukuba siqhubeke sibukeka kanje. Uyazi ukuthi indlu yethu ikuphi, futhi siyakucela ukuba usibonise yona ngesikhathi esifanele. Ngeke siphinde sibheke ku-inthanethi, noma sikhulumbe nomthengisi wethu wezindlu mayelana nale ndlu!"

Kodwa ngobunye ubusuku, kwenzeka into ethakazelisayo. Indodakazi yabo, eyayineminyaka emine ngaleso sikhathi, yathi

lapho befika emzini wabo, "Mama, sekuyisikhathi sokuhamba." "Usho ukuthini?" kubuza u-Amy. "Sekuyisikhathi sokuhamba siye endlini enezitezi ezinkulu ezihambayo kuze kufike ekamelweni lami," kusho ingane yakhe eneminyaka emine. "Muphi umuzi? Uphophile?" kubuza u-Amy. Indodakazi yakhe yathi yebo kunjalo. Nokho, ngalobo busuku ngemva kokuthi beye babeka izingane zabo ezimbili embhedeni, u-Amy akakwazanga ukunyakazisa ingxoxo futhi watshela uJason ukuthi mhlawumbe kufanele babheke ku-inthanethi.

Yebo, empeleni kwakukhona indlu edliwa yibhange eyayisanda kufakwa ohlwini, indawo enezitezi ezimbili eka ayi-10 kanye nechibi phambi kwayo. Intengo, nokho, ibingu-\$26,000 ngaphezu kwebanga lentengo elingu-\$300,000 ababelihlwanyele. Bacabanga ukuthi banganikela ngemali encane ngaso sonke isikhathi, ngakho babiza umthengisi wabo wezindlu. Umthengisi wabo wayelibangise eFlorida ngakusasa kodwa wayengababonisa ikhaya uma bekwenze okokuqala ekuseni ngabo-9:00 ekuseni u-Jason no-Amy bathi bazohlangana naye lapho.

Umthengisi waphuza ukufika kuleli ikhaya, kodwa indlu yayibonakala iphelele. Kanye nazo zonke izilinganiso zekhaya leli kanye ne-10 eka omhlaba, nechibi ngaphambili, yonke into yayibonakala iphelele. Ibhonasi kwakuwukuthi kwakukhona ihlathi elizungeze yonke indawo; kwakumangalisa. Lapho bengena endlini, indodakazi yabo yakhala lapho igijima ikhuphuka ngezitebhisi ezingani ziyyisindilinga iqonde ekamelweni layo. Ukwenza indaba ende ibe mfushane, u-Jason no-Amy bathi bangathanda ukusho inani abangafisa ukulinikeza. Njengoba umthengisi ebheka iminin-ingwane yekhaya, yathola ukuthi inani abafisa ukulinikeza kwakufanele lingene ngemini ngalolo suku ekuseni. Lokho kwakusekusele

ihora nje! Ukube ingane yabo eneminyaka emine ayizange ibatshela iphupho, futhi ukube abazange bahlole ku-inthanethi ngalobo busuku, ngabe indlu ayisekho.

Banikeze inani eliceliwe lika-\$326,000 futhi bathola ukuvunyelwa ukuthenga. Babejabule kakhulu. Ngesikhathi kuhlolwa, nakuba uphahla lwalusesimweni esihle, umhloli wathi luzodinga ukushintshwa eminyakeni engu-5 noma ngaphezulu. UJason waba nombono. Unqume ukucela ebhange inani eliphansi ngenxa yophahla oludinga umsebenzi esikhathini esiseduze nje. Umthengisi wabo wabatshela ukuze angazami ngisho nokuzama, ukuthi indlu yayinikelwa “njengoba injalo” futhi wayengakaze alibone ibhange lehlisa intengo yokudliwa ngenxa yokukhubazeka kwekhaya. Kodwa u-Jason no-Amy bazizwa benomoya wokubhala incwadi bacele ibhange ukuba lehlise intengo. Ungaqqagela, ibhange labanika indlu ngo-\$296,000, ngaphansi kuka-\$300,000 ababek-holelwa kuNkulunkulu ukuthi bazoyikhokha. UNkulunkulu wayiletha indlu njengoba nje babemcelile. Lapho bebuza umhloli ukuthi wayecabanga ukuthi umuzi ufaneleka kangakanani, wathi, “\$500,000.” Mngane wami, lokho kuyisabelo esiphindwe kibili!

Njengoba ungase ubone, izingane zami zonke zijabulela indlela yokuphila yoMbuso. Eqinisweni, uthunjana wami, uKirsten, usanda kukhokhela ukhesi endlini yakhe yokuqala kulo nyaka eneminyaka engu-20 ubudala. Kanjani? Bonke bayakwazi ukuhamba ngendlela yoMbuso!

ISAHLUKO 8

ISABELO ESIPHINDWE KABILI

Manje, ngifuna ukumba ngijule ekutheni ukuphumula kweSabatha kusebenza kanjani ngempela futhi nokuthi kungenzeka kanjani ukuthi uthinte kukho ngokwempilo yakho. Ngifuna ukubuyela endabeni yethu yoNyaka weJubili ngibheke umbhalo wethu. Lapho sithola impendulo kaNkulunkulu kabantu lapho bebuza ukuthi kwakumelwe baphile kanjani bengavuni iminyaka emithathu. Umbuzo omuhle!

*Uma nibuza ukuthi: “Siyakudlani ngomnyaka wesikhombisa bheka asiyikulima futhi asiyikuvuna ukudla kwethu?”
 Khona ngiyakuyala isibusiso sami sehlele phezu kwenu ngomnyaka wesithupha, uze utheli ukudla kweminyaka emithathu.
 Niyakulima ngomnyaka wesishiyagalombili, nidle izithelo zikanyasa, uze ufike umnyaka wesishiyagalolunye, kungene izithelo zawo, niyakudla unyasa.*

— ULevitikusi 25:20-22

Siyabona kulombhalo ukuthi uNyaka weJubili, kanye nonyaka weSabatha owandulelayo, kokubili kwakungenzeka ngenxa yesivuno esikhulu esenzeka ngonyaka wesithupha, kulokhu unyaka wamashumi amane nesishiyagalombili (kusukela ngeJubili lokugcina). Ngaphandle kwaleso sivuno esikhulu, ukuphumula kweSabatha bekungeke kwenzeke. Ake sibheke esinye isigaba engikhola ukuthi sizokucacisa kakhulu lokhu.

Bakubutha ekuseni njalo imihla ngemihla, kwaba yilowo nalowo muntu njengokudla kwakhe, kepha nxa ilanga seli-balele, kwancibilika. Kwathi ngosuku lwsithupha babutha okuphindwe kabil—amawomere amabili kumuntu munye—zonke izinduna zomhlangano zafika zamtshele uMose. Wathi kuzo: “Lokhu kuyikho uJehova akukhulumileyo: ‘Kusasa kulusku lokuphumula, iSabatha elingcwele likaJehova. Ngakho yosani lokho eniyakukosa futhi nipheke lokho eniyakukupheka nizibekelo konke okuseleyo. Nikulondoloze kuze kuse.’”

Bakubeka kwaze kwasa, njengalokho eyalile uMose; akunukanga, akwaba nampethu. “Yidlani lokhu namuhla,” kusho uMose, “ngokuba namuhla kuyiSabatha likaJehova; Namuhla aniyikukuthola endle. Anokubutha izinsuku eziyisithupha, kepha ngosuku lwsikhombisa, kuyiSabatha, akuyikubakho ngalo.”

Kwathi, ngosuku lwsikhombisa kwaphuma abanye abantu ukuba bakubuthe, kepha kabakutholanga. UJehova wathi kuMose: “Niyakwala kuze kube nini ukugcina imiyalo yami nemithetho yami na? Bhekani, njengalokho uJehova eniphile iSabatha; ngalokho uyaninika ngosuku lwsithupha isinkwa sezinsuku ezimbili. Hlalani, kube yilowo nalowo endaweni

yakhe, kungaphumi muntu endaweni yakhe ngosuku lwasikhombisa." Ngakho abantu baphumula ngosuku lwasikhombisa.

— U-Eksodus 16:21-30 (imana)

Yebo, lesi siqephu, sikhulumna ngemana elaliwa ezulwini nsuku zonke ukuze londle abantu futhi lichaza ukuthi lalingeke libon-akale ngosuku lwasikhombisa, iSabatha. Babengakwazi ukuligcina usuku nosuku, njengoba lalizobola ngokushesha. Ngosuku lwasithupha kuphela babengakubutha futhi bakugcine ubusuku bonke ngaphandle kokonakala. Umbhalo oseceleni othakazelisayo mayelana nokuthi kungani imana izokonakala ngokushesha usuku ngalunye utholakala ku-**UDuteronomi 8:16.**

Wakupha imana ukuba udle ehlane, oyihlo ababen-galazi, ukuba akuthobise, akuvivinye, akwenzele okuhle ngasekugcineni.

UNkulunkulu wayeqeqesha isizwe ukuba sibheke Kuye nsuku zonke ukuze sithole ukudla kwaso, yebo, kodwa futhi nakho konke okunye ekuphileni kwabo. UNkulunkulu wayazi ukuthi babebheke kokungaphezu nje kokudinga ukudla; ngokushesha babezobhekana namadolobha anezindonga nemidondoshiya. Ukuncika kwabo ngokuqinile Kuye kuleso simo kwakuyoba umehluko phakathi kokuphila nokufa.

Ake sibuyele ku-**U-Eksodusi 16:29.** Lapha, ungabona ngokucacile ukuthi ukuphumula kweSabatha kwakungenzeka kuphela ngesabelo esiphindwe kabili abanikezwa sona ngosuku lwasithupha.

Bhekani, njengalokho uJehova eniphile iSabatha; ngalokho

*uyaninika ngosuku lwesthupha isinkwa sezinsuku ezimbili.
Hlalani, kube yilowo nalowo endaweni yakhe, kungaphumi
muntu endaweni yakhe ngosuku lwestikhombisa.*

Uyakubona yini? Ukuphumula kweSabatha kwensiwa kuphela ngesabelo esiphindwe kibili. Lokhu kabaluleke kakhulu kangango-kuthi ngizokucela ukuthi ukubhale phansi lokhu.

UKUPHUMULA KWESABATHA AKUNAKWENZEKA NGAPHANDLE KWESABELO ESIPHINDWE KABILI!

Ake ngikubeke kwesinye isimo. Ngaphandle uma unokuningi kunokwanele, awusoze wakuthola ukuphumula ekusebenzeni nakuzithukuthuku zohlelo lwestiqalekiso somhlabeni. Njengoba mina noDrenda sitshela abantu yonke indawo lapho siya khona, “Ngaphandle kokuthi ulungise into yemali, awusoze wasibona isiphetho sakho!” Kungani? Ngoba ngaphandle kokuba nokuningi kunokwanele, ngeke ube nezinketho futhi uzoba yisigqila sokusinda impilo yakho yonke.

Khumbula lapho sifunda izinzozo zeSibusiso sika-Abrahama ku UDuteronomi 28:11-13 esahlukweni esingaphambili. Lapho sabona ngokusobala ukuthi ukuphila impilo yokusinda akusona isiphetho sakho! Uma kwenzeka ukhohliwe, ake sikubuyekeze futhi.

*UJehova uyakukwandisela okuhle—inzalo yesisu sakho,
nenzalo yezinkomo zakho, futhi nezithelo zomhlabathi
wakho—zweni uJehova alifungela oyihlo ukukunika lona.*

UJehova uyakukuvulela indlu yakhe yengcebo, izulu, anise imvula yezwe lakho ngesikhathi sayo, abusise wonke umsebenzi wesandla sakho. Uyakutsheleka izizwe eziningi, kepha ungatshaleki lutho kuzo. UJehova uyakukwenza ube yinhloko, ungabi ngumsila. Woba phezulu kuphela, ungabi ngaphansi uma uylilalela imiyalo kaJehova uNkulunkulu wakho engikuyala ngayo namuhla ukuba uyigcine, uyenze.

— UDuteronomi 28:11-13

Ubumpofu, ukusinda, nesimo sokungabi namali akusona isiphetho sakho. Kepha uyakutsheleka izizwe eziningi kepha ungatshaleki lutho kuzo, ube inhloko ungabi umsila! Le nala yindlela uMbuso obukeka ngayo. Lokhu kungukuphumula kweSabatha, ngaphezu kwalokho, isabelo esiphindwe kabili!

Ngiyazi ukuthi ucabangani, “Ake ucabange, lokho kungaba kuhle, Gary, kodwa impilo yami ayibukeki kanjalo njengamanje.” Kulungile lokho, asibheki emuva, kodwa sibheke lokho uNkulunkulu akushoyo futhi silindele ukuthi uMbuso uthini ngathi. Ngaphandle kwesithombe esifanele, sazi ukuthi izimpilo zethu kufanele zibe njani, sizowela amaqhingga nezingibe nokucabanga okuhlanekezelwe kohlelo lwesiqalekiso somhlaba. Ukholo luwukuhlala kusivumelwano nalokho uNkulunkulu akushoyo, hhayi nezimo zethu.

Ngaphambi kokuthi nighlanganye nani ngendlela uNkulunkulu asifundisa ngayo mina noDrenda mayelana nesabelo

UKHOLO
LUWUKUHLALA
KUSIVUMELWANO
NALOKHO
UNKULUNKULU
AKUSHYOYO, HHAYI
NEZIMO ZETHU.

esiphindwe kibili, ngifuna ukwabelana nani ngendaba engikholelwa ukuthi iyindaba enkulu kunazo zonke yesabelo esiphindwe kibili ku Testamente Elisha.

Indaba engifuna ukwabelana nawe ngayo yileyo osuyizwe kaningi ngaphambili, kodwa mhlawumbe akunjalo ngokwengq-ikithi yesabelo esiphindwe kibili noma nokuqonda koMbuso eninakho manje. Sithola le ndaba ku NgokukaLuka 15, indaba ye Ndondana Yolahleko. Futhi, hlala nami lapha. Ngiyazi ukuthi uke wayifunda ngaphambilini, kodwa ake siyihlole ndawonye ngokuqonda okusha.

Ujesu waqhubeka wayesethi: “Kwakukhona umuntu othile wayenamadodana amabili. Indodana encane yayisithi kuyise, ‘Baba, ngingike isabelo sefa esiqondene nami.’ Wawah-lukanisela impahla. Kwathi emva kwezinsuku ezingeziningi indodana encane yayisibutha konke, yamuka, yaya ezweni elikude, yachitha khona imfuyo yayo ihamba ngokonakala. Isisaphaze konke, kwavela indlala enkulu kulelo zwe, yaqala ukuswela. Yayisiya kukhonza komunye umuntu walelo zwe, yena wayithuma emadlelweni akhe ukuba yaluse izingulube. Yafisa ukuzisuthisa ngemidumba edliwa yizingulube, kepha kayiphiwanga muntu.

Kuthe sekusile kuyo, yathi, ‘Bangaki abaqashwa baka-baba abanokudla okuningi, kanti mina ngifa indlala lapha! Ngiyakusuka, ngiye kubaba, ngithi: ‘Baba, ngonile kulo izulu naphambi kwakho. angisafanele ukuthiwa indodana yakho; ngenze ngibe njengomunye wabaqashwa bakho.’ Yayisisuka, yafika kuyise.

Kepha kuthe isekude, uyise wayibona, waba nesihe; wagijima, wayisingatha entanyeni, wayanga. Indodana yayisithi

kuye, ‘Baba, ngonile kulo izulu naphambi kwakho. angisafanele ukuthiwa indodana yakho.’

Kepha uyise wathi ezincekwini zakhe, ‘Sheshani! nikhiphe ingubo enhle kunazo zonke, niyembathise. Nifake indandatho esandleni sayo nezicathulo ezinyaweni. Nilethe ithole elikhuluphalisiweyo nilihlabe. Masidle futhi sijabule. Ngokuba le ndodana yami ibifile, yabuye yaphila; ibilahlekile futhi seyatholakala.’ Ngakho base begala ukujabula.

Kepha, indodana yakhe enkulu yayisensimini. Yathi iseza isondela endlini, yezwa ukuhlabelela nokusina. Yabiza enye yezinceku yabuza ukuthi kwenze njani lokho. ‘Kufike umfowenu,’ ephendula, ‘uyihlo wahlaba ithole elikhuluphalisiweyo ngokuba ubuye wamthola ephilile.’

Umfowabo omdala wathukuthela, kayivumanga ukungena; uyise wayesephuma, wayincenga. Kodwa yaphendula, yathi kuyise, ‘Bheka! iminyaka engaka ngikukhonzi futhi angizange ngeqe umyalo wakho. Kepha mina awuzange ungiphe nazinyane lembuzi ukuba ngijabule nabahlobo bami. Kodwa kuthe ukuba ifike leyo ndodana yakho eqede imfuyo yakho nezifebe, wayihlabisa ithole elikhuluphalisiweyo!’

‘Ndodana yami,’ kusho ubaba, ‘wena uhlala nami njalo, futhi konke okwami kungokwakho. Kepha simelwe ukujabula, sithokoze, ngokuba umfowenu lo wayefile, wabuye waphila; wayelahlekile, sewatholakala.’”

— NgokukaLuka 15:11-32

Kule ndaba, sibona ukuthi indodana encane ishiya ikhaya nesabelo sayo sefa. Lena imininingwane ebalulekile yendaba njengoba injalo ebhekisele esabelweni sakhe sefa. Ngakho phawula

ukuthi le ndodana encane isisitholile kakade isabelo sayo sefa; angeke aphinde enze isimangalo ngefa.

Indodana encane yawo yayisithi kuyise, “Baba, nginike isabelo sefa esiqondene nami.” Wawahlukanisela impahla.

Ngokulandelayo, indaba isitshela ukuthi lendodana encane yamsuka: yaya ezweni elikude. Kubalulekile ukuthi uqonde ukuthi indodana encane yashiya umuzi kayise, okusho ukuthi yashiya ngemuva ukuhlinzekwa kwayo, isivikelo sayo, nemithetho yesizwe indlu kayise eyayihlala kuwo. Yaya esizweni esikude, esinemithetho ehlukene nendlela yokuphila ehlukene. Ngiyaqiniseka ukuthi le ndodana encane yayingazi ngempela ukuthi yenzani. Wajabulela inzuko yokuba yindodana ngesikhathi ehlala endlini kayise. Konke uyise ayenakho wayekuthola ngesikhathi ehlala khona. Kodwa ngasizathu esithile, waba nomuzwa wokuthi kukhona aphuthelwa kona, ukuthi wayeqhathwe ithuba elingcono elitholakala kwenye indawo.

Uma ungakakuqondi, empeleni, uJesu usitshela indaba yesintu, indaba ka-Adamu. U-Adamu uyindodana encane endaben le eyashiya indlu kaYise. U-Adamu nguye owaba nomuzwa wokuthi unekusasa elingcono kwenye indawo kunokuqhubeka ekhonza uNkulunkulu, uYise. Ngiyazi ukuthi ucabangani, “Khona-ke, uma u-Adamu eyindodana encane, iyiphi indodana endala endaben esalayo?” Ngizow-uphendula lowo mbuzo ekupheleni kwale ngxoxo, kodwa okwamanje, khumbula nje ukuthi u-Adamu uyindodana encane eyahambayo.

Nakuba babenakho konke, u-Adamu no-Eva bakhohliswa ukuba bakholelw ukuhli kwakunokunye okungcono kwenye indawo ngaphandle kokuhlala endlini kaYise. Lapho u-Adamu ehlubuka endlini kayise futhi ekhetha ukuhamba, waba ngaphansi

kukahulumeni omusha, umbuso omusha onomthetho wokusebenza okusha. IBhayibheli liwubiza ngokuthi umbuso wobumnyama, obuswa uSathane. Ngiqinisekile ukuthi u-Adamu washaqeka ngobumpofu nokungabi nathemba kwalombuso omusha. Ekuqaleni, konke kwakubonakala kukuhle. Ngenkathi imali yakhe isekhona, kwakusibalidili elikhulu lodwa nje! Kodwa ngesikhathi ebona ukuthi wenze iphutha, kwase kwephuze kakhulu. Khona-ke, kwathi lapho ifa lakhe selichithekile, wazithola elahlekile. Ingqondo yakhe, eyake yayigcwele imibono, yabe isigxila emsebenzini wansuku zonke wokuphila. Bekungeke kusaba khona kusasa. Kuyoba njalo namuhla futhi namuhla ayinazo izithembiso.

Kwathi emva kwezinsuku ezingeziningi indodana encane yayisibutha konke, yamuka, yaya ezweni elikude, yachitha khona imfuyo yayo ihamba ngokonakala.

Indodana encane manje izithola isembusweni ongenamali ngokuphelele, umbuso osesimweni esingapheli sendlala enkulu. Indodana izama ukubamba lokho ekubonayo—abantu bebulawa indlala. Njengoba ephuma ekhaya elinenala enkulu, ingqondo yakhe inzima ukucabanga ngalokho akubonayo. Kodwa izinhlungu zendlala ezisesiwini zimkhumbuza ukuthi lokho akubonayo kuyiqiniso. Ukuze asinde, useyaziphoga manje ukuba acele emigwaqweni. Kulo mbuso wobumnyama, umhlaba uthela ameva namakhaksi kuphela, futhi ukuze ukhiqize nhlobo, ukhandleka okubuhlungu nezithukuthuku kufanele kwensiwe. Ukuba kusimo sokuswela kakhulu, indodana icela othile ukuba ayisize. Kodwa wonke umuntu usemkunjini munye ofanayo. Akekho ozomnika okuningi ngoba bonke babhekene nendlala enzima njengaye.

Umzuzu obalulekile uyenzeka lapha endodaneni encane, ushintsho oluthinte mina nawe kanye naso sonke isintu. Ngokokuqala ngqá kukho konke ukuphila kwayo, indodana encane icela ukukhokhelwa njengenceku, umqashwa, owenza umsebenzi wezandla. Lokhu kuwukuhlanekezelwa okuphelele kweqiniso lakhe lobuyena bakhe nokuthi unguvani ngempela. Akaseyona indodana yendoda encomekayo kakhulu, ohloniphekayo, nocebile kakhulu, yena ungumqaphi, noma umthengisi wenyama, noma umthengisi wezindlu, noma othumela incwadi, futhi uhlu lungaqhubeka njalo. Manje uyaziwa ngalokho akwenzayo hhayi ukuthi unguvani! Uselahlekelwe ubuyena! Ukuze agcizelele ukulahlekelwa ubuyena ngisho nangokwengeziwe, uJesu uthi waphelelwa yithemba kangan-gokuthi wathatha umsebenzi wokufunza izingulube. Izingulube zazibhekwa njengezingcolile kumaJuda, futhi uJesu utshela isixuku ukuthi lendodana manje isiphelelwe yithemba kangangokuthi ayisayiboni injongo yokuphila kwayo okungenzeka yayinakho. Manje uphila impilo yamahloni nehlazo. Ubukhosи ayebujabulele manje sekuyinkumbulo ekude.

*Isisaphaze konke, kwavela indlala enkulu kulelo zwe,
yaqala ukuswela. Yayisiya kukhonza komunye umuntu walelo
zwe, yena wayithuma emadlelweni akhe ukuba yaluse izin-
gulube. Yafisa ukuzisuthisa ngemidumba edliwa yizingulube,
kepha kayiphiwanga muntu.*

Ngethemba ukuthi uyakubona ukufana phakathi kwendaba nesintu namuhl. Lapho amadoda amabili ehlangana, athini? “Uziphilisa ngani?” noma “Usebenza kuphi?” noma “Wenzani?” Uma ubuza umuntu ukuthi unguvani, ngokuvamile uzokutshela

ukuthi benzani. Kungani? Ngoba ohlelweni lokuqalekisa umhlaba, sonke silahlekelwe ubuthina, futhi sizama ngamandla ukubuthola. Sifanekisa noma ubani oheha ukunakwa futhi obonakala enokubaluleka. Konke lokhu kwavela kusinqumo sika-Adamu sokushiya indlu kaYise. Emicabangweni yethu yokusinda, sesilahlekelwe umbono wokuthi singobani ngempela. Kodwa khuthazeka, lendodana encane endabeni yethu ayizange ihlale esibayeni sengulube; futhi njengoba silandela indaba, ngithemba ukuthi uzothola ukuthi nawe awudingi ukuhlala lapho.

IBhayibheli lithi ngolunye usuku le ndodana encane yathi sekusile kuyo futhi ikhumbula indlu kayise lapho ngisho nezinceku zinokudla okungaphezu kwalokho ezingakudla. Ngingacabanga ukuthi esimweni sakhe sokulamba kakhulu waba nezinkumbulo zakho konke ukudla okumnandi ake wakujabulela. Umalume wami uHarold wayengumqondisi emsakazweni i-B-17 ngesikhathi se *World War II*. Wayephuma emphakathini wabalimi futhi ephuma emndenini wabalimi. Njalo iSonto zonke unina wayephaka inkukhu ethosiwe, amazambane agayiwe, isinkwa esenziwe ekhaya, ubhontshisi oluhlaza neminye imifino emnandi. Yiqiniso, kwakuhlala kukhona uphaya noma ikhekhe lokuzenzela. Ngiyazi mathupha ukuthi lokho kudla kwakumnandi kanjani njengoba umama wakhe kwakungugogo wami.

Indiza kamalume yadutshulwa yawela eGermany ngesikhathi sempi, futhi wachitha izinyanga eziningi esekamu eliyijele lase Germany. Ukudla cishe kwakungasekho. Ngolunye usuku, ngabuza umalume wami ukuthi wayesinde kanjani ngalezo zinsuku, futhi wangitshela ukuthi ayengacabanga ngakho kwakuwukufika ekhaya ethole inkukhu ethosiwe kanina namazambane agayiwe. Ngiyaqiniseka ukuthi le ndodana encane yaba nokuhlangenwe nakho

okufanayo futhi yayibona lokho eyayikuswela. Kodwa wayengenaso esinye isicelo sefa, esethole konke okwakumkweleta uyise. Ngakho wacabanga isu. Wayesegoduka ayoncenga uyise ukuthi amqashe njengesisebenzi. Engqondweni yakhe, ukusebenza njengomuntu oqashiwe, umqashwa, kwakuwukuphela kwento ayengayenza.

Kuthe sekusile kuyo, yathi, “Bangaki abaqashwa baka-baba abanokudla okuningi, kanti mina ngifa indlala lapha! Ngiyakusuka, ngiye kubaba, ngithi: ‘Baba, ngonile kulo izulu naphambi kwakho. angisafanele ukuthiwa indodana yakho; ngenze ngibe njengomunye wabaqashwa bakho.’ Yayisisuka, yafika kuyise.”

Ngakho ubuyela ekhaya necebo lakhe futhi ukuyoncenga uyise ithuba lokuthi okungenani asebenze ukuze athole indawo yokulala futhi nokudla okudliwayo. Kodwa iBhayibheli lisitshela umphumela omangalisayo kule ndaba. Njengoba esondela ekhaya, uyise umbona esekude futhi aphume egijima amhlangabeze ngokumanga okukhulu. Kusukela manje le ndaba kufanele ibizwe ngendaba yothando lukaBaba ngoba loya baba wamgona nakuba egcwele ubulongwe bengulube. Ngokwenza kanjalo, izilaleli zikaJesu ezingamaJuda zazazi ukuthi ukwanga kwakuyongcolisa uyise ngokomoya. Kodwa lo baba ngokuzithandela waba ongcolile ngenxa yendodana yakhe. Ube esebiza ingubo enhle kakhulu anayo futhi ayibeke phezu kwendodana yakhe ukuze avale ukungcola kwayo. Wathatha indandatho eyayimelela igunya lakhe wayibuyiselva esandleni sendodana yakhe. Umnika izicathulo ukuthi azigqoke, okusho ukuthi usekwazi ukungena kulo lonke ifa. Kodwa into yokugcina uyise amnikeza yona eyenza indodana endala ithukuthethele. Ubaba ucela ukuba ithole elikhuluphalisiweyo lihlatshwe

futhi linikezwe egAmenii lokubuya kwendodana. Indodana encane, nakuba ingafaneleki, ibuyiselwa isikhundla nezinzu zo kuba indodana, ehlonishwa obala nangokukhululekile njengendodana, futhi ibuyiselwe ngokuphelele esikhundleni sayo sangaphambili njengendodana endlini.

Kulungile, konke lokhu kuhlangene ngani ngesabelo esiphindwe kabil? Konke. UJesu wasebenzisa indaba lapho indodana encane ihamba futhi ibuya ngoba izilaleli Zakhe, isiko lamaJuda, zazizo-qonda ukuthi le ndaba isho ukuthini nokuthi ngizokutshela khona. Ngokwesiko lamaJuda, indodana endala yayithola isabelo esiphindwe kabil ngokuzenzakalelayo. Uma ukhumbula ukuthi indodana endala ayizange ihambe, kodwa indodana encane yahamba yabuya. Uzokhumbula futhi ukuthi lapho ehamba, wathatha isabelo sakhe esingokomthetho sefa, isabelo sakhe esingokomthetho naye. Manje wayengasenaso esinye isicelo sefa nanoma yini ekuso. Kodwa lapho indodana encane ibuya futhi uyise eyibuyisela njengendodana futhi, ngokukhethekile, eyinika ithole elikhuluphalisiweyo ukuze ijabulele ukubuya kwayo, indodana enkulu yathukuthela. Engqondweni yendodana endala, lelo thole lalingelakhe njengoba laliyingxenye yesabelo sakhe sefa.

Ngakho nali iphuzu. Nakuba umzalwane omncane wayesestholile kakade isabelo sakhe sefa, wabuyiselwa njengendodana futhi manje wayesejabulela isabelo sesibili. Lokhu kungasho ukuthi empeleni wathola isabelo esiphindwe kabil sefa. Ngokombono womfowabo omdala, lokhu kwakungalungile, futhi ngokuthukuthela, utshela uyise kanjalo. Uthi ubethembekile emsebenzela yonke le minyaka kanti lo mfowethu omncane akukho akwenzile ngaphandle kokuhlaza umndeni. Kungani-ke engathola isabelo esiphindwe kabil?

Ngakho kwakulungile lokhu na? Ngokombono wesimiso sokuqalekisa umhlaba sokukhandleka okubuhluntu nezithukuthuku, sonke singasho ukuthi kwakungenjalo. Cishe besiyoba ohlangothini lwendodana endala eyayisebenze ngokwethembeka futhi eyayingasho ukungabi nabulungisa ngezizathu zalokho eyayikwenzele uyise.

Kodwa sahlulela ngani okulungile? Akuyena yini ubaba owahlulelayo futhi anqume ukuthi ubani afuna ukumbonisa umusa wakhe? Ukuqequeshwu kwasimiso sesiqalekiso somhlaba ebasingaba nakho sonke bekuyosho ukuthi uma ubaba enika indodana encane nesinye isabelo sefa, indodana enkulu izobhekana nokuncane. Kodwa akunjalo. Ubaba ucebe kangangokuthi nezincku zinothile. Kakhulu kangakanani kumadodana akhe.

USathane akafuni ukuba wazi ukuthi uNkulunkulu wethu mkhulu kangakanani nokuthi ungubani ngempela. Ubelokhu ebhebhethekisa amanga ngoBaba wethu kwasekuqaleni. Imithetho yomshwalense ithi uma ugadla izinhlekelle ziyisenzo sikaNkulunkulu. Izinhlangano zenkolo zithi uNkulunkulu uyasijabulela isifungo sobumpofu. Abantu bathi uNkulunkulu wenza izinto ezimbi kubantu abalungile. USathane angathanda ukuba ungaboni ukuthi ungubani nokuthi uYihlo mkhulu kangakanani ukuba ubuye kuye futhi ubuye kuye ngayo yonke inhliziyo yakho. Ngingakuqinisekisa ukuthi lapho uphendukela Kuye, uyothola ukwamukelwa okufanayo okufana le ndodana encane kule indaba.

“Ubani indodana endala?” usho wena. Ake sibone ukuthi ungakwazi yini ukukuthola.

Kepha, indodana yakhe enkulu yayisensimini. Yathi iseza isondela endlini, yezwa ukuhlabelela nokusina. Yabiza

enye yezinceku yabuza ukuthi kwenze njani lokho. “Kufike umfowenu,” ephendula, “uyihlo wahlaba ithole elikhuluphalisiweyo ngokuba ubuye wamthola ephilile.”

Umfowabo omdala wathukuthela, kayivumanga ukungena; uyise wayesephuma, wayincenga. Kodwa yaphendula, yathi kuyise, “Bheka! iminyaka engaka ngikukhonzi futhi angizange ngeqe umyalo wakho. Kepha mina awuzange ungiphe nazinyane lembuzi ukuba ngijabule nabahlobo bami. Kodwa kuthe ukuba ifike leyo ndodana yakho eqede imfuyo yakho nezifebe, wayihlabisa ithole elikhuluphalisiweyo!”

“Ndodana yami,” kusho ubaba, ‘wena uhlala nami njalo, futhi konke okwami kungokwakho. Kepha simelwe ukujabula, sithokoze, ngokuba umfowenu lo wayefile, wabuye waphila; wayelahlekile, sewatholakala.’”

Indodana enkulu yathi kuminyaka engaka wayemkhonzile uyise, nokho phakathi naso sonke leso sikhathi, akazange nakanye uyise aamuphe ngisho nazinyane lembuzi azojabula nabahlobo bakhe. Ake ngihumushe akushoyo. “Baba, awunabo ubulungiswa!” Kodwa phawula lokho ubaba akushoyo ephendula. “Wena uhlala nami njalo, futhi KONKE OKWAMI kungokwakho.”

Ima!!!!

Manje, ungakwazi yini ukuthola ukuthi ingubani indodana endala? Indodana endala ibimatasa kakhulu isebezela uyise ngombono ongalungile ukuzenza olungile ukuze empeleni ajabulele ubuhle bukayise. Konke ubaba anakho bekungokwakhe.

**USATHANE AKAFUNI
UKUBA WAZI UKUTHI
UNKULUNKULU
WETHU MKHULU
KANGAKANANI
NOKUTHI UNGUBANI
NGEMPELA.**

Uqinisile, indodana endala imelela umthetho wesivumelwano sokuqala. Indodana yokuqala yayingenakukwazi ukujabulela izinzuzo zendlu kayise ngoba yayimatasa kakhulu isebezenzela ukuvunyelwa uyise. Nakuba indodana endala yayinelungelo lokuthola isabelo esiphindwe kibili, kwakuyindodana encane kuphela eyayikujabulela lokho.

Wena uyindodana encane!

Unesabelo esiphindwe kibili. Uyindodana eyamukelwa hhayi ngenxa yalokho okwenzayo kodwa ngokusekelwe kulokho oyikho kuKristu-indodana noma indodakazi kaNkulunkulu, ujabulela ifa okwakungadingeki ulisebenzele kodwa olamukela ngesihle kuYihlo.

ISAHLUKO 9

OKUNGAPHEZU KOKWANELE!

Ngiyaqonda ukuthi ungase ube nokungabaza ngesihloko salesi sahluko, kodwa yilapho uya khona, okungaphezu kokwanele. Hhayi ngoba ngikukhombisa uhlelo lwakamuva, olushisa kakhulu lokwenza imali kodwa ngoba njengomntwana kaNkulunkulu kuyilungelo lakho elingokomthetho ukujabulela ubuhle kanye nokuchuma kwendlu kayihlo. Umqondo wesabelo esiphindwe kabilo, sokuba nokungaphezu kokwanele, kungase kubonakale kungenakwenzeka ukukubona ngeso lengqondo njengamanje uma kuqhathaniswa nalapho uzibona khona njengamanje empilweni yakho. Kodwa yilapho okudingeka uqale khona uhambo lwakho lokuya enkululekweni—ekucabangeni kwakho. Ngaphandle uma imicabango yakho ivumelana neZwi likaNkulunkulu, awusoze wajabulela izinzozo Zakhe. Ngakho phakamisa amehlo akho kulokho okubona eduze kwakho futhi uwabeke kulokho uNkulunkulu athi kungokwakho eMbusweni Wakhe. Yeka ukuphikisana nalokhu uNkulunkulu akushoyo ngoba awukuboni empilweni yakho. Kunalokho, qala ukuphikisana nezimo zakho

ngeZwi likaNkulunkulu, ukholelwa ukuthi kufanele zihambisane nakho konke uNkulunkulu athi kungokwakho. Ngingumuntu nje

**UMQONDO WESABELO
ESIPHINDWE KABILI,
SOKUBA NOKUNGAPHEZU
KOKWANELE, KUNGASE
KUBONAKALE
KUNGENAKWENZEKA
UKUKUBONA NGESO
LENGQONDO NJENGAMANJE
UMA KUQHATHANISWA
NALAPHO UZIBONA KHONA
NJENGAMANJE EMPILWENI
YAKHO. KODWA YILAPHO
OKUDINGEKA UQALE KHONA
UHAMBO LWAKHO LOKUYA
ENKULULEKWENI—
EKUCABANGENI KWAKHO.**

onjengawe ovele wenza lokhu engikutshela ukuba ukwenze. Kholwa lokho uNkulunkulu akushoyo! IZwi likaNkulunkulu alinakuhluleka futhi lizoletha ushintsho kunoma yisiphi isimo. Ngokwesibonelo, nansi i-imeyili engiyithole kumlaleli owayeno-kungabaza, wayekuzwile konke, noma ukunzwile na?

“Ngizozama ukubeka iminyaka engu-22 ngidonsa kanzima kumisho embalwa ngangokunokwenzeka. Sobabili mina nomyeni wami sakhulela emindenini yamaKristu futhi siya njalo nje ebandleni. Saze sabandakanyeka ebusheni, nesikoleni se Sonto, njll. Lapho sishada, unyaka wethu wokuqala ngokwezimali wawumuhle ... lokho kwakun-

gaphezu kweminyaka engama-22 edlule. Kusukela ngaleso sikhathi, “into yemali” yayiwumthombo ongapheli wobuhlungu nokudonsa kanzima, futhi ukholo lwami lwalulokhu luhlelha ngoba ngangingaqondi ukuthi kungani lokho Imibhalo eyayithi kwakufanele kwenzeke kungenzeki. Uma iZwi likaNkulunkulu

lalingunaphakade futhi lingonakali futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade, manje-ke yini enzakalayo na? Kungaba ukuthi wayeng-umfelu kholo, umqambimanga, noma uhlanya!

“Ake siye ngokushesha ku uMasingana 28, 2013 ... Ngatshela umyeni wami, ‘Kungaba ukuthi uNkulunkulu uyavela noma mina ngihambe.’ ... ngangingasenandaba nesonto kanye noNkulunkulu. Ngenkathi ngiphuma endlini ngiyokwenza imisebenzi embalwa, umyeni wami wagcina elalele ukunxusa kukaMoya oNgcwele futhi wabiza umngane wethu othandekayo ukuba bakhulume. Ngemva sebeqedile, wathi kunento okufanele siylalele—uGary Keesee. Wabelana ngobufakazi bakhe ukuthi kwenzekalani kuye. Ngakho, lapho ngifika ekhaya umyeni wami wangitshela lokho ayekushilo nokuthi wayezohamba ngakusasa eyoyithatha.

“Angazi ukuthi kwenzekeni (ngoba ngase ngizwe okwanele kubefundisi nakothisha ngazo zonke “izinto ezingokomoya”), kodwa ngamshayela ucingo, futhi ngambuza ukuthi wayekhona yini ngalobo busuku. Phakathi nobusuku obuneqhwa kakhulu, ngakwazi ukufika emzini wakhe. Lapho ngishayela, ngatshela uNkulunkulu, ‘Lokhu kungcono kube njalo!’

“Ngakusasa, saqala ukulalela, futhi sobabili sakhungatheka ngokuphelele. Kwaqala ukuba nomqondo. Wonke lawo mavesi: ukholo, ukubambelela ngokuqinile ekuvumeni kwakho. Zonke izingcezu zenkinga ekugcineni zase zisendaweni yazo eqondileyo. Sasizwile ngoMbuso eminyakeni embalwa edlule, KODWA akekho owayezihlupha ngokufundisa INQUBO ... indlela yokufika kokuthi ‘NANSO-KE!’ Wena ukwenzile.

“Ngakho masinyane, senza lokho esikufundile ... besidinga imali yokukhokhela indlu yethu. KwakungoLwesine, futhi umyeni wami wayeseqede ukwenza imisebenzi encane emzini wabazali

bami ... babelokhu bengibuza ukuthi kufanele bamnikeze malini umyeni wami (babazi ukuthi izinto zinzima). Ngabatshela, ‘Noma yini ababeyifuna.’ Kwakunganele ukukhokhela inkokhelo yendlu ... KODWA kwakuselokhu kungoLwesine.

“NgoLwesihlanu, besihlele ukubonana nomngani osiboleke amaCD. Kwaba nesiphepho esikhulu seqhwa, kodwa mina nomyeni wami sasifuna ukuhlala phansi sixoxe naye ngoMbuso nendlela osebenza ngayo.

“Ngaphambi kokuba sihambe, wayefuna ukukhuleka, futhi wasinika isheke ... iNkosi yayifake enhliziyweni yakhe ukuthi ayitshale ezimpilweni zethu. Lokho kwasiqeda amandla. Ngakho sasesivula isheke ... KWAKUNGAPHEZU KOKWANELE ukukhokhela imali yendlu kanye nezinye izikweletu ezincane!

“Ngatshela umyeni wami ukuthi yilokhu kuphela engangikudinga! Ngathatha isithombe sesheke ukuze kungikhumbuze ukwethembeka Kwakhe. Hhayi-ke, isitha asikuthandanga lokho akubona kusenzeka futhi ngokushesha (futhi mfana, ingabe ngisho ngokushesha !!!!) wazama ukweba imbewu yethu. Sasinqume ukuthi leli iqiniso, futhi sasingeke sikhulume noma yini eyayizolimaza ikusasa lethu. Wayengapheli amandla ... kodwa sasicina izithende zethu emhlabathini futhi siphethe isihlangu sethu phezulu.

“(Manje ngaphambi kokuthi ngiqhubek, ngidinga ukuthi uqonde ukuthi ngangingu Italian onekhanda eliqinile futhi okhathele nge ‘izimfundiso zokuchuma’ engangizizwile ... futhi umyeni wami wayekwazi lokhu. Isimangaliso sangempela kwaba ukuthi ngalibamba ngokugcwele futhi ngabambelela kuso ... ngesinye isikhathi umyeni wami uyangibuka futhi azibuze ukuthi kanti pho kwenzekeni!

“Sakhulula ukholo lwethu futhi sahlwanyela ukuthola inkontileka yenkampani yethu yokwakha ngo-3/13 inkontileka esheshayo engu-\$150,000 ukuze sikhokhe izikweletu, izintela, njll. Ngo-uMbasu 5 sathola izinkontileka ezimbili ezihlanganisa u\$450,000 ngoSUKU OLULODWA!!!! Lokhu kwakungemva kwezinyanga ezimbili kuphela selokhu saqala ukusebenzisa izimiso zoMbuso.

“Sasihilela izingane zethu futhi zabona ukuthi ‘nanso ke.’ Manje, sezizenzele olwazo uhlulu futhi zahlwanyela kumabhanga azo ukuze zitshale imbewu yalokho ezikufunayo. Sinamavesi kuwo wonke amagumbi, futhi ingane yethu eneminyaka emihlanu iya kuwo futhi amemezele athi, ‘Ngiyakholwa ukuthi ngiyitholile.’

“Siyabonga kakhulu ngokuthi manje sesinemali eyengeziwe yokupha futhi sekuseduze nosuku olulodwa ukuba singabi nezikweletu futhi sikwazi ukuqedo izabelo zethu!

“Ngiyabonga, Umfundisi uGary, ngokuzinika isikhathi sokuphendula ama-imeyili ebengikuthumele wona. Siyaqonda ukuthi isikhathi sakho silinganiselwe, futhi iqiniso lokuthi uzinike isikhathi sokwenza lokhu kubonisa ukuthi ufunakanganani ukuhlanganyela lomlayezo omangalisayo woMbuso kaNkulunkulu omkhulu.”

Ngithola ama-imeyili afana nalawa nsuku zonke. Abantu abafana nami nawe bathola iqiniso lokuthi bangobani kuKristu, bafunda indlela uMbuso kaNkulunkulu osebenza ngayo, futhi bajabulela izinzuko. Pho mina no-Drenda sathola kanjani isabelo esiphindwe kabilo? Ngizokutshela kulesi sahluko futhi ngiyazi izindaba zethu uzozithola zikhuthaza.

Lapho mina noDrenda siqala ukufunda imithetho nezimiso zoMbuso kaNkulunkulu, ukuphila kwethu kwashintsha kakhulu,

njengoba nginitshelile kungxene yokuqala yale ncwadi, kusukela ekuphileni ngokutholayo, ekubhekaneni nokuhlaselwa luvalo, ama-*antidepressant*, kanye nokungabi nathemba okukhulu ekuphileni okunenjongo nokuhlinzekwa. Sabona izinto zenzeka ngokuphindaphindiwe ezasenza sama sathi, "Ukubonile lokho na? Hewu!" Siyohlala njalo sibona uMbuso kaNkulunkulu usebenza njengoba nje iBhayibheli lasho, futhi sasibuza imibuzo, "Kwenzeka kanjani noma kungani lokho kwenzeka? noma "Yisiphi isimiso esingene kuso?" Nakuba besijabulela okungaphezu kokwanele, asizange sibone isabelo esiphindwe kabilo ngokucacile njengezindaba engizokubonisa zona. Sasijabulela isabelo esiphindwe kabilo, nokho, sasingazi nje ukuthi sikubize kanjani ngempela lokho esasikubona ngokuthi kuyisabelo esiphindwe kabilo kwaze kwaba yilapho uNkulunkulu eqhubeka ekhulisa ukuqonda kwethu ngakho. Ngaphambi kokuba ngichaze ukuthi uNkulunkulu wasisisiza kanjani ukuba siqonde isabelo esiphindwe kabilo ngendlela enkulu, ngifuna ukubukeza Umbhalo wethu oyinhloko futhi ngomzuzu lo. (Amagama akubakaki angamanothi ami, hhayi ingxene ye Mbhalo wangempela.)

*Ngakho-ke kubasalele abantu bakaNkulunkulu ukuphuma
mula kweSabatha. Ngokuba ongenile ekuphumuleni
kukaNkulunkulu [ukholo] yena uphumula emsebenzini yakhe
[isimiso sokuqalekisa umhlaba sokukhandleka okubuhlungu,
izithukuthuku, nokusinda] njengoNkulunkulu kweyakhe.
[ngoba wayeseqedile].*

— KumaHeberu 4:9-10

Manje seniyazi ukuthi lokhu kuphumula kweSabatha

kuyisithembiso kuwo wonke amakholwa eTestamente Elisha akholwa kuKristu futhi akuyona nje into yeTestamente Elidala. Nani niyazi manje ukuthi iSabatha alinakwenzeka ngaphandle kokuba nokungaphezu kokwanele, noma njengoba sibonile ku-U-Eksodusi 16, isabelo esiphindwe kibili. Ngicela ungadidanisi ukuhamba ngesabelo esiphindwe kibili ukuba kusho ukuthi kuzo zonke izimo uyoba nemali eningi esalayo lapho uNkulunkulu ekucela ukuba uqhubeke nomsebenzi othile.

Kuke kwaba nezikhathi empilweni yami lapho uJesu engitshela ukuthi ngiqhubekile nomsebenzi othile ngingenayo imali ebhange. Ngaqaphela kamuva ukuthi uNkulunkulu wayengakaze abe novalo ngemali futhi azi ukuthi yayizovelaphi. Kodwa Yena akazange akuvumele ukuthi ibonakale, funa isitha sizame ukuyeba ngaphambi kokuba idingeke ngempela. Ake ngikuxwayise, thatha kuphela isinqumo sokuqhubekela phambili kusimo esinjalo uma uqinisekile ukuthi uzwile kuMoya oNgcwele ukuba wenze kanjalo. Futhi, ngaphandle uma uJesu ekutshela ukuthi uqhubekele phambili ngomsebenzi othile ngaphandle kwezimali ezikhona, ungaqhubekeli phambili kuwo. Linda kuze kufike isikhathi sikaNkulunkulu kanye nokuhlinzeka kutholakale.

Ngokuvamile, thina njengamakholwa sibizelwe ukuphila ngaphandle kokuchichima ngokwezimali kwezimpilo zethu. Asibona abampofu kodwa siyakwazi ukuphana ngazo zonke izikhathi njengoba nje noBaba wethu enjalo. Ngikusho lokho kuphela ngoba ngithole ama-imeyili amanangi lapho abantu begxumela khona futhi bephuthelwa isikhathi sikaNkulunkulu. Lalela, ukuthi uNkulunkulu ekukhombisa okuthile akusho ukuthi sekuyisisikhathi sokukwenza. Izikhathi eziningi, Ukukhombisa okuthile ukuze akunikeze isiqondiso futhi nesikhathi sokulungiselela.

Ngokuhlangenwe nakho kwami, isikhathi sibaluleke kakhulu njengokuzwa ukuqondiswa kwasekuqaleni.

Lapho uJesu eqala inkonzo Yakhe edolobheni lakubo, ngemva kokubhaphathizwa Kwakhe emfuleni uJordani nguJohane uMbhaphathizi futhi nangemva kwezinsuku ezingamashumi amane nobusuku obungu-40 esehlane, Yena wangena esinagogeni lendawo wathatha incwadi ka-Isaya wavula isahluko samashumi ayisithupha nanye futhi wafunda. Sithola lesi sigameko silotshwe kuNgokukaLuka 4:18-21.

UMoya weNkosi uphezu kwami, ngokuba ingicibile ukuba ngishumayele ivangeli kwabampofu. Ingithumele ukumemezelu ukukhululuwa kwabathunjiweyo nokubona kwabayizimpumputhe, nokuhlenga abacindezelweyo, nokume-mezela umnyaka omuhle weNkosi.

Wayigoqonga incwadi, wayinika isikhonzi, wahlala phansi; Amehlo abo bonke ababesinagogeni amgqolozela, waqala ukukhuluma kubo, ethi: "Namuhlanje ugcwalisekile lo mbalo ezindlebeni zenu."

Yebo, babemthukuthelele kakhulu ngaye ngoba wayesikisela ukuthi Guye lowo okwakubhekiselwa kuye. Kodwa lalelisisa lapho uJesu ayeka khona ukufunda. Ivesi lokuqala kuya kwelesibili lika U-Isaya 61 lithi,

Ungithumele ukubopha abanhliziyo ezaphukileyo, nokumemezelu ukukhululuwa kwabathunjwa nokuvulelwu kweziboshwa itilongo, ngimemezele umnyaka womusa kaJe-hova nosuku lokuphindisela lukaNkulunkulu wethu.

Phawula ukuthi uJesu wema phakathi komusho. Akazange afunde ukuthi, "nosuku lokuphindisela lukaNkulunkulu wethu." Kungani? Ngoba wayefuna ukuma kungxenye yokuqala yalowo musho, "umnyaka womusa kajehova." Uyini umnyaka womusa weNkosi? Unyaka weJibili! Ngokuyisisekelo uJesu wayememezela ukuthi yonke into isithunzi soSuku lweSabatha, uNyaka weSabatha, kanye noNyaka weJibili esisibonise yona kwase kugcwalisekile futhi manje sekukhona ngoba Yena wayesefikile. Isahluko sonke sika-U-Isaya 61 sisitshela lokho uJesu asenzele kona. Mayelana nesabelo esiphindwe kabilo, bheka amavesi esikhombisa kuya kwelesishiyagalolunye.

Esikhundleni sehlazo labo abantu bami niyakuphiwa isabelo esiphindwe kabilo, futhi abadumeleyo ukujabula kuyakuba yisabelo sabo; ngalokho ezweni lakubo bayadla ifa lesabelo esiphindwe kabilo, futhi intokozo engapheliyo iyoba ngeyabo. Ngokuba mina, Jehova, ngithanda ukulunga; ngizonda ukuphanganganye nokubi. Ngiyakubanikai umvuzo wabo ngeqiniso, ngenze isivumelwano esiphakade nabo. Inzalo yabo iyakwaziwa phakathi kwezizwe nabantwana babo phakathi kwabantu. Bonke abababonayo bayakubavuma ukuthi bayinzalo uJehova ayibusisile.

— U-Isaya 61:7-9

Ngokuqinisekile ngiyakuqonda ukuba namahloni ngenxa yezinkinga zezimali eziwohlozayo. Kanigi ngangizithola ngilulazekile futhi nginamahloni ngenxa yesimo sethu sezimali. Ngiyakhumbula ngesinye isikhathi ngangiqoqe abangani bethu abangaba ngu-20 siye esidlweni sakusihlwa endaweni yokudlela

yasendaweni. Angisakhumbuli umcimbi okhethekile esasiwugubha, kodwa mina ngangivumile ukukhokhelela lomcimbi. Ngikhumbula

**UKUTHI UNKULUNKULU
EKUKHOMBISA
OKUTHILE AKUSHO
UKUTHI SEKUYISIKHATHI
SOKUKWENZA. IZIKHATHI
EZININGI, UKUKHOMBISA
OKUTHILE UKUZE
AKUNIKEZE ISIQONDISO
FUTHI NESIKHATHI
SOKULUNGISELELA.**

ukuhlazeka, esinye sezivakashi zami ukuba sikhokhele umcimbi.

O, nginezindaba eziningi ezinjengalezo, kodwa anginaso isiqiniseko sokuthi unezicubu ezanele eduze ukuze uqalise ukubala okunjalo. Kodwa makabongwe uNkulunkulu, ngoJesu, bonke abasibonayo kuyomele bavume ukuthi singabantu iNkosi ebabusisile!

Isabelo esiphindwe kabili kungokwakho, uJesu uyiSabatha lakho lokuphumula, futhi uyisabelo sakho esiphindwe kabili! Uma uke wafunda noma iyiphi yezincwadi zami ezedlule, uyazi ukuthi iNkosi yangifundisa okuningi ngoMbuso ngokuzingela izinyamazane. Eqinisweni, ukuzingela izinyamazane kwakuyindlela uNkulunkulu ayeyisebenzisa okokuqala ukubamba ukunaka kwami ngoMbuso. Sekuphele iminyaka eminingi ngizingela izinyamazane ngingaphumeleli. Nakuba ngangifaka isikhathi nemali emizamweni

ngithukile ngesikhathi sokudla ngoba ngangingenayo imali yokusingatha umcimbi onjalo. Imali ebengilindele ukuthi izovela kubhizinisini ebengisebenza kulo ibambezelekile. Okuwukuphela kwekhadi lesikweletu enganginalo alikhanselwanga, kodwa lakhishwa ngoba liphelelw amandla futhi ngangingenaso isiqiniseko sokuthi izosebenza kanye nje noma cha. Impela, ekupheleni kokudla ikhadi lenqatshelwe. Kwadingeka ngokuzithoba ngicele, ngokukhulu

yami, ngagcina ngingaphumelelanga futhi ngingenayo nenyama yenyamazane. Uma ngikhuluma iqiniso ngempela, angikaze ngidubule. Kulo nyaka othile njengoba ngangicabanga ngenkathi ezayo yokuzingela izinyamazane, uNkulunkulu wakhuluma nami futhi wathi, “Kungani ungangivumeli ngikusize ngokuzingela kwakho izinyamazane kulo nyaka? Yebo, ngangingazi ukuthi lokho kusho ukuthini, kodwa Yena wangitshela ukuthi ngithathe isheke bese ngibhala, “Eyenayamazane yami ka-1987” engxenyeni kuphet-shana elikusheke, kanye nenani elithile lemali, bese ngiyithumela enkonzweni lapho ebengiyalela khona ukuba ngiyithumele. Wabuye wangitshela ukuthi mina noDrenda sibeke izandla zethu kulelo sheke futhi sicele njengokulotshiwe ku NgokukaMarku 11:24 lapho sisayikhulekela.

NgokukaMarku 11:24 uthi,

Ngalokho ngithi kini: Konke enkukhulekelayo nenikuce-layo, kholwani ukuthi nikwamukele, futhi nizakuba nakho.

Ukwenza indaba ende ibe mfushane, ngaphuma ngaya endaweni engingayazi nhlobo ngalowo nyaka futhi ngathola inyamazane yami kumizuzu angaba ngu-40. Mina noDrenda siye salandela lezi zinyathelo iminyaka engu-30 edlule, futhi bengilokhu ngivuna inyamazane yami kumizuzu engu-30 kuya kwangu-40 njalo nje ngonyaka yonke kusukela ngaleso sikhathi. Kuyo yonke le minyaka, ngiye ngabona uNkulunkulu enza izinto ezimangalisayo ngenkathi ngiphume ngiyozingela, futhi ngiye ngafunda izifundo ezimbalwa ngemithetho yoMbuso nangokuzingela. (Zonke lezo zindaba zakuqala zilotshwe encwadini yami ethi *Faith Hunt.*)

Ngivame ukukhetha ukuzingela ngomnsalo lapho kufudumala

ngenkwindla bese ngizingela ngenkathi ebandayo ngesibhamu lapha e-Ohio. Umkhawulo wenani lezinyamazane ongazivuna ungcono kakhulu lapha e-Ohio, futhi kunoma yimuphi unyaka, umkhawulo yizinyamazane eziyisithupha ngonyaka. Angikaze ngivune izinyamazane ezingaka ukuze ngiphakele umndeni wami. Isiqandisi sami sivame ukugcwala ngezinyamazane ezimbili noma ezintathu ngonyaka. Ukwazisa engizokutshela kona, udinga ukwazi ukuthi ngenkathi ngizingela yonke leyo minyaka ngangingakaze ngidubule inyamazane ezimbili esihlahleni sinye ngekuseni kunye noma ngokuzingela ngokuhlwa okufanayo. Ngenyindlela, uma ungeyena umzingeli, yebo, sizingela ngomnsalo sisesihlahleni. Ngokuvamile, lapho ngibulala inyamazane, ngangiphuma ehlathini ngibuye ngolunye usuku ngithathe enye. Kodwa iNkosi ibifuna ukungifundisa okuthile kulokhu kuzingelwa kwakusihlwa.

Kwakungenye yalezo zinsuku zokuzingela ikwindla eziphelele, ukumboza kancane kwefu kanye nokuthonta okulula kwakuthobisa umhlabathi ngezikathi ezithile. KwakuyiSonto kusihlwa, ngangikhathole ngenxa yokuqhube izinkonzo eziningi zebandleni ekuseni walolosuku, futhi ngangikubheke ngabomvu ukuba khona ehlathini. UDrenda wayephuma eyothenga izinto ezimbalwa, futhi mina naye sasivumelene ngokuthi lobu kungaba ubusuku obuhle ukufaka inyamazane kusiqandisi sethu. Ngangigqoka ikhamo yami futhi ngiqoqa izinto zami lapho yena ephuma eya emotweni. Ngaphuma phandle esaqla imoto ukuthi aphume. Lapho eqala imoto, wehlisa ifasiteli wathi kimi, “Isabelo esiphindwe kabil.” Angazi ukuthi kungani esho lokho, nakuba kamuva wathi wezwa iNkosi isho lokho kuye ngaleso sikhathi futhi wazizwa eholeleka ukuba angitshele lokho.

Satshala izinyamazane ezintathu ngalowo nyaka, futhi lolu

kwakuwusuku lokuqala sizingela ngaleyonkathi. Ngamqabula ngokushesha ngamtshela ukuthi ngiyavuma, futhi ngaphuma ngibheke ehlathini lakithi. Ngizingela kundawo yami, ngakho ngangijwayele kakhulu nokuthi ngiyaphi. Njengoba ngigibela esihlahleni sami, ngishaye amagalelo ambalwa. Phakathi nemizuzu engu-15, kwangena amaphuzu angu-8 egijima, ngadubula ngikude okwamayadi angu-40, futhi inyamazane yami yayiphansi. Kwakumangalisa lokho! Ngehla ngahamba ngaya enyamazaneni, kodwa ngase ngikhumbula ukuthi uDrenda wayeshilo, isabelo esiphindwe kibili, ngakho ngashiya inyamazane lapho eyayiwele khona ngabuyela esihlahleni sami futhi ngagibela emuva endaweni yami.

Ngacabanga ngaso sonke isiphithiphithi engangisenzile ngehla, ngihambahamba, ngase ngibuyela endaweni yokumisa futhi ngigibela phezulu, ngingaliphathi-ke lonke iphunga engangilihlakaze, ukuthi ngokwemvelo kuzoba mancane amathuba okuba ngibulale enye emizuzwini embalwa esele yokukhanya okusemthethweni kokudubula. Kodwa kungakapheli nemizuzu engu-15 ngisesihlahleni, inyamazane enekinobho lahamba laqonda ngaphansi kwesihlahla sami, ngayilahla phansi ngokuyidubula okuphelele. Hawu, ukudubula kibili nezinyamazane ezimbili zilan-delana ziphuma esihlahleni esisodwa. Ngangingakaze ngikwenze lokho ngaphambili. Lokho kwangibamba ukunakwa kwami futhi ngangazi ukuthi kwakuyi Sabelo esiphindwe kibili uDrenda ayekhulume ngaso.

Eminyakeni emihlanu eyalandelayo, ngaba nokuhlangenwe nakho okufanayo. Njalo uma ngiyozingela ngeminsalo, manje ngase ngithola izinyamazane ezimbili esihlahleni esisodwa ngokuhlukana ngemizuzu. Ngangazi ukuthi lokhu kwakungeyona into evamile, futhi ngaqala ukugxila kusabelo esiphindwe kibili, ngiqaphela

ukuthi ngokunjalo uNkulunkulu waphinde wangifundisa esinye isifundo ngoMbuso Wakhe.

Bengilokhu ngithanda izibhamu futhi, ngokunjalo, ngiyakuthanda ukuzingela. Ngineqoqo lami lezibhamu engizisebenzisayo ekuzingeleni, futhi ngangijabule kakhulu ngezibhamu enganginazo. Mina noDrenda sinomhlaba wama eka angama-60 nama eka angama-25 ehlathi kanye namanye ama eka ayi-15 lexhaphozi. Kunoma ikuphi ikwindla, ixhaphozi lingoma noma ligcwale amanzi, kuye ngokuthi ihlobo belimanzi kangakanani.

Kulo nyaka, sibe nehlobo elimanzi impela, ngakho ixhaphozi laligcwele amanzi njengoba kungena inkathi yamadada ekwindla. Kwakuhlale kukhona amadada eza exhaphozini noma yimuphi unyaka uma kunamanzi, kodwa ngangananakile kukho kangako. . Kodwa kulo nyaka kwakunemihlambi emikhulu eyayiza exhaphozini namanzi ayephakeme kakhulu, futhi angikwazanga ukumelana nakho. Nakuba ngingakaze ngizingele esikhathini esidlule, ngacabanga ukuthi ngizokwehla ngiye exhaphozini ngiyozama ukuzingela amadada. Ukuzingela kwakukuhle. Kwakukhona amadada yonke indawo, futhi saba nezidlo ezimbawala zamadada ngalowo nyaka.

Lapho ngizingela amadada ngalowo nyaka, ngathola ukuthi izikhathi eziningi amadada ayedlula eduze nje kwebanga lwezbhamu. Bengisebenzisa isibhamu sami sansuku zonke, esilungele konke engangijwayele ukusisebenzisa onogwaja nenyoni ye *pheasant*, kodwa njengoba amadada endiza ngaphandle nje kwebanga lezibhamu, ngakhumbula ukuthi ngangizwile ngohlobo olusha lwesibhamu esiklanyelwe ukuzingela amadada. Sasifhlilihlakele futhi ukwazi ukudubula inengi yamadada kabusha eyayithwele inhlamu zokudubula eziningi, okwavumela ukudutshulwa kude

kakhulu. Ngikhumbula ngicabanga ukuthi kufanele ngyihlole ngesinye isikhathi.

Hhayi-ke, kwenzeka nje ukuthi ngisesitolo sendawo sezimpahla zezemidlalo ngemva kwenyanga kuphele isikhathi samadada lapho ngabona indawo enezibhamu zibhalwe ukuthi -isibhamu sezinyoni zamanzi. Ngazibheka okwesikhashana, kodwa ngepheshana yentengo engu-\$2,000 kanye neqiniso lokuthi ngeke ngidinge isibhamu ezinye izinyanga ezingu-10 lapho inkathi yedada ivulwa kabusha, nganquma ukulinda ekuthengeni. Kodwa ngaphandle kokucabanga, ngasho ngokuzwakalayo, “Nkosi, ngyayithanda lena.” Angizange ngicabange kakhulu ngakho njengoba ngiphuma esitolo, kodwa emasontweni ambalwa kamuva ngangikhulumu emhlanganweni wokuthengisa wezinkampani, hhayi umhlangano wesonto, umhlangano wokuthengisa wezinkampani. Ekupheleni kwsethulo sami, u-*CEO* wangibonga ngokukhulumu futhi wathi, “Besifuna ukukubonga ngokukhulumu kusihlwa nesipho.” Ngangishaqekile lapho ekhipha isibhamu engangisibheke esitolo sezimpahla zezemidlalo emasontweni ambalwa ngaphambili. Amazwi ami, “Nkosi, ngizoyithatha leyo,” kanye neqiniso lokuthi nganginikele ngezibhamu esikhathini esidlule kwaletsha leso sivuno.

Encwadini yokuqala yalolu chungechunge, *Uguquko Lwakho Lwezezimali: Amandla Okwethembeka*, ngikhulumu ngomgomu obangele ukuthi leso sibhamu sibonakale. Ngiwubiza ngomgomu wesikela, futhi utholakala kuNgokukaMarku 4:26-29. Ngingaphakamisa ukuthi uthole ikhophi yalencwadi uma ungakayifundi. Leso sibhamu esasivela sasimangalisa ngokuqinisekile, kodwa akuyona indaba yangempela engifuna ukugxila kuyo. Kodwa ivusile indaba engifuna ukukutshela yona.

Ngemva kokuba leso sibhamu sibonakale, futhi ngabona indlela

engangisifake ngaso leso sivuno, ngacabanga okwesikhashana ngolunye usuku nganoma iziphi ezinye izibhamu engangicabanga ukuthi ngangingathanda ukuba nazo. Phela ngangitshale inqwaba yezibhamu, ngakho ngacabanga ukuthi ngizozama ngemithetho yoMbuso. Okuwukuphela kwasibhamu engangingenaso eqoqwени lami kwakuyi-*over and under shotgun*. Ziyizibhamu ezinhle, futhi ngokuvamile azishibhile nazo. Ngakho ngathi, “Nkosi, ngithanda ukuba nesinye salezo zibhamu ezinhle kakhulu i-*over and under shotgun!*”

Cishe ngemva kwenyanga, ngathola ucingo luvela komunye engangisebenza naye enkonzweni, wathi ufuna ukungithengela isibhamu, i-*over and under shotgun*. Ngajabula kakhulu futhi wathi uzoyithumela ngeposi. Nokho, ezinsukwini ezimbalwa kamuva ngathola izibhamu ezimbili ezinhle ama *over and under shotgun* eposini, zizinhle kakhulu! Phawula ukuthi ngithole izibhamu ezimbili. “Hawu,” ngicabanga. Ngamshayela ucingo umlingani wami futhi ngambonga ngezibhamu ezinhle ayezithumele. Ezinsukwini ezimbalwa wathumela ezinye ezimbili. Lapho ngiphinda ngimshayela ucingo ngimbonga njalo, wathi, “Ngihlabeku umxhwele kangangokuthi ungishayele ucingo ukuze ubonge, bengifuna ukukuthumelela ezinye ezimbili.” Ngaxakwa yizipho, kodwa ngase ngiqala ukubona. Izibhamu ezimbili ngesikhathi sinye? Kuzwakala njengesabelo esiphindwe kabilo.

Cishe ezinyangeni ezimbili ezedlule, ngangifundisa ebandleni ekuseni futhi ngangizofundisa edolobheni elifanayo kwelinye ibandla ngalobo busuku. Ngemva kwenkonzo yasekuseni, indoda ethile iza kimi futhi ithi, “Ngizokuthumela isibhamu esihle se-Browning semi-automatic shotgun enginaso.” Ngaphinde ngajabula. Ngokumangalisayo, enkonzweni yakusihlwa kwelinye

ibandla, indoda ethile iyafika ithi, “Ngiphethe isibhamu esisha sha esisekhona ebhokisini engifuna ukukunika sona.” Bekukuhle, kuphenywe *i-Marlin 30/30*, isibhamu ebengahlale ngisithakasela kodwa engingakaze ngibe naso. Futhi, ngamangala kodwa ngasengi-kuzwisia—isabelo esiphindwe kabili.

Njalo, emasontweni ambalwa ngemva kwalokho, kwenzeka okufanayo—nganikezwa izibhamu ezimbili ngosuku olulodwa. Hhayi-ke, engingakusho nje ukuthi ngiyindoda ebusiswe ngezibhamu ezinkulu impela. Kodwa njengazo zonke izindaba engizixoxayo, ngihlala ngibuza, “Kwenzeka kanjani lokho?” Kunjalo, besengivele ngikutshelile ukuthi ngitshale izibhamu eziningi esikhathini esidlule kodwa angikaze ngithi, “Ngizoyithatha leyo, Nkosi,” kuze kube yilesosikhathi. Futhi, lesi yisimiso sesikela okudingeka ukwazi. Kodwa ngedlule isimiso sesikela, ngangingena ku sabelo esiphindwe kabili ngendlela ehluke kakhulu nesobala futhi ngangifuna ukwazi kahle ukuthi ngangikwenza kanjani lokho. Ngikholelwa ukuthi iNkosi yangibonisa ukuthi abanangi bethu baye baphuthelwa yilesi sici esibaluleke kakhulu sokuvuna eMbusweni, futhi ngizochitha isikhathi esithile esahlukweni esilandelayo esidingida lesosihloko. Kodwa ngaphambi kokuba ngikwenze lokho, kufanele nje ngihlanganye nawe ukuthi lowo nyaka waqhubeka kanjani.

Ngemva kokuba ngithole izibhamu eposini, le ndaba yenzeka—futhi ingenye yezindaba ezimangalisa kakhulu ezenzeke mayelana nokubona isabelo esiphindwe kabili ziboniswa ngokucacile, okusobala, kungekho mbuzo ebuzwayo, lena isibonelo sesabelo esiphindwe kabili. Le ndaba iphathelene nezimoto zami, ikakhlukazi *Cadillac Escalade* eyiparele elimhlophe enginikezwe yona engikhulume ngayo ezahlukweni ezimbalwa ezedlule. Njengoba ngike ngasho ekuqaleni encwadini, mina noDrenda asikho

ezimotweni ngempela. Ngokuvamile sivele sizishayele zize ziyeke ukusebenza noma zingabonakali kahle.

Futhi kule ndaba, ngidinga ukusho ukuthi mina noDrenda sasinikeze izimoto ezimbalwa ngaphambili futhi sasingazange sibeke isidingo esicacile okholweni lwethu mayelana nokuthi yini esasik-holelwa ukuthi sizovuna kulokho kupha. Kodwa uma ukhumbula leyondaba, ngenkathi sishayela *i-Escalade* eqashiwe ngesikhathi senkomfa yethu futhi sithi, “Sithanda lena; sicabanga ukuthi kufanele sithole eyodwa yalezi,” besingalindele ngempela ukuthi umuntu avele asibize athi ufunu ukusithengela. Kodwa-ke, yilokho okwenzeka. Futhi-ke, sasingakaze sitshele muntu ukuthi sifuna eyodwa yazo. Ngakho-ke njengoba ngike ngakutshela ngaphambili, ngaphambili, *i-Escalade* eyiparele elimhlophe, inguqulo emfushane yavela futhi yayinhle futhi imangalisa. Ngiyayithanda.

Kodwa kunesinye isici esimangazayo nakakhulu kule ndaba esenzeka nje ngehlobo eledlule. Sasishayele le-*Escalade*

isikhathi esingangonyaka nesigamu ngesikhathi kufika ihlobo elidlule, futhi ngolunye usuku ngaphawula ukuthi ilambu lenjini lalikhanyisa. “Akunankinga,” ngacabanga, kodwa ngangifuna ukuthi ihlolwe, ngakho ngaba nomthengisi ayibheke. Bathi ngempela kwakungeyona into embi. Inzwa ibicosha ingcosana yamafutha kupayipi yokukhipha umoya, kodwa ibingeke ibangele inkinga. Injini yayizohlala isikhathi eside uma ngifuna ukuthi kungani izobe icosha amafutha.

NGIPHISHEKELA INKOSI NOMBUSO WAYO, KODWA EMBUSWENI NGITHOLA OKUNGAPHEZU KOKWANELE, ISABELO ESIPHINDWE KABILI!

ukuyishayela. Ngababuza

I-Escalade yami yayanendlela yokukhipha umoya yangokwezifiso okwakufakiwe kuyo, futhi bacabanga ukuthi lokho kungaba yisizathu sokuthi ibonakale isenza njalo. Baphinde bathi injini ngokwayo ilungile futhi kufanele ngilindele ukuthi injini izohlala isikhathi eside.

Ngolunye usuku, engxoxweni evamile nendoda eyayinginike imoto, ngakhulumu ngodaba lwelambu lenzwa enganginalo. Wathi, "Yebo, ngikubonile lokho kwenzeka ngezinye izimoto ze-GMC." "Eqinisweni," esho, "kuvame kakhulu kwezindala." Eqhubeka wathi ngeke kuphazamise nakancane imoto ngakho kufanele ngikwazi ukushayela imoto iminyaka engu-10 nangaphezulu ngaphandle kwenkinga.

Wayazi ukuthi mina noDrenda sinomuzi eFlorida engangisanda kuwuthenga. Ngahlala lapho ngimangele njengoba wabe esethi, "Ngizokutshela ukuthini. Wena shayela lemota uye eFlorida futhi uyisebenzise khona lapho, futhi mina ngizokuthengela enye ozoyishayela usiza ngapha e-Ohio." Yebo, mina manje nginamabili ama *Escalade* ayiparele elimhlophe, amafushane aphelele ngayo yonke indlela, ngaphandle kwesibani senzwa esikhanyisa kanye ngesikhathi kweyokuqala. Zombili ziphelele ngazo zonke izindlela! Futhi, kwakungomunye walezo "Uke wakubona lokho?" izikhathi. Mina noDrenda kufanele sizincinze njengoba sishayela lezo zimoto ezinhle. Asizange siyikhokhele neyodwa yalezo zimoto. Kodwa kulokhu, sasazi ukuthi kwakuyisabelo esiphindwe kabilo.

Angikutsheli lezi zindaba ukuze uziqhaye se nganoma iyiphi indlela, kodwa mngane, mina ngibusisiwe! Ngijabulela isabelo esiphindwe kabilo, njengoba wazi manje, ukuba nokungaphezu kokwanele. Nginesisefo sezibhamu esigcwele izibhamu, ezingaphezu kokwanele. Nginama-*Escalade* amabili afanayo engingazange

ngiwakhokhele. Ngicabanga ukuthi ungavuma ukuthi kungaphezu kokwanele! Futhi akukhona ukuthi nginikhuthaza ukuba nifune izinto ezibonakalayo, akunjalo. Ngibamba izinto ngokukhululeka, futhi angizikhonzi izinto noma ngiziphishekela. Ngiphishekela iNkosi noMbuso Wayo, kodwa eMbusweni ngithola okungaphezu kokwanele, isabelo esiphindwe kibili!

Linda, angikaqedu ukufakaza ngobuhle beNkosi kanye nesabelo esiphindwe kibili okwamanje.

Umkami wayefuna ikhaya elisogwini iminyaka engu-20 edlule. Cha, ake ngikubeke kabusha lokho. Useyifune unomphela! Uthanda ulwandle nje! Noma kunjalo, useneminyaka ebuka impahla yasol-wandle. Esikhathini esidlule lapho kunentengo enku lu emzini ayewuthanda, imali yethu yayiboshelwa emisebenzini yenkonzo futhi sasilinda. Hhayi-ke, kulo nyaka bengikhuleka egumbini elingaphansi njengoba ngigibebe ibhayisikili lami elingashintshi. Kungazelelwe, iNkosi yagcizelela kimi ngendlela enamandla kakhulu, “Tshela uDrenda ukuya eFlorida, kulelo dolobha afisa ukuba nomuzi kulo, futhi amtshela ukuthi athenge umuzi wakhe osolwandle kuleli sonto.” Hawu, kuleli sonto? Kwaba nokuphuthuma okukhulu emoyeni wami lapho ngizwa lokho. Ngakho ngatshela uDrenda lokho iNkosi eyayikushilo kimi, futhi saxhumana nomngane wethu owayehlala kulelo dolobha ukuze abone ukuthi angathanda yini ukushayela uDrenda izinsukwana abheke ezindlini. Wathi angathanda.

Ngakho-ke uDrenda wangena ku-inthanethi futhi wenza uhlu lwezindlu ezingaba ngu-25 ayefuna ukuzihlola. Sebefikile, uDrenda wanciphisa uhlu lwakhe lwezindlu ezingu-25 wehlela kwezi-5 okungenzeka ukuthi eyodwa yazo wayengathi uyayithanda. Kuleli qophelo, ngehla ngendiza ngayahlangana naye futhi wangikhombisa

izindlu ezi-5 kanye naleyo ayithandayo. Sanciphisa u-5 kuya ku-2—leyo ayeyithanda kanye nenye indlu eyayiyinhle kakhulu kodwa ingenhle njengaleyo ayeyithanda. Kuzomele ngivume ukuthi lapho ngibona umuzi ayewuthanda ngangazi ukuthi nguDrenda, sagcina sesifaka isithembiso kuwo. Umnikazi wasamukela isicelo sethu futhi sasinenkontileka ngokuvumelana nge'khaya lethu elisha.

Ngemva kwamasonto ambalwa, lapho sisekhaya e-Ohio siphumule nje, uDrenda wahefuzela wathi, "Yindlu yami leyo!" "Ngiyazi," ngathi, "Yindlu yakho lena. UNkulunkulu wangitshela ukuthi ngizokuthengela ikhaya lakho olwandle ngesonto engakuthumela ngaso olwandle."

Wathi, "Cha, aniqondi; yindlu yami leyo." Uqhube wathi sekuneminyaka eminingi efuna imizi kuleyo ndawo, kwathi ngelinye ilanga wabona isithombe sendlu esasiyithenga kubathengisi bezindlu. Lapho eyibona, wayithanda. Wayethanda yonke into ngakho, izakhiwo zaseSpain Mediterranean, ipulani yaphansi, indawo, into yonke ngayo. Wakhumbula ebeka umunwe wakhe kuleso sithombe ethi, "Nkosi, ngiyayifuna leyondlu!" Kodwa wayazi ukuthi leyo ndlu ibiza kakhulu futhi imali yethu sase siyinikele komunye umsebenzi, ngakho wayelokhu ebheka izindlu ezazisez-ingeni lethu lentengo ngaleso sikhathi. Kodwa ayikho enye indlu athinteka ngayo, futhi asikaze safinyelele eqophelweni lokubeka inkontileka kwenye yazo. Sasingakabi nakho nje ukuthula ngendlu.

Kufanele futhi wazi ukuthi sasihlwanyele imbewu yendlu eselwandle kuleli dolobha eminyakeni emibili ngaphambili. Ukuvuma kwethu ngalesi sikhathi kwaba ukuthi sinendlu eselwandle kuleli dolobha, sesinayo, futhi sayemukela ngosuku esayihlwanyela ngayo. Ngiyakhumbula indawo kanye nomzuzu lapho sibambene izandla futhi savumelana egAmenii lendlu eselwandle ka Drenda.

Kodwa manje njengoba sasinenkontileka, uDrenda wavele wakhumbula isithombe ayesibone eminyakeni emibili edlule futhi waqaphela ukuthi lena kwakuyindlu efanayo, indlu yakhe!

Ngemuva kophenyo ngomlando walo muzi, sathola ukuthi umnikazi wendlu wayeke wazama ngempela ukuyithengisa eminyakeni embalwa edlule, kodwa ayizange ithengiswe, ngakho waseyikhipha emakethe. Kungaleso sikhathi lapho uDrenda asibona isithombe sendlu ohlwini lwayo lwezindlu kubathengisi bezindlu. Kodwa umnikazi wayenqume ukuyifaka ohlwini lwezindlu njalo, futhi lokhu kuchaza ukuthi kungani ngaba nokuphuthuma kunga-zelelwe ukuthumela uDrenda olwandle neziyalezo, “Kuzofanele uthenge indlu kuleli sonto.” Uzokutshela ukuthi akuyona indlela engivame ukusebenzisa ngayo imali leyo. Isikhathi siyikho konke. Kulokhu, imali yami yayingahlanganyeli kweminye imisebenzi futhi yayitholakala ngendlu. Nginesiqiniseko sokuthi babebanangi abantu ababebuka leyo ndlu futhi kwakuyisizathu sokuphuthuma. Ngokumangalisayo, intengo yayingakhuphukanga enanini elalibhalwe eminyakeni emibili ngaphambili lapho eqala ukuyibona. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu ubembambele yona!

Kodwa nansi isabelo esiphindwe kibili sendaba. Ngesikhathi indlu yethu isenkontileka ilindele ukuvalwa, sathola ucingo oluvela kumama kaDrenda. Babenomuzi eCanada iminyaka engu-32 edlule. Besike saba khona izikhathi eziningi phakathi neminyaka futhi silithanda ikhaya nendawo. Ikhaya lisesiqhingini khona kanye emanzini. Eqinisweni, ulwandle lucishe lube ngamamitha angu-30 ukusuka emphemeni wangemuva. Abazali bakaDrenda base bekhulile futhi banquma ukuthi abafuni ukuyigcina kanye nezindleko zekhaya elikude kangaka. Beza kithina basibuza ukuthi sinaso yini isithakazelo sokuyithenga ngaphendula ngathi

cha. Kwakuwuhambo lwamahora angu-31 ukusuka e-Ohio, futhi nakuba ngangiyithanda indawo, angizange ngiyibone njengento engangingafika kuyo njalo ngenxa yesikhathi sohambo. Ngakho bafaka indlu ohlwini lwezindlu nomthengisi wezindlu, kodwa ngemva kokuba nayo emakethe iminyaka emibili, akekho umthengi owabonisa isithakazelo esikhulu.

Ngakho manje lapho sisalinde olwandle, bashaya ucingo bachaza ukuthi bazamile ukuthengisa indlu ngaphandle kwempumelelo futhi sizimisele ukwehlisa intengo ngesigamu uma sifuna ukuyithenga futhi siygcine isemndenini. Lapho ngasengingangicabanga ngakho, izingane zami zase zikhule ziya lapho futhi iyindawo enhle. Ngakho mina noDrenda sathandaza ngakho futhi sathi sizoyithatha. Besinemali eyanele nje ukuze siyithenge. Ngaphandle kwalokho, sasithengele inkampani yami indiza ngonyaka owandulele, okwasivumela ukuba sifike lapho ngamahora angu-5 esikhundleni samahora angu-31 eyayiwadinga ngemoto. Lokho kwenza ukuya lapho kwaba nokwenzeka kakhulu.

Ngemva kokuba sizivale zombili lezi zindlu, ngolunye usuku ngangihlezi ehhovisi lami lapho kungazelelwe kwangishaya, “Ima kancane, lena yisabelo esiphindwe kabilo!” Umkami wayeseneminyaka ephupha ngokuba nekhaya ngasolwandle. Manje, phakathi kwezinyanga ezimbili, wathola ikhaya elingaphakathi

**UNGACABANGI
UKUTHI ISABELO
ESIPHINDWE KABILI
SILINGANISELWE
EKUBENI NOKUBILI
KOKUTHILE.
EQINISWENI, ISABELO
ESIPHINDWE
KABILI IMANE
IWUKUBA NEZINTO
OKUNGAPHEZU
KOKWANELE.**

eseningizimu ye-United States, efudumele ebusika kodwa enishisa kakhulu ukuthi ungayisebenzisa kakhulu ehlobo. Kodwa ikhaya eliseCanada ilezinga lokushisa elihle kakhulu ehlobo kodwa libanda kakhulu ebusika. Sabona ukuthi manje unendlu yasolwandle enazo zonke zombili izinkathi zonyaka. Okungakholeki. Ngokuqinisekile sathi, “Ukubonile lokho na?” ngenkathi lokho kuvalwa okubili kuthatha indawo. Ngicabanga ukuthi ungarvuma lokhu kubukeka futhi kunuka njengesabelo esiphindwe kabi! Kuyamangalisa!

Ngisebenzise izibonelo ezimbalwa zendlela uNkulunkulu alethe ngayo okubili kokuthile kimina noDrenda, engikholelwa ukuthi uNkulunkulu wayevame ukusivumela ukuba sibone ngokucacile isabelo esiphindiweyo kabi iyasebenza. Kodwa ngifuna ukwenza isiqiniseko sokuthi ungarcabangi ukuthi isabelo esiphindwe kabi silinganiselwe ekubeni nokubili kokuthile. Eqinisweni, isabelo esiphindwe kabi imane iwukuba nezinto okungaphezu kokwanele. UNkulunkulu wayesebenzisa lezi zibonelo ezihluke kakhulu zezinto ezimbili ukuze abambe ukunaka kwami mayelana nesabelo esiphindwe kabi. Ngakho-ke noma ngabe iyini, ukuba nayo ngokuchichimayo kuyisabelo esiphindwe kabi. Ngethemba ukuthi uyalibamba iqiniso lesabelo esiphindwe kabi kanye nokuphumula kweSabatha. Ukuphila kuyamangalisa kakhulu eMbusweni! Njengoba ngibhala lesi sahluko, ngizihlalele ekhaya eCanada, ngibuka ngefasitela olwandle. Kukhona inyoni ama-sea gull namadada adlala ogwini oluqhele ngamayadi angama-25 kuphela ukusuka endlini. Kukhona ukuthula, akukho ukulwisa, ikhokhelwe ngokuphelele, futhi isibusiso. Ngisesabelweni, ngabelana izindaba ezinhle zoMbuso kaBaba, ngiyindodana endlini Yakhe, isakhamuzi soMbuso Wakhe omkhulu, futhi ngijabulela isabelo esiphindwe kabi!

Mina noDrenda singabhalo izindaba eziningi kakhulu zokuthi uMbuso kaNkulunkulu nemithetho ewulawulayo kube nomthelela kanjani ezimpilweni zethu, kanye nezinkulungwane zabantu abasithumelela izindaba zabo ngama-imeyili. Njengoba ngihlanganyele, ungazifunda zonke lezi zinto eBhayibhelini, kodwa kujabulisa kakhulu ukubona iBhayibheli lidlala phambi kwamehlo akho.

Amazwana nje engingathanda ukukwengeza lapha. Kuwukugembula ngempela ngakimi ukutshela abantu ukuthi uNkulunkulu usibusise kanjani mina noDrenda kanye nohambo esiluhambile. Abantu izikhathi eziningi bayithatha kabi. Ngezinye izikhathi bangase bacabange ukuthi siyazidla noma siyaziqhayisa. Noma bacabanga ukuthi sithathe imali yokweshumi kwabo noma iminikelo yabo futhi sizichithele thina. Ngicela uqonde ukuthi mina noDrenda asithathi mali esuka kumsakazo wethu weTV, futhi asithathi mali ekuthengiseni kwezinsiza zethu. Yebo, siyawuthola umholo, ngokunjalo, ebandleni esishumayela kulo. Kodwa sinamabhizinisi futhi sihlala sinawo, futhi uNkulunkulu uyawabusisa. Bengifuna nje ukwenza isiqiniseko sokuthi uyanazzi izinhliziyo zethu ekwabelaneni ngezindaba zethu zomuntu siqu. Ngaba nomuzwa wokuthi kufanele ngikutshele lokho esikubonile ngempela kwenzeka, nalokho uNkulunkulu asifundise kona ngalezo zenzakalo. Imiphumela engabelana ngayo nawe akuyona imiphumela kaGary noDrenda Keesee; asisihle kangako! Cha, esikubonile nesikujabulelayo kuwumphumela kaBaba wethu noMbuso wakhe ekuphileni kwethu. Sabelana ngalezi zindaba ngoba sifuna nje ukuthi wena ukuthole! Hhayi, sivele kungena lutho, futhi isizathu esisodwa sokuthi ngibhale le ncwadi ingeyakho! Ngifuna nazi ukuthi kusebenza kanjani ukuze niqonde futhi namukele konke uNkulunkulu anakho ngawe njalo.

Qonda ukuthi ngiyabuzonda ubumpofu ngentshiseko. Leyominyaka eyisishiyagalolunye yokuphila ngokucindezeleka nokwesaba njalo yayiyisihogo esiphilayo emhlabeni, ngokoqobo! Ngethemba ukuthi uzokhumbula ukuthi ukuphumula kweSabatha kungokwakho kanye nami! Esahlukweni esilandelayo, ngizokusiza uqonde ukuthi ungangena kanjani ekuphumuleni kweSabatha.

Amazwana nje kulesi sahluko. Ngathi ngiqeda ukubhala lomusho ongenhla, kwangena unobhala wami ehhovisi lami wathi ngifikelwe ibhokisi. Ngamangala uma ngiyivula ngathola izibhamu ezimbili ezinhle kakhulu. Wewu, kwakukhuthaza lokho! Kwaba sengathi uNkulunkulu wayebeka u-“Amenii” kulokho engangisanda kukusho.

Ngemva kokuba le ncwadi isiyonyathelisa futhi ngithole iloli lokuqala eligcwele izincwadi, ngajabulela ukufundisa le migomo ngokokuqala ngqa enkomfeni yethu yase-*Atlanta Revolution*. Ngajabulela nokuba nencwadi yami entsha ukuze ngiye kabantu. Ngathi ngilungiselela ukwehlela eholweni yokusina ukuze ngikhulume, unobhala wami wangibiza wathi kukhona ucingo engibiza ngalo luvela kumnumzane owayenginiikeze izibhamu zokuqala, wathi udinga ukukhuluma nami manje. Ngakho ngamshayele ucingo ngokushesha. Wajabula kakhulu lapho echaza ukuthi wayesanda kufika ehhovisi le-*UPS* futhi ubengthumele ezinye izibhamu ezimbili! Ngaphandle kwalokho, wayethumele nesibhamu uDrenda, futhi ngenxa yokuthi wayazi ukuthi akazingeli, wamthumela u-\$1,500 ingamadola awekhulu. Ngashaqeka. Ngezwa ukuthi kwakunguNkulunkulu futhi owayeqinisekisa engangikwenza futhi, ngandlela ethize, engitshela ukuthi ngiqhubek. Abantu badinga ukwazi lezi zinto—uNkulunkulu ufunu nazi lokhu! Noma kunjalo, lapho ngifika ekhaya, ngajabulela ukuvula ibhokisi. Mina

no-Drenda sathola izibhamu ezinhle kakhulu zika-*Browning over and under izibhamu ezimfishane* ezifanayo engake ngazibona. Zombili zintsha. Nami ngangine-*Browning gold semiautomatic 2 gauge* futhi, ngokunjalo, uDrenda wayene-\$1,500 yakhe. Isabelo esiphindwe kabilo!

Ungase uzibuze ukuthi kungani kunezibhamu ezingaka. Hhayi-ke, kufanele ngivume ukuthi manje nginezibhamu eziningi ezinhle kakhulu, hhayi ezishibhile, futhi ngabuza umbuzo ofanayo. UNkulunkulu wangenza ngazi ukuthi wayethumele izibhamu eziningi ezibizayo nezinhle ukuze angenze ngibone ukuthi izinsiza Zakhe zaziningi kangakanani, ukuthi ukuhlinzeka Kwakhe kungaphezu kwalokho engangikulindele futhi kudlula kakhulu ukusinda. Ngiyakuthola! Ngiyayibona!

ISAHLUKO 10

IMFIHLAKALO YESABELO ESIPHINDWE KABILI

Manje sengichaze konke kuthi ukuphumula kweSabatha kuyini futhi nokuthi kungenzeka kanjani ngesabelo esiphindwe kibili. Umbuzo okufanele ube sengqondweni yakho uthi, “Ngingena kanjani kusabelo esiphindwe kibili?” Hhayi-ke, ngiyajabula ngokuthi ubuzile! Ukuze sithole impendulo yalowo mbuzo, ake sibuyele endabeni lapho uJesu ondla khona amadoda angu-5,000 ngezinkwa ezhinhanu nenhanzi ezimbili.

*Kwathi sikhathi sesihambile, beza kuye abafundi bakhe.
“Le ndawo iyinhlane,” besho, “futhi isikhathi sesidlulile.
Bamukise abantu ukuba baye emaphandleni nasemizaneni
ezizungezileyo, bazithengele ukudla.”*

*Wayesephendula ethi kubo: Bapheni nina ukudla.
Bathi kuye, “Lokho kungathatha iholo lomuntu ngaphezu
kwezinyanga eziyisishiyagalombili! Siyakuchitha imali engaka
sithenge isinkwa, sibaphe badle na?*

“Ninezinkwa ezingaki na? wabuza. “Hambani nibone.”

Sebazi bathi: Ziyisihlanu—nezinhlanzi ezimbili.

